

UKUHLOLA IZWI LAKHE



Asibe silokhu simile futhi sikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu, siyaKubonga kulokhu ukusa ngenhlanhla yokungena eBukhoni baKho endlini yaKho, lapho abantu baKho bebuthene khona eGameni laKho. Futhi konke kungokwaKho, Nkosi. Futhi sizinikela kuWe manje ngokuba nokulindela lukhulu esinakho ezinhliziyweni zethu nge— ngenkonzo ngalabo abangenaNkulunkulu futhi bengenaKristu, ukuthi bazosindiswa, nabagulayo bazophiliswa, nabangcwele bazobusiswa. Sipe khona, Nkosi. Bese kuthi-ke ekugcineni, sizokhothamisa amakhanda ethu ngokuzithoba futhi sinike Wena udumo ngakho konke lokho Okwenzayo ngathi ngalolusuku. Ngokuba kuseGameni likaJesu esikucela ngalo. Amen. Ningahlala phansi.

² Ngibonga ngempela ngenhlanhla yokuba lapha futhi namhlanje, nangani bantu ohambe ibanga elide kangaka ukuba nizele uMlayezo, ngenkonzo kulokhu ukusa. Ngiyazi anizelanga khona nje ukuba nibone noma nizwe mina, nizela ukuzohlanguka neNkosi uJesu. Futhi ngakho ngethemba ukuthi Izoninika isifiso senhliziyo yenu.

³ Manje sengi—ngibuyile, ngiyabuya, ngithatha umndeni ngiwayisa eTucson ngase ngibuya. Ngikhathele futhi ngikhandlekile. Futhi kade ngihamba lonke ihlobo, kusukela ngoJanuwari odlule, futhi manje ngifikele ukuya ezansi eKentucky kuleliviki, ukuba ngiyozingela nabanye abangane, ukuzama ukuziphumza kancanyana. Kungenza ngeguliswe yimizama kakhulu impela, niyazi, ngakho ngi... UBilly nami sobabili sesithi asiphele, ngakho si—sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosisiza kuleliviki ukuba siziphumuze.

⁴ INkosi ithanda, ngifuna ukubuyela lapha futhi ngeSonto elizayo uma iNkosi ithanda. Futhi ngifuna inkonzo eyisipesheli ngeSonto elizayo. Ngifuna ukwenza into ethize ehluke kancane kunejwayelekile. Manje, ngikhipha lokhu ukuze abantu abebe... ngahle bangabi nalo isasasa bengezukudingeka ukuba beze, kodwa sihlala njalo sikhulekela abagulayo, iNkosi ithanda, uma abantu beza. Futhi ngeSonto elizayo ngifuna ukuthola ukuthi yini esezinhliziyweni zenu zonke. Ngi—ngifuna nibhalabhale, namhlanje, uma senihamba, futhi nikubeke phezu kwedeski, noMfowethu Neville uzozinika uBilly Paul, naye kimi, okusenziliziyweni yakho. Uthi nje... uma kungumbuzo weBhayibheli, ngokwejwayelekile nginakho ngaleyondlela. Ngizokuvula kuthi ukuqhubeka kancane manje, mhlawumbe kukhona inkinga ethize enhliziyweni yakho o— o wena—wena ongakwazi ukwedlula kuyo ngandlela thize, njengaley o nayo, o, mhlawumbe inkathazo yezasekhaya.

Awudingi ukusayina igama lakho kuyo, kodwa nje, “Umyeni wami wenza ukuthi-no-kuthi futhi kuyangivimbela.” “Umkami wenza ukuthi-no-kuthi.” “Futhi—futhi ku—kukhona into ethize eyenzeka empilweni,” noma—noma into ethize, niyazi, lokho nje okusenhliziyweni yakho, into ethize ekukhathazayo. Ngicabanga ukuthi lokho bekungaba kuhle. Nicabanga kanjalo na? Manje-ke tholani lapho, futhi mhlawumbe nibuza umbuzo futhi ngingahle ngiphendulele omunye umuntu. Niyabo, bangahle babe nenkathazo efanayo. Futhi nje lokho okusenhliziyweni yakho, ukufishanise impela nje ngakho konke okunokwenzeka, njengokuthi, “Nginomntwana obonakala ehamba ngokungafanele nje, kufanele ngenzenjani na?” “Ngino—nomyeni ongakhonzi nami. Uyangidlobela, kufanele ngenzenjani na?” Noma inkosikazi ngokufanayo. Noma—noma, niyazi, “IBhayibheli lisho *lokhu* kwenye indawo na *lokhu* kwenye indawo, angikuqondi. Lezi, ngithanda ukwazi ukuthi Lisho ukuthini.” “Futhi ngifanele yini, odabeni lomKristu, uma ngisebenza eofisi nobasi usho izinto ezinje-ne-zinje, futhi ungcicela ukuba ngiye naye ephathini, futhi kulephathi bayaphuza, kufanele ngenzenjani na?” Niyabo, nje, niyazi, izinto ezinjengezisemqondweni womuntu. Sifuna nikwenze.

⁵ Futhi, ngakho-ke, khona-ke ngi—ngifanele ngibuyele emuva-ke, emva kwalokho, eArizona. Futhi ngicabange ukuthi ngiyo—ngiyothola ithuba ukuba ngithi ukunisiza ukuba niqonde, nokwedlula konke engingakwenza. Bengingathanda ukuba nazo zibe ningi impela njengoba bengingaba nazo epulpiti namhlanje ningakahambi. Ibhaleni nje bese niyibeka phezulu lapha, futhi—futhi uMfowethu Neville noma omunye wabo uzozinika mina. Futhi leliviki, ezansi entabeni, ngizoba ne—nethuba ukuba ngiyitadishe bese—bese ngiyikhulekela, bese nginitholela impendulo yangokomBhalo kukho konke engingakwenza, ukuba nginisize. Ngokuba yingakho sibuthene lapha, ngukuba sisizane. Niyabo? Ningisiza njengoba ningikhulekela, futhi ngethemba ukuthi nginganisiza. Manje, bese-ke, ningakhohlwa, kulokho kuzoba ngeSonto elizayo ekuseni.

⁶ Futhi manje, namhlanje, si...yizivakashi nathi, njengokwejwayelekile. Futhi bangaki osuka ebangeni elingamamayela angaphezu kwekhulu, phakamisa isandla sakho? Lelo amashumi ayishiyagalolunye-nesishiyagalolunye amapesente lebandla. EmaSontweni ambalwa edlule, ngathi, “Bangaki ovela *kude le*,” noma okuthize, futhi angitholanga-zandla ezivela eJeffersonville. Hhe! Ngosuku olulandelayo ngasithola, nokho, bathi, “Mfowethu Branham, zonke izivakashi ziyangena,” base bethi, “siyazidedela nje zithathe indawo yethu enkonzweni.” Ngakho bathi ziyafika, amakhulu ayafika futhi awakwazanga ukungena, athi, “Ngoba sizibonile izivakashi, niyabo” Manje, lokho kuhle kubantu baseJeffersonville ngapha.

Si—si—siyabonga ngalokho, Jeffersonville neNew Albany, nabantu abazungezile. Siyabonga ngalokho. Bangaki ovela kude ngamamayela ayinkulungwane? He! Bangaki ovela kude ngaphezu kwamamayela ayinkulungwane, phakamisani izandla zenu? O, bakithi! Lokho kuhle. Lokho ku. . .

⁷ NgeSonto eledlule, kwase kwedlule iviki, ngakhuluma ngendaba, *IKhaya Lesikhathi esizayo LoMlobokazi NoMyeni*, futhi ngicabanga ukuthi sasivela endaweni engamamayela angamakhulu ayishumi nesihlanu isikwele ukujikeleza. Futhi, kwenzeka ukuba kube yi, leso kwakuyisilinganiso impela soMuzi engangikhuluma ngawo, amamayela ayisikwele esingamakhulu ayishumi nesihlanu. Kade ngizitika ngaLokho selokhu kusukele lapho, ngazi ukuthi uma lokhu ukuphila sekuphelile, ngiya kulowoMuzi. Ngigonde kulowoMuzi, futhi akukho okunye okunendaba. Uma-ke ilanga lingakhanyi namhlanje, noma kusasa lingafiki neze, kwenza mehluko muni na? SineKhaya, iNdawo yokuphumula. Sikhathele noma singakhathele, sisalokhu sineNdawo yokuphumula. Wena uthi, “Lelo yiphupho lekhehla.” Qhabo, akusilo. Akusilo. YiQiniso leBhayibheli.

⁸ Ngobunye ubusuku emva kokukhuluma lapha, kwakukhona indoda eyaphuthuma ijika emva komsamo lapha, lapho ngiphuma ngomnyango, kuzanywa ukuba ngikhishwe ngiye emotweni. Nalomfo osemncane wathi, “Ngifuna nje ukusho izwi elilodwa kuwe.” UBilly nabanye babazalwane bezama ukungithatha bangiyise emotweni. Yathi, “Ngingalisho nje izwi elilodwa na?”

Ngathi, “Qhubeka usho, mnumzane.”

⁹ Yayisithi, “Ubukhuluma kulobubusuku, ngokubhavumulela labo besifazane, ngendlela abebegqoke ngayo, begqoke lezozingubo.” Yathi, “Indoda eyintanga yenu ibingakucabanga lokho, kodwa ukuba ubuyintanga yethu ubuyocabanga okwehlukile.”

Ngathi, “Uneminyaka emingaki na?”

Yathi, “Nginamashumi amabili-nesikhombisa.”

¹⁰ Ngase ngithi, “Ngangineshumi, iminyaka eyishumi nanhlanu ngimncane kunawe, ngangishumayela into efanayo. Uyabo?” Ngathi, “Kuyilokho okusenhliziyweni yakho, mfana. Amehlo akho abona ngenhliziyo yakho.” Futhi yavele yagobisa ikhanda layo yase isuka ihamba. Ngigagele akusekho-mpendulo kulokho. Niyabo, kuya ngokuthi okuphakathi *lapha* yilokho okuzophumela *lapha* na *lapha*. Niyabo, uJesu wathi, “Uma usho okwehlukile kulokho okuphakathi *lapha*, khona-ke uba ngumzenzisi.”

¹¹ Ngiyajabula kulokhu ukusa, ndawo thize ebandleni, ukuba no—nomngane wami oligugu elikhulu, umfowethu, uMfundisi ohloniphekile uEddie Byskal nomkakhe nabantwana. Ngibona

sengathi bangene emhlanganweni kulokhu ukusa. Eddie, ukhona na? Bengi—ngicabanga ukuthi u. . . Awu, mhlawumbe akakutholanga ukuthi eze. Mfowethu, o, yebo, le. . . Manje, lelo akusilo ikhona lika “amen,” Eddie. Wemukelekile phezulu lapha emsamo kanye nathi, abefundisi, uma ufuna ukuza. Bese manjেকে besise. . .

¹² UMfowethu Eddie wayekhona ngenkathi iNkosi inginika umbono mayelana nebhere nenyamazane ikaribu. I. . . Bangaki okukhumbulayo lokho ngenkathi nginitshela na? Kulungile, wayelapho. Wayengumfo omncane egqoke iyembe eliyisikoshi, uMfowethu Eddie Byskal. Futhi wama lapho lapho. . . wayesebuza. . . Nga—nga babuza ukuthi babenalo yini iyembe eliyisikoshi, noma yimuphi wabo. “Qha,” akekho owayenalo. Ngathi, “Awu, kungahle. . . Kufanele kube yiyembe eliyisikoshi. Kuzobakhona e—enkulu inyamazane igrizli enezihloko ezisasiliva, no—nolunye uhlobo lwesilwane esinama intshi angamashumi amane—nambili phezu kwezimpondo zaso, ka *nje*, sasibukeka sifana nenyamazane idiye.” Futhi lokho kwakucishe kube yizinyanga eziyisithupha, ngasho lapha, niyazi, ngaphambi kokuba kwenzekke; ubude, zicishe zibe ngaka, o, kuse eli kunalokhu onyakeni.

¹³ Ngase-ke ngimenywa phezulu lapho kulendoda, ukuba ngiyozingela. Angikaze ngibuyele kulelozwe, ngibuyele lapho lapho esaya khona, futhi ngakusho. Kodwa umkhondo omncane, lowo uphezulu le emgwaqeni omkhulu waseAlaska, lapho okungekho lutho khona ngaphandle kwamahlathi nezintaba nezilwane. Futhi ngalobo busuku kwikharaveni ngenkathi ngitshela uMfowethu Byskal emuva lapho no—noMfowethu Southwick, wathi, “Awu ngi—ngi. . . Senyukela ezweni lezimvu,” wathi, “singeke sibe phezulu lapho.”

¹⁴ Ngase ngithi, “Yebo,” ngase ngithi, “kwakungabanye babafa abancane owayenami owayembethe iyembe eliyisikoshi.” Akukho—muntu owayeneyembe eliyisikoshi, uMfowethu Byskal wayengenalo, akukho—namunye wethu owayenalo.

¹⁵ Ubusuku besibili phezulu, kade sikhona, sabona inqama iphezulu le phezu komugqa wemithi yokwenza amapulangwe. Manje, lokho kuphezulu le lapho umuthi wamapulangwe ongamili ngisho khona, lapho okungekho lutho khona kodwa inyamazane ikaribu nemvu, futhi sasibone kude le. Futhi emgwaqeni ezansi ngaleyontambama. UMfowethu Byskal wayekhubeke emanzini wayeseba manzi.

¹⁶ Ngokusa okulandelayo savuka kusesekuseni sase siqala ukulandela izinqama esasicabanga ukuthi sasizozithola. Futhi kweyakhe. . . Sasukuma lapho futhi sasi. . . sesilidlile idina lethu, futhi asizitholanga izinqama, noMfowethu Byskal wayesanda kudubula inyamazane ikaribu. Ngakho kwase kuthi mina, ngiqalaza, sase senyuka, uMfowethu Southwick wathi kimi, wathi, “Ngikholwa ukuthi sizo. . . uma ufuna ukuhamba

uqonde kahle, Mfowethu Branham, sizohamba siwele lentaba, ezansi kulowomnqamulo, lezozinqama ngahle ukuba zawelela lapho,” kuluhambo olude. Kodwa akubi-mnyama mhlawumbe size sihambe kakhulu isikhathi, mhlawumbe kungeleshumi noma eleshumi nanye nqo ngezinye izikhathi.

¹⁷ Futhi kuwuhambo oluhle olude phezu kwalezozintaba ezinamadwala. Ngithanda ukuhamba, futhi ngakho nje simi lapho sigaxene, zombili izintshebe zethu sezibampunga, sigaxene, sikhala futhi sazi, ngathi, “Mfowethu Bud, ngethemba ukuthi ngelinye ilanga, esikhathini esiyiminyaka eyiNkulungwane, ngingazihamba zonke lezozintaba lapho.”

¹⁸ Wathi, “Ngethemba ukuthi nginawe, Mfowethu Branham.” Futhi sasimi lapho, nje sijabula eNkosini. Futhi ngizithanda kahle kakhulu izintaba.

¹⁹ Sasesehla-ke. Lokho kungenkathi uMfowethu Byskal lapho edubula i—i—inyamazane ikaribu. Lokho, uyisithunywa senkolo kumaNdiya, futhi wayefuna ukupha amaNdiya akhe lokhu. Ngakho sehla, sadla idina lethu, sasesiyihlinza inyamazane ikaribu sase sibuya.

²⁰ UBud nami sasenyuka siqamula intaba, futhi ngenkathi kwenzeka sibuka ngale, nasebangeni, ngezibuko zami, ngasibona lesisilwane engangisibonile, endaweni nje obona kuyo ndawo zonke, njengoba nganitshela lapha. UMfowethu Byskal lapho, emi eduze kwethu ngqo. Futhi ngakho ngathi, “Naso lesosilwane.”

²¹ Wayesefaka izibuko, wayesethi, “Ngenkulukazi, endala, inyamazane ikaribu eyinkunzi enkulukazi.”

²² Ngase ngithi, “Angikaze ngibone, ngangicabanga ukuthi zazinezimpondo eziyisikwele.” Kodwa lena yayinezixhobo, yayinikumfo obukeka eyinqaba, njengoba ngabona nje embonweni. Angikaze ngiyidubule inyamazane ikaribu ngaphambili.

²³ “Ngakho, awu,” wathi, “uma iNkosi ikunika yona,” wathi, “kukhona nje. . .”

²⁴ Ngathi, “Yebo, lokho kubophezelekile ukuba kube yiyo. Into kuphela engimangalayo ngayo yileloyembe eliyisikoshi.” Ngase ngiqalaza, noMfowethu Eddie, kufanele ukuthi lafakwa umkakhe, wayelapho kanye naye, kufanela ukuthi walifaka esikhwameni sakhe sewuli. Ngenkathi ebamanzi kuthangi, wayeshintshe amayembe, futhi kwakukhona iyembe eliyisikoshi. Ngathi, “Yilo leli.”

²⁵ Ngenkathi ngiwelela futhi ngathola inyamazane ikaribu, yena, uBud, wathi kimi, wathi, “Manje, Mfowethu Branham, uthi lezizimpondo zingama-intshi angamashumi amane-nambili na?”

Ngathi, “Yilokho eziyoba yikho.”

Wathi,” Bekubukeka kimi sengathi amashumi ayisishiyagalolunye-nambili,”

Ngathi, “Qhabo. Zingama-intshi angamashumi amane-nambili.”

²⁶ Wathi, “Manje, ngokwalokhu ongitshele khona, ngaphambi kokuba sibuyele kulowomfana ezansi lapho egqoke iyembe eliyisikoshi, uEddie,” (lapho ababezohlangana nathi ezansi phansi kwentaba, amamayela athi awabe mabili), ngathi, “uzobulala ibhere elimpunga.”

Ngathi, “Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.”

²⁷ Wathi, “Mfowethu Branham, ivelaphi na? Ngiyakwazi ukubona emamayeleni angamashumi amahlanu nxa zonke.”

²⁸ Ngathi, “Usenguye uJehova-jire. INkosi ingazihlinzekela Yona, uyabo. Ingenza izingweje zibe khona. Uma Ingenza inqama ibe khona, uma Ikukhulumile mayelana nebhere, ibhere lingaba khona.”

²⁹ Thina sizama ukuthwala lenyamazane ikaribu esindayo siyehlise, umklomelo, siwehlisa entabeni, futhi ngangithwele isibhamu ingxenye yesikhathi, bese-ke yena ethwala isibhamu, futhi ngokushintshana. Futhi ngenkathi sesicishe impela sifike entabeni yeqhwa enkulu, ngani, safika phansi kwalokho. Kwakuthi ukushisa, sangena entabeni yeqhwa yo ayisi, sasesihlala phansi lapho isikhashana ukuba siphole. Wathi, “Uyazi, Mfowethu Branham, asingaphezu cishe kwemayela okulapho uEddie noBlaine bekhona, labobafana ababili, bemi. Ibhere elidala kufanele ngabe seliyabonakala.”

Ngathi, “Bud, ngikholwa ukuthi uyakungabaza.”

³⁰ Wathi, “Mfowethu Branham, umfowethu wayenesithuthwane iminyaka eminingi kakhulu. Futhi wake wangitshela, isikhathi sokuqala phezulu lapha, ngenkathi sehla siya kwenye indawo, wangitshela ukuthi lowomfana wayebukeka enjani.” No Eddie wayegibele eseceleni kwami impela lapho, ehhashini, ngenkathi iNkosi inikeza umbono. Futhi ngabatshela ukuthi akwenziweni ngomfana, nesithuthwane sayeka. Futhi manje wathi, “Ngeke ngakungabaza.”

³¹ Ngathi, “Bud, angazi ukuthi ibhere livelaphi.” Kodwa ngangithi angibe namashumi amahlanu, senginamashumi amahlanu-nanhlanu manje, ngakho lokho sekube yiminyaka emithathu eyedlula. Ngangithi angibe namashumi amahlanu-nambili noma amashumi amahlanu-nantathu. Ngathi, “Angikaze ngiLibone lehluleka. UNkulunkulu uzonginika lelobhere elimpunga ngaphambi kokuba ngithole labobafana.” Futhi sase sicishe impela sibe sezansi ukuya lapho isihlahla esincane isprusi nomuthi wokwenza amapulangwe kuqala phakathi.

³² Ngezansanyana phansi kwegquma, sasesicishe impela singene emthini wokwenza amapulangwe, wahlala phansi. Kwakunguyena owayethwele umklomelo ngalesosikhathi, ngangiphethe isibhamu. Wayesethi, “Lelobhere elidala lifanele ngabe seliyabonakala, alifanele na?”

Ngathi, “Lizobakhona. Ungakhathazeki.”

Wathi, “Ngibona onke amagquma.”

³³ Ngathi, “Ngi . . . Kodwa ngiyasibona isithembiso!” Niyabo? Niyabo, Uthembisile. Ngathi, “Ayi . . .” Ngathi, “Bud, yini leya ehlezi khona lapha na?”

³⁴ Wabuka, wathi, “Ngelikhulu elimpunga elinezihloko ezisasiliva.” Ngathi, “Yilo lelo.” Ngenkathi sithola elimpunga sase sibuya . . . Ngakhumbula embonweni ngakutshela, nganginovalo ngesibhamu. Kwakungesincanyana i.270, izinhlamvu ezincane, niyabo. Kuseteyipini. Futhi ngalithola ibhere, emayadini angamakhulu amahlanu nje, njengoba Lasho. UBud wathi, “Kungcono ulidubule lelobhere ngemuva.” Wathi, “Sewake walidubula elimpunga ngaphambilini na?”

Ngathi, “Qhabo.”

³⁵ Wathi, “O, awakwazi ukuthi ukufa kuyini!” Ngakufunda lokho kamuvanyana. Ngakho wathi, “Awahlakazwa ngukwethuka,” wathi, “kungcono ulidubule.”

Ngathi, “Ngokombono, ngalidubula enhliziyweni.”

³⁶ Wathi, “Awu, uma lowombono washo njalo, ngizoma ngakuwe.”

³⁷ Ngase ngithi, “Nakhu la esiya khona.” Sase sisondele kakhudlwana, futhi ngenkathi ngisukuma, ibhere langibona. Yilokho elalikusuka, ukuba lihlasele. Futhi nga—ngalidubula ibhere, akubonakalanga sengathi kulilimazile ngisho. Nanti liza! Futhi ngaphambi kokuba ngikwazi ukufaka enye inhlamvu esibhanyini, ibhere lafa cishe amayadi angamashumi amahlanu ukusuka kulo.

³⁸ UBud wayemhlophe wonke umlomo, wathi, “Mfowethu Branham, bengingalifuni emathangeni ami.”

Ngathi, “Nami bengingalifuni.”

³⁹ Wathi, “Ngiyajabula lowombono wathi ulitholile.” Wathi, “Manje, uma lokho, uma lezozimpondo zingama intshi angamashumi amane-nambili, ngizoba ne . . .” Ngizokusho ngendlela akusho ngayo, wathi, “Ngizoba nesithuthwane esikhala kakhulu.”

⁴⁰ Ngathi, “Awu, usunaso khona manje, ngoba yilokho okuzoba yikho.”

⁴¹ Ngenkathi sehlela kwaMfowethu Eddie, ngathi kuMfowethu Eddie . . . Sakhunga amahashi, ayelesaba ibhere. Futhi, o, he, ayezolizwa ngephunga. Asikwazanga ukulihlinza, isikhathi

sase sihambe kakhulu; kwadingeka sibuye ngakusasa. Sase-ke sigqashula intambo cishe kashumi, namahhashi ebaleka ndawo zonke. Ngakho manje-ke sehlela lapho, wathi. . . Wehla wase ethatha iteyipu yokukala esikhwameni sesihlalo sakhe sehhashi, wathi, “Blaine.”

⁴² Ngathi kuMfowethu Eddie, ngathi, “Bhekisisani lesosandla esincane manje, ngokwe. . .” Ngangicabanga ukuthi kwakungahle kube uBilly Paul, isandla esincanyana sibamba iteyipu yokukala izungeze uphondo. Ngathi, “Bhekisisa lesosandla esincane,” sashaya uMfowethu Eddie. Sahlehlala emuva. Wayibeka yaze yafika phezulu ngqo ka *njalo*, khona impela ekhaleni, ama intshi angamashumi amane-nambili. Niyabo, khona impela. UJesu akehluleki neze! LeloZwi alisoze lehluleka inqobo nje uma livela kuNkulunkulu.

⁴³ Ngisanda kubona nje phakathi kwethu, uMfowethu noDadewethu Jackson base Ningizimu Afrika. Ngiqagele bethuliwe. Futhi—futhi wethuliwe, Mfowethu Jackson na? Kulokhu ukusa, sukuma, wena noDadewethu Jackson. Ngithanda nje ukuba babone. Mfowethu, Eddie, nangu uphathini ongumzingeli omdala ovela eNingizimu Afrika, futhi, ezansi le. INkosi ikubusise, Mfowethu Jackson noDadewethu Jackson, sijabula kakhulu ukuba nibe nathi lapha. Nabo bonke abefundisi endlini phakamisa isandla sakho, wonke osenkonzweni yobufundisi. Awu, lokho kuhle futhi kuhle kakhulu, kuhle. INkosi inibusise. Siyajabula ukuba nani nonke lapha. Ngizoba nomugqa womkhuleko emizuzwini embalwa, ngakho a—angi. . . Ngifisa sengathi benginganimisa nonke bese nenyuka bese ningishumayelela. Sijabula kakhulu ukuba nani, nonke.

⁴⁴ Uma, ngicabanga ngokwethembeka kwenu, no—nokuza esizweni sonke, kanjalo njalo, ukuzongizwa ngikhuluma ngaleyoNkosi uJesu othandekayo, ukwethemba kwenu eninako ukuthi Uyayizwa imikhuleko yami. Kade ngikhuluma emizuzwaneni emibili nje eyedlule ezingxoxiswaneni zangasese elungeni elithize lalelibandla, akungaphezu kwemizuzu engamashumi amane-nanhlanu edlule, umama odabukile. Futhi lapho nje sengiqala ukusho into ethize kowesifazane, (angazi noma ubengafuna yini ngisho ukuthi ubengubani noma qha), nakho kufika lokho kuKhanya okufanayo enikubona kulesosithombe. Bekukuyo yonke indawo, uhambe ejabule. Sijabula kakhulu, namhlanje, kulonyaka ogudlukayo esiphila kuwo, lapho okungaba l’khuni khona ukubeka ithemba kunoma yini, sinoMbuso ongeke wagudluka, ongeke wanyakaza. OngaNyakaziseki! hhayi idwala laseGibraltar, kodwa ukukholwa kwethu kungaphumula ngesizotha phezu kweDwala lemiNyaka, phezu kuka Jesu Kristu, iDwala lensindiso elinganyakaziseki.

45 Ngifuna ukubonga udadewethu olethe ibhokisi elingunxantathu neBhayibheli kulo lomkami olapha. Weyenze isivumelwano eNkosini ngalelibhokisi elincane. Ubelilondile. Linenye. . .njengezithombe zakudala kulo. Futhi wacela iNkosi. . . Ubelilondile ibhokisi kakhudlwana impela, mhlampe. Ibhokisi elincane elejwayelekile nje esimweni sesivivane. Futhi waliletha lineBhayibheli kumkami. Ngiyabonga, dadewethu. Zonke izipho zenu ezincane nezinto enizinika uBilly Paul nalabo, zifika kimi. Ngiyabonga ngakho konke. UNkulunkulu abe nani.

46 Ningakhohlwa manje, ngeSonto elizayo ekuseni. Kothi nje kungaphela inkonzo namhlanje, ubhalabhale umbuzo wakho. Uma ungeke wakwazi, uwulethe ngeSonto elizayo ekuseni. Ngiyofika ngaphambidlana kwesikhathi, bese-ke nithi abawulethe ekamelweni, ukuze ngibe nesikhathi ukuwunika isendlalelo somBhalo. Futhi sizophendula imibuzo ngeSonto elizayo ekuseni, iNkosi ithanda.

47 Manje, kukhona amaduku amaningi ebekwe lapha. Futhi ngiwafuqela emuva, ukuze nje ngibeke amanothi ami—ami phansi lapha, nokwami. . . neBhayibheli lami, ngakho, noma iBhayibheli lami namanothi ami, njalo, ukuze ngikwazi ukuba nendawana. Kodwa ngi. . . Ngikhulekela ngalinye.

48 Ngizofaka umbhalo phansi emanothini ami, nginesikhathi esifishane nje. Ngeke nginhlalise njengoba ngenza okokugcina ngenkathi ngilapha, emahoreni amane. Ngizenzele isithembiso, uma ngiteyipe noma yikuphi okunye kanjalo, ngizoziteyipela yona mina lapha, noma enye into ethize, ukuze nginganhlalisi isikhathi eside kangako.

49 Ngabe uDr. Lee Vayle ukhona kulokhu ukusa na? Bengifuna ukucela ukuthi uDr Lee Vayle. . . Ukhona, Mfowethu Vayle na? Phakamisa isandla sakho uma ukhona. Ngabe ungemuva na? Kulungile, ngiyabonga, Mfowethu Roy. Futhi ngifuna uqiniseke ukuba uhlole lawomanothi, Mfowethu Vayle. Undawo ndawo ezixukwini emuva lapho engingakwazi ukubona khona, noma ehholo. Sifanele sibhekisise, ngeke sadedela abanengi kakhulu bame, isikhulu sezomlilo ngeke sisivumele ukuba senze lokho, niyabo, futhi sinjalo-ke. Ngifuna uhlole isambulo sami eNzalweni yeNyoka, ukuba kujovelwe kowokuqala, uNyaka weBandla lase-Efesu uyayibhala, ubuye abeke kahle ukubhalwa kolwimi. Kwenziwe kahle! Futhi ngifuna ukuhlola lokho futhi omunye ake asho okuthize okuphikisana neNzalo yeNyoka manje (noma kwakulungile, noma qha)! Ngakho iNkosi inginike khona izolo nje, niyabo. O, kungaphambili le! Ukuthi ngiwuthola kanjani umlayezo, ngisuke ngizihambela futhi Into ethize ishaye kimi. Bese. . . Futhi uma ngazi ukuthi nguNkulunkulu, ngiyokuthatha bese ngikuthola emBhalweni. Bese-ke ngiba ne. . . Akwehlulekanga neze, kodwa, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni, kuhamba ngeqiniso,

akunandaba ukuthi abantu bacabangani ngaKho. Futhi bekuba kakhulu kanjalo kunanini selokhu kwaba yilezoziMpawu eziyisiKhombisa. Niyabo, lokho kwakwenza ngalesosikhathi. Ngakho iNkosi inibusise manje njengoba sitadisha. Manje ekuhlonipheni iZwi. . .

⁵⁰ Futhi ngikholwa ukuthi omunye, unjiniyela, noma ngubani okukho, kubuye kubuye kancane lapha emisindweni. Manje niyezwa emuva, kahle na? Phakamisani izandla zenu uma nizwa. Kuhle!

⁵¹ Manje asiphenye eBhayibhelini, ezindaweni ezimbili emBhalweni, futhi ngizozama ukukhipha umlayezo futhi ngiphume ngesikhathi, uma iNkosi ithanda. Futhi manje asiphenye kuMarku, isahluko 5, nakumaKhosi okuQala, isahluko 10; uMarku, isahluko 5; amaKhosi okuQala, isahluko 10.

⁵² Manje, kodwa mayelana nesihambi esingahle sibe phakathi kwamasango akithi, lokhu, sifaka uSonto Sikole wethu eklasini elilodwa elikhulu. Nalelo yileliklasi lapha, ngoba izindlwana zigcwele zonke zinabantu futhi asikwazi ukuba namaklasi avamile ehlukene, futhi sitadisha kancane eZwini, sibe nenhlanganyelo ndawonye. Asi. . . Asisilo nayiliphi ihlelo. Asinahlelo. Sikhululekile nje eNkosini, futhi asisho sona isigejane sobuhlanya. Sifundisa iBhayibheli nje, futhi Lelo lodwa. NeNkosi inhle kakhulu kithi, Ize ikwesekele futhi ikhombise ukuthi lokho kuqinisile. Futhi Kusinika induduzo enkulu.

⁵³ Futhi manje ne—nemukelekile ukuba nibe phakathi kwethu noma ngasikhathi sini. Manje, angikho lapha ngaso sonke isikhathi, kodwa sinabanye abelusi abanomoya omuhle lapha; uMfowethu Neville, omunye wabelusi bethu; uMfowethu Capps, omunye wabelusi bethu; noMfowethu—noMfowethu Collins, uWilbur Collins, omunye, abelusi bethu. Bese kuthi-ke sibe nabehlukene abavela ezingxenyeni ezehlukene, amabandla ethu amancane esihambisana nawo. Uma nikhona ngapha e—eTexas, izelamani zakwaMartin lapha, noMfowethu. . . Ubani umfowethu oza nawe lapha na? Angimboni uMfowethu Blair kulokhu ukusa. O, Mfowethu Blair, angikubonanga, Mfowethu Blair. Mfowethu Ruddle, khona ngemuva lapha, elinye lamabandla ku 62, elinye lamabandla azalwa lapha. UMfowethu Junior Jackson, ehlezi khona ngakuMfowethu Blair, sengiyambona manje, elinye lamabandla ethu azalwa kithi. Futhi sinamabandla konke ezweni avela ndawo zonke.

⁵⁴ UMfowethu Jack Palmer, esendleleni yakhe enyuka, ngiqagele bebegijima kakhudlwana, ngemoto entsha yomfana wakhe, uhlobo lwe, niyazi, ethi ukuphuma kancane emigomeni yejubane, futhi waba nengozi. Walimala umhlathi wakhe, futhi akakwazanga ukufika, ubuyeke ekhaya. Ngakho uyelulama. NoMfowethu Ben, lapha, omunye wabazalwane bethu

enhla eKentucky lapha, umshayele ucingo kulokhu ukusa ukubona uma ibikhona imali abebeyidinga noma yini ibandla ebelingabasiza ngakho, uthi yonke into ibihamba kahle. Futhi ubejika ejikeni ngejubane elikhulu kakhulu, wayeseshaya umgubane, futhi wafihliza umhlathi wakhe noma okuthize. Futhi bashaye ucingo besezansi lapho, ngenkathi ejikisa imoto yakhe iyongena esigxotsheni noma okuthize, futhi—futhi washaya ucingo ukuba akhulekelwe.

⁵⁵ UMFowethu Billy Collins naye, siyazi, ufihlike isithupha sakhe kabi kabi, wephuka ithambo kuso, ngiyezwa, futhi badingeke ukuba basihlele kahle. Ngakho sifuna ukumkhumbula emkhulekweni.

⁵⁶ Futhi manje isizathu sokuba sime. Uma sithembisa ukwethembeka, amaflege edlula, kumbe noma yini, njalo siyama sishaye indesheni, noma isaluthe, noma sime, okungenani, ukukhombisa izinhlonipho esizweni sakithi, okufanele sikwenze, naseflegini lakithi. Futhi manje-ke kuthiwani ngeNkosi yethu, uma sifunda iZwi laYo na? Asime manje njengoba sifunda uMarku nNgc. 5, futhi siqala ngevesi 21. Qaphelani ngokusondela manje njengoba sifunda:

Khona uJesus eseye ewelele ngaphesheya ngomkhumbi, kwabuthana isixuku esikhulu kuye: engaselwandle.

Futhi, bheka, kwase kufika omunye wabaphathi besinagoge, nguJayiru igama lakhe; owathi ukuba ambone, waziphonsa phansi ngasezinyaweni zakhe,

Wamncenga kakhulu, wathi, Indodakazi yami isiyalela: ngiyakuncenga, ake uze ubeke isandla—izandla phezu kwayo, futhi ukuba . . . sindiswe, iphile.

UJesus wahamba naye; isixuku esikhulu samlandela, samcindezela.

Owesifazane othile, owayenomopho iminyaka eyishumi nambili,

Ehluphekile ngokuningi ezinyangeni eziningi, echithile konke ayenakho, engasizakalanga ngalutho, kepha kwayilokhu kuqhubeka,

Esezwile ngoJesus, weza esixukwini ngasemuva, wathinta ingubo yakhe.

Ngokuba wathi, Uma kodwa ngingathinta nje izingubo zakhe, ngizakusindiswa.

Kwanqamuka masinyane umthombo wegazi lakhe; wezwa emzimbeni ukuthi uphulukile enhluphekweni yakhe.

Wanele ukuzwa uJesus, phakathi kwakhe ukuthi amandla aphumile kuye, waphendukela . . . esixukwini, wathi, Ngubani othintile izingubo zami na?

Abafundi bakhe bathi kuye, Uyabona isixuku sikucindezela, usuthi, Ngubani ongithintileyo na?

Waqalaza ukuba ambone owenzile lokhu.

Khona owesifazane esaba ethuthumela, azi okwenzekile kuye, weza waziphonsa phansi phambi kwakhe, wamtshela iqiniso lonke.

Wayesethi kuye, Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba ube-nokuthula, usuphulukile enhluphekweni yakho.

Esakhuluma, kwafika abomphathi wendlu wesinagoge bathi, Indodakazi yakho isifile: usamkhathazelani uMfundisi na?

Kwathi ukuba uJesu ezwile amazwi elishiwoyo, wathi kumphathi wesinagoge, Ungesabi kholwa kuphela.

Akavumelanga-muntu amlandele, kuphela oPetru, . . . Jakobe, . . . Johane umfowabo kaJakobe.

Wafika, fika endlini yomphathi wesinagoge, wabona isiyaluyalu, na lapho . . . futhi nabakhalayo nabalila kakhulu.

Wangena, wathi kubo, Niyaluzelani, nikhalelani na? intombazana ayifile kodwa ilele.

Bamhleka usulu. Kepha yena wabakhipha bonke, wathatha uyise nonina nentombazana, wentombazana (njalo), kanye ke nababenaye, wangena lapho kulele khona intombazana.

Futhi Wathi entombazaneni, futhi U . . . (ngiyaxolisa) . . . wabamba intombazana ngesandla wathi kuyo, Thalitha kumi; okungukuthi, ngokuhunyushwa, Ntombazana, ngithi kuwe, vuka.

Yayisivuka masinyane intombazana, yahamba; ngokuba yayineminyaka eyishumi nambili. Khona bamangala ngokumangala okukhulu.

Wabayala ethi ukuba lokhu kungaziwa-muntu; futhi wathi mayiphiwe ukudla.

⁵⁷ ENcwadini yamaKhosi okuQala, isahluko 10, sifunda lamavesi amathathu:

Inkosikazi yaseSheba isizwile ngodumo lukaSolomoni ngegama leNKOSI, yeza ukumvivinya ngemibuzo elukhuni.

Yeza eJerusalema inehle elikhulu kakhulu, namakamela ethwele amakha, . . . golide eliningi kakhulu, namatshe ayigugu: isifikile kuSolomoni, u . . . yakhuluma naye ngakho konke okusenhliziyweni yayo.

*USolomoni waphendula imibuzo yonke yayo—
yayo: kwakungekho-nto eyayifihlelwe inkosi,
engayitshelwanga.*

58 Asikhuleke.

Nkosi Jesu, njengoba sifunda lezizindaba zeBhayibheli, izinhliziyi zethu zigxunyiswa yinjabulo. Ngokuba siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi Awukaze uguquke. Awuziguquli neze izindlela zokwenza zaKho, Awuziguquli neze izindlela zaKho, Uhlala unguNkulunkulu kuze kube-phakade. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoletha ukuhumusha kithi kulokhu ukusa, kwalemiBhalo ukuthi Uzozazisa, ukuze izinhliziyi zethu zahlulelwe, uMoya oNgewele omkhulu uzofika phakathi kwethu namhlanje futhi wahlulele imicabango yethu nezinhliziyi zethu. Futhi kwangathi kungesale lutho, ukuthi izinhliziyi zethu azizuku...zizogwala kakhulu injabulo uma sesisuka lapha ukuthi sizosho njengalabo ababevela e-Emawuse ngalobo busuku, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Wena uhlala njalo unguNkulunkulu, futhi singabantwana baKho abalambile sibuthene kulokhu ukusa. Ngokuba, kulotshiwe, “Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Sibusise ekubuthaneni kwethu ndawonye nabo bonke lababantu, Nkosi, oza amamayela ne, yebo, izinkulungwane zamamayela. Siyakhuleka, ukuthi lapho sebeya emakhaya, izinhliziyi zabo zizokweneliseka ngezinto ezinhle zesihawu nomusa kaNkulunkulu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

59 Indikimba encane eyinqaba, amazwi amathathu engifuna ukukhuluma kuwo kukho konke lokhu ukufunda. Ungahle uthi, “Leyo yinto encane kabi, amazwi amathathu kukho konke lokho okufundile, izingxenye zezahluko ezimbili zeBhayibheli.” Kodwa ngi—ngikwenzele isendlalelo lokho ukuthatha amazwi amathathu: *Ukuhlola iZwi laKhe*.

60 Niyazi, kukhona umBhalo eBhayibhelini, kwabaseThesalonika bokuQala 5:21, lapho okulotshwe khona, “Hlolani konke, nibambisise okuhle.” Uma noma yini ihlolwa, iyoba phakathi kokuthi ihlolwa iba “yiqiniso” noma iba “yiphutha.” Futhi uma kukhona noma yini esembuzweni, ifanele ihlolwe uze uthole ukuthi yikuphi okuyiqiniso. Bese kuthi-ke lapho usuthola ukuthi yikuphi okuyiqiniso, Lathi, “Nibambisise.” Ngamany’amazwi, “Kubambe ngqi, ungakudedeli. Kubambisise!” Ngamany’amazwi, “Kubambe kuqine, ukuze kungaphunyuki.” Nibambisise kulokho okuhle, emva kokuba sekuhloliwe kwaba “yiqiniso.” Futhi noma yini ehloliwe yaba “ngengesilo iqiniso,” khona-ke idedele ngokukhulu ukushesha ongakwenza, suka kuyo. Ungabambeleli neze entweni eyiphutha.

⁶¹ Manje, kungenzeka ukuthi amaKristu okuqina, abantu abahle, babambelela ngezinye izikhathi, babambelela entweni eyiphutha, becabanga ukuthi ilungile. Kodwa ke lezizinto zifanele zihlolwe, ukuthi ngabe zi “qinisile” noma zi “yiphutha.” Futhi kungumsebenzi wethu sonke, njengoba silindele ukuya eZulwini uma uJesu efika. Futhi kungumsebenzi womfundisi, uma kuphakanyiswa noma yimuphi umbuzo, ukuthi uyakuzazulula lokhu, bese-ke ekuhlola phambi kwabantu, ukuze baqonde, ngoba akekho ofuna ukutholwa “enephutha,” ebambelele entweni eyiphutha.

⁶² Ngakho sinomBhalo (noJesu wathi, “yonke imiBhalo ifanele igcwaliseke”) ukuthi sifanele sihlrole konke. Bese kuthi-ke, “sibambisise,” noma, “sibambe kuqine, sibambelele kukho ngqi okokufa. Futhi singakudedeli, nibamisise okuhle.”

⁶³ Ngiyakhumbula esikoleni, ngafunda okuthize, nabaningi benu bafunda isifundo esifanayo. Uma usuxazulule inkinga, wayisebenza, ungathatha impendulo bese uyihlola ngenkinga. Bangaki abake bakwenza lokho na? Nonke, kusobala. Manje-ke—manje-ke awudingi ukuba ukhathazeke noma impendulo yakho iqinisile noma qha, inkinga iyimpendulo ehlowe yinkinga. Ngakho-ke, uyazi ukuthi iyimpendulo eqinisile. Uma zonke ezenu esileytini senu noma ishadi zihloliwe, inkinga ihlolwe nge...impendulo ihlolwe ngenkinga, khona-ke uyitholile. Akekho ongathi iyiphutha, ufanele uthole... Futhi uma wenza umsebenzi wakho ngobunono nangokuyikho, nangendlela okufanele wenziwe ngayo, nempendulo yakho ihloliwe, ungahlala uqhiyame futhi uphumele unesiqiniseko ukuthi uzothola u A kulokho, kuleloshadi lephepha ophendukela kulo, ngoba ihloliwe, yahlolwa ngenkinga.

⁶⁴ Manje, kukhona futhi isaga esidala esithi, “Kuhlrole, futhi ngizokukholwa.” Manje, banesinye sesifundazwe sakithi, esinye sezifundazwe zakithi esizweni, banesiqubulo, “NgingowaseMissouri, ngikhombise.” Niyabo, ngamany’amazwi, “Kuhlrole kufakazeleke kimi, ngingowaseMissouri.” Kodwa lokhu akusebenzi njalo, ngoba uNkulunkulu u, kuwo wonke unyaka, gwalise futhi wawuhlola umsebenzi Awuhlelele lowonyaka, futhi wawukhuluma eZwini laKhe. Futhi ngaso sonke isikhathi iZwi likaNkulunkulu elihloliwe onyakeni, iningi ngesibalo liLenqabile. Ngakho, “Kuhlrole kufakazeleke, futhi ngizokukholwa,” akunjalo. Ungaba nokukholwa kuphela njengoba uNkulunkulu ekunika ukukholwa. Ukukholwa kuyisipho sikaNkulunkulu. Noma ngabe ungaba nokukholwa kanjani, nokho kufanele kuthathe i...ufanele ube nokukholwa. Futhi ukukholwa kwakho kungaphumula kuphela, uma ungumKristu, phezu kweZwi likaNkulunkulu elihloliwe.

⁶⁵ Manje, khumbula, uNkulunkulu wabela iZwi laKhe onyakeni ngamunye, futhi washo kungakenzeki ukuthi

kuyokwenzekani kulonyaka othize Ayekhuluma ngawo. Manje, ukuba uMose wayefike nomlayezo kaNowa, wawungeke usebenze. Ukuba uJesu wayefike nomlayezo kaMose, wawungeke usebenze. Noma umprofethi oyedwa wafika nomlayezo womuny'umprofethi, wawungeke usebenze. Kodwa ngabaprofethi baKhe, Wembule ububonke babo bonke ubuYena necebo laKhe. Ngakho-ke iBhayibheli lingebe yizwi elilodwa lenezelelwe kuLo noma iZwi elilodwa lisuswe kuLo.

⁶⁶ Ngakho uma uhlola inkinga yakho ngeyakho . . . impendulo yakho ngenkinga yakho, pho kungani ungahloli i—impendulo manje esiyithola ngeZwi lalonyaka na? Uma iBhayibheli likhuluma ukuthi into ethize izokwenzeka kulonyaka, iseBhayibhelini futhi izokwenzeka. Manje-ke uma impendulo yakho ozama ukuyitshela abantu, uma ihlolwa ngeNcwadi, khona-ke iyiqiniso, iyiqiniso. Kungenjalo, ayisilo.

⁶⁷ Manje sibona okunye, bese wena, akungabazeki, nibazwile bethi, “Ukubona ngukukholwa.” Leso ngesinye isaga esidala esinaso lapha, kodwa lesa asisebenzi naso. Asisebenzi, ngoba umuntu angahlala futhi abuke ngokuqonde ngqo noma yini futhi ngeke bayibone. Igama “bona,” igama lesiNgisi “bona” linezincazelo eziningi kakhulu kulo. *Ulwandle* lungahle luchaze “umzimba wamanzi.” Futhi ukubona kungahle kuchaze “ukuqonda.” *Ukubona* kungahle kuchaze “ukukubheka.” Futhi, o, kukhona nje zonke izinhlobo zamagama ongazisebenzisa. Kodwa uma uthi, “ukubona kungukukholwa,” unephutha.

⁶⁸ Uma ukuqonda, uyakukholwa. UJesu wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha angewu *bone* uMbuso kaNkulunkulu,” ngamany'amazwi, “*aqonde* uMbuso,” ngoba uMbuso nguMoya oNgewele kuwe. Ngakho ufanele uqonde ukuthi lokhu kukuwe. Futhi indlela kuphela oyokuqonda ngayo, ngukuqhathanisa ukuthi yini ekwenza wenze ngakho iBhayibheli elathi liyokwenza ukwenze. Khona-ke inkinga yakho isixazululiwe, niyabo. Futhi, manje-ke, UyilowoMoya oNgewele.

⁶⁹ Ngakho, ukubona akusikho ukukholwa. Ngingakufakazisa lokho ngemizwa yomzimba, niyabo, ukuthi ukubona akusikho ukukholwa. Ngeke ngalibona lelibhodlela lamafutha. Bengingeke ngilibone ngoba lisemva kwami, nokho nginomuzwa wo—wokuthinta ongitshela ukuthi nginalo lisesandleni sami. Niyabo? Manje, bengingeke ngilibone, akunakwenzeka. Futhi manje ngeke ngafinyelela kulo, akunakwenzeka, futhi nokho ngiyakukholwa. *Lokhu*, ukubona kungukukholwa; *lokhu*, ukuthinta ukukholwa. Manje ngivala amehlo ami, bengingelibone noma ngilithinte, kodwa uma ngilisondeza futhi ngikwazi ukulihogela, ngisalokhu ngikholwa ukuthi likhona. Ngakho, “Ukukholwa kuyizinto ezithenjwayo, ezingubufakazi obubonakalayo,” akubonwa, kunambithwe, kuthintwe, kuhogelwe, noma kuzwiwe. Uyakukholwa! Futhi ukukholwa kufanele kube nendawo yokuphumula. Futhi noma yini

ephambene neZwi likaNkulunkulu, ukukholwa kuNkulunkulu ngeke kwaba nendawo yokuphumula ngaphandle uma kuyisithembiso sikaNkulunkulu. Futhi lapho kuthatha isinqumo sakho saPhakade.

⁷⁰ Kodwa ebusweni bazozonke lezi un-. . . iminyaka yokungabaza nezinto esedlule kuzo futhi saphila kuzo namhlanje, okubi ukwedlula konke, ebusweni bakho konke lokhu ukungabaza, uNkulunkulu uyaqhubeka ngqo efakazisa ngokuhlola ukuthi amaZwi akhe aqinisile, njengobaENZile yonke iminyaka. U. . . Ukungakholwa akummisi uNkulunkulu, akuMvimbeli. Angikhathali ukuthi izwe alikholwa kangakanani, Kusazolokhu kwenzeka. Ukungakholwa akwenzi lutho kuphela kulahla ikholwa ngecala. Ukungakholwa kuyothumela ongakholwayo esiHogweni. Kuyomphanga zonke izibusiso uNkulunkulu amethembisa zona, kodwa akumvimbeli uNkulunkulu ekuqhubekeni ngqo nekhohla. Niyabo, ukungakholwa akummisi uNkulunkulu, kuphela kumisa ongakholwayo.

⁷¹ Wena uthi, “Ngi. . . Ilanga alizukukhanya kusasa, ngizolimisa.” Kuzame. Niyabo? Kulungile, ungeke wakwenza. UNkulunkulu ulimise ngokuhlelekile futhi wathi liyokhanya, futhi lizokhanya, yilokho kuphela, Wathi liyokhanya. Kungahle kubekhona amafu ngaphansi kwalo, kodwa lisalokhu likhanya ngokufanayo nje. Futhi ungeke wammisa uNkulunkulu ngalokho. Yena, i. . .

⁷² Ulenza kanjani iZwi laKhe laziwe kubantu na? Kuqala, uNkulunkulu azi ukuthi kwakuyoba khona abangakholwayo. . . Manje bhekisisani ukuhlakanipha kukaNkulunkulu; azi ukuthi kuyobakhona abangakholwayo, nokuthi iningi ngesibalo liyoba kanjani ngabangakholwayo. Yena, ngokwazi ngaphambili, wamisela ngaphambili imbewu yawo wonke unyaka, eyoLikhohla. Manje uma nizoqaphela phakathi lapho, ngokuba, unyaka ngamunye uqhubeka ngqo neZwi laKhe, yonke into ngaso impela isikhathi esiyiso, akukho lutho oluvimba uNkulunkulu. Uqhubeka ngqo, futhi konke ukuthi cha cha cha kuhamba kahle impela nje. Sicabanga ukuthi, ngezinye izikhathi, akuzukusebenza kahle. Kodwa ungakhathazeki, iwashi laKhe elikhulu libekwe esikhathini kahle impela nje ekwehlukaneni kwamanje, futhi yonke into isebenza ngokuyikho impela nje.

⁷³ Uma ngiqalaza ngesinye isikhathi bese ngibona laboRickys noRickettas esinabo namhlanje, nasemgwaqeni, nokuthi yonke into iqhubeka kanjani. Ngiyacabanga, “O Nkulunkulu!”

⁷⁴ “Awulinde umzuzu,” Uthi, uyabo, “Isikhathi saMi sewashi siphenduka kahle impela nje. Ngifanele ngikubeke phezu kwezisekelo Engenza ngakho ngomuntu wokuqala, lezozinsuku. Futhi Ngibeka nina ezisekelweni ezifanayo zikaLuther, nasezisekelweni ezifanayo zikaWesley.” Ngoba,

niyabo, isono sasingakaziwa ngaleyonkathi njengoba sesinjalo manje. Futhi uma sesithole ukwazi okuningi manje kunoma sasinakho ngaleyonkathi, futhi uma isitha singena njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu uvusa ibhanela limelane nawo. Niyabo? Futhi manje namhlanje, sesinokwazi okuningi kakhulu, ukuqonda okuningi kakhulu, ngakho imifula yokungakholwa ugeleza ungena ngamandla, kodwa uNkulunkulu uvusa ibhanela ukumelana nawo. Kodwa, khumbulani, Uhlala njalo... Isizathu sokuba A—Amisela ngaphambili lezizinto ukuba zenzeke. Wazisho zingakenzeki ngabaprofethi baKhe ukuthi zazizokwenzeka. Futhi uma abalungileyo bebona lezizinto ziqiniswa, khona-ke bayazi ukuthi Liqinisile. Kungakhathaleki ukuthi noma ubani omunye uthini, bayazi ukuthi Liqinisile.

⁷⁵ Siyathola lapho kwa—kwa—kwa, ngiyakholwa, kukwabaseThesalonika bokuQala, Wathi, “Usimisele ngaphambili ukuba sibe nesimo sobuntwana ngoJesu Kristu.” UNkulunkulu, engasho khona ukuthi, “Ngizokhetha wena, futhi ngingakukhethi wena,” kodwa ngokwazi kwaKhe ngaphambili wazi ukuthi wena uyokwenzani. Ngakho ngokwazi ngaphambili Angabeka ngokuhlekile, futhi Wenze yonke into ukuba isebenzele okuhle kwaKhe, nangokuhle kwakho.

⁷⁶ KuGenesisi, uNkulunkulu watshela uAdamu noEva ukuthi kwakuyokwenzekani ngenkathi bengalikhohla iZwi laKhe. Manje, Wabeka okulungile nokungalungile phambi kwabo, Wayesethi, “Mhla niwudla, ngalowomuhla niyokufa.” Futhi uNkulunkulu wayeqonde khona impela nje Akusho. Uhlala ekwenza njalo, Uqonde lokho Akushoyo.

⁷⁷ USathane wamholela ekungaLikhohleni, ngokuba uSathane uqobo lwakhe akazange aLikhohle neze. AkaLikhohla, ngakho wamholela ekutheni akukholwe. Futhi usenza into efanayo, futhi ufundisa abanye okufanayo, futhi abaLikhohla njengoba enza owesifazane. UNkulunkulu waqinisa abantu baKhe emva kweZwi laKhe, leso yisona sivikelo kuphela. Hhayi ihlelo lakho, hhayi uyihlo noma unyoko, kulungile, kodwa emva kweZwi likaNkulunkulu. Yileyondawo ikholwa elivikelwe ngayo, emva kweZwi. Ngenkathi lowomgwaqana ophahlwe yizihlahla ubhidlizwa lapho, unokuncane “angazi noma ngabe Liqinisile noma qha na? Lingahle lingabi njalo,” kungena ukuzindla futhi kwathatha indawo yokukholwa, bephula imigoqo. NoNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, WaLenza. USathane wazama ukumthola ukuba akholwe... angaLikhohla.

⁷⁸ Noma, ukuzindla, ungazindli ngaLo! Wena—wena uthi, “Awu, ngikhohla...” Awunalungelo. Uma uNkulunkulu esho noma yini, ngendlela nje—nje Asho ngayo, yileyonto yokuba yenziwe. Wena uthi, “Awu, ngicabanga...” Kodwa awunamcabango ofikayo. Mawube kini lowomqondo

owawukuKristu. NoKristu uyiZwi! Malibe kini iZwi. Onke amany'amazwi awabe yiphutha, amaZwi kaKristu liqinisile! Abanye bayamkholwa nayo yonke imizindlo yakhe, njengoba enza owesifazane, ukuzindla, "Awu, kungani uNkulunkulu enza lokhu na? Manje, *lokhu* akukuhle yini nje njengaLokho na?" Uma kuphambene neZwi, akukuhle! Ngakho, noma yini, noma yimuphi umfundisi, noma yimuphi umhlathi weBhayibheli, noma yini enye iyonifundisa noma izame ukunithola ukuba nikhohle noma yini ngomthambo owodwa omncane ohlukile kulokho leliBhayibheli elikushoyo, kungukufundisa okungamanga. NguSathane, futhi, njengoba kwakunjalo impela nje kuEva. UNkulunkulu uqhubeka ngqo, akunandaba ukuthi wenzani, ukuthi uSathane wenzani, uNkulunkulu uqhubeka ngqo efakazisa ukuthi Linjalo.

⁷⁹ Manje bukani ukuthi wathini kuEva, "Aniyikufa nokufa. Niyohlakanipha." Yilokho izwe elikufunayo namhlanje, ubufakazi besayense, ukwazi okuthize komuntu. Futhi wathi, "Aniyikufa nokufa."

⁸⁰ Kodwa uNkulunkulu wathi, "niyofa," futhi uNkulunkulu wakufakazisa ukuthi kunjalo. Futhi singakubona. Wayekuqonde ngempela Akusho. Yenyukela lapha emangwabeni, uzokwazi noma Wayequonde khona ngempela noma qha. "Mhla niwudlayo, niyakufa ngalowomuhla." Futhi uma wenyukela lapha futhi uhlole noma yimuphi umuntu ofuna ukumhlola, wanoma yimuphi unyaka, kwakungakaze kubekhona-muntu owake waphila iminyaka eyinkulungwane. UNkulunkulu walifakazisa ukuthi linjalo iZwi laKhe, Uyokwenza ngaso sonke isikhathi.

⁸¹ Kodwa, khumbulani, Uzigcina zonke izithembiso zaKhe zesibusiso kanjengoba Enza ngeziqalekiso zaKhe. Ngoba bayadla kuwo, ngalowomuhla bafa; futhi Uyakufakazisa kini, ukuthi bayafa ngalowomuhla abawudla ngawo. Futhi Ugcina lonke iZwi Alisho mayelana nezibusiso zaKhe. Zonke izithembiso, uNkulunkulu uyazigcina! O, ngiyakuthanda lokho. Ufanele ukhethe ukuthi yikuphi okufunayo: izibusiso zaKhe, ngokukholwa; noma iziqalekiso zaKhe, ngokuLiphendukezela. Uma uLiphendukezela futhi ukholwa nguhlangothi oluphendukezelwe laLo, khona-ke uqalekisiwe. Uma uLikhohla ngendlela nje Aliloba ngayo, futhi ubambebele kuLo, khona-ke ubusisiwe. Futhi Lihlala njalo liphambene nesayense, njalo liphambene ne—nendlela yesayense yabantu yokukhombisa izinto. Ngokuba Uligcina lonke iZwi, kokubili kwezibusiso zaKhe neziqalekiso zaKhe.

⁸² Uma owesilisa nabesifazane sebene kakhulu ezweni lamandulo phambi kukazamcolo, u...ngokumelana neZwi laKhe leqiniso, uAdamu noEva bona ngokumelana neZwi leqiniso. Kodwa, futhi zonke izizukulwane ezabalandela ziqala ukwenza into efanayo, Wamemezela ukufa phezu kwabo, futhi ekugcineni kufika kokuphelele, ukubhujiswa nya

okuphelele kwayo yonke into emhlabeni, yambozwa ngamanzi, kwakhukhulwa nya ngamanzi.

⁸³ Manje, uNkulunkulu ofanayo owaletsa ukubhujiswa nya okuphelele kukho konke phezu komhlaba, yonke imifino, zonke izidalwa ngaphandle kwalokho Akugodlile futhi wakuthatha ngaphezu komhlaba, konke Akwethembisa ukuthi Wayezokwenza, ukuthi Ukwenzile. NoNkulunkulu ofanayo owethembisa amanzi, futhi wagcina iZwi laKhe, uNkulunkulu ofanayo uthembisa umlilo, futhi Uyoligcina iZwi laKhe. Uyoligcina iZwi laKhe.

⁸⁴ Manje, manje Wenzani na? Balazi kanjani iZwi laKhe na? Ngoba yona impela indlela yaKhe yokwenza, yokuzifakazisa Yena ngaphambi kokuba enze noma yimuphi umonakalo, noma enze noma yikuphi ukwahlulela, njalo Uthumelela abantu iZwi, futhi njalo wexwayisa abantu. O, ngiyakuthanda lokho! Khona-ke singabona impela lapho esikhona.

⁸⁵ Kwakukhona zonke izinhlobo zabefundisi nezinhlango ezingososesheni emihleni kaNowa, futhi kwakukhona zonke izinhlobo zezinkolo emihleni kaNowa, ngokuba uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Kodwa lapho kwafika enkundleni, umprofethi, wayeseqala ukwenza into ethize, waqala ukwakha umkhumbi. NoNkulunkulu wathumele umprofethi waKhe, uNowa, ukufakazisa ukuthi Wayethumele iZwi laKhe, futhi abatshela ukuthi kwakuza imbubhiso, ukuthi Wayengenakuyimela indlela a—abantu ababenza ngayo, ukuthi Wadingeka abhubhise umuntu Ake amdala.

⁸⁶ Manje, iZwi leza kumprofethi, njalo, Akaguquki neze. UMalaki 3, wathi, “NginguNkulunkulu, Angiguquki.”

⁸⁷ UNowa wathunywa onyakeni wesayense, noMlayezo ongesiwo owesayense. UNowa wathunyelwa onyakeni wezihlakaniphi, enoMlayezo ongesiwo owezihlakaniphi. Wathunyelwa onyakeni wesayense, ngenkathi enoMlayezo wokukholwa nesithembiso onyakeni wesayense. Ngakho naningakholwa yini ukuthi unyaka wesayense wawuzokholwa uMlayezo na? Unyaka wesihlakaniphi esikhulu, manje-ke ubungakholwa ukuthi babeyoba nokukholelwa entweni eyayibukeka ingubuthutha ngokoqobo emqondweni womuntu na? Kodwa uNkulunkulu njalo ukwenza ngaleyondlela. UNowa wayengumprofethi weNkosi oqinisekisiwe, futhi nguMlayezo kaNkulunkulu wehora. Wafanele akukholwe lokho, abantu babefanele bawukholwe uMlayezo wakhe emva kokuba eseqinisekisiwe ngokweNkosi, ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe.

⁸⁸ Manje kuyinto efanayo namhlanje. Sisesikhathini sokuphela. Manje, labobantu bebefanele bazi, niyabo. Manje, niqaphelile, uNowa wayeyisifanekiso samaJuda

ayowezwa edlule eNhluphekweni. UEnoke wayeyisifanekiso so—soMlayezo wangempela, sokuhlwithwa kweBandla, ngokuba uEnoke wakhushulwa kwase kufika uzamcolo. Futhi bobabili. . . Umprofethi wokuqala, uEnoke, wasuswa endleleni ukuze uNowa akwazi ukuqhubeka nabakhe—nabakhe. . . uNkulunkulu akwazi ukuqhubeka noNowa. Futhi manje iBandla lizosuswa ukuze uNkulunkulu akwazi ukusebenzana futhi namaJuda, insali yamaJuda, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, njengoba sedlulile kukho emiBhalweni lapha.

⁸⁹ Kodwa ebusweni bawo wonke owesayense, unyaka wokungakholwa, uNkulunkulu walifakazela iZwi laKhe lesithembiso ukuthi liqinisile, ngokubathumela uzamcolo. Manje, khumbulani, ngemihla kaNowa, lalingakaze line phezu komhlaba. UNkulunkulu wayenenkungu eyayikhuphuka ivela emhlabeni nokunisela ngenkasa, kodwa alizange line. Kodwa uNowa wathi, “Lizokuna.” Manje lokho kwaku. . .

⁹⁰ Babengathatha ithuluzi bese bedubula phezulu ezibhakabhakeni, futhi bathi, “Akukho—mswakama phezulu lapho. Akukho—mvula lapho. Singafakazisa ukuthi akukho—mvula lapho.”

⁹¹ Kungakhathaleki ukuthi isayense yathini, uNkulunkulu wathi, “Lalizokuna,” ngakho lokho kuyakwenza. Manje, wenzani uNkulunkulu na? Ngokubona kwami, uma abanye babo bezamazamisa izwe kancane futhi bakuphosa kwaphuma emgudwini wakho, kwase-ke kuphosa ngemuva *ngapha*, ukushisa komhlaba ekubandeni, kuphela kwakuletha u—umswakama. Nezwe lalimbozwe lonke, kuqala, nemimoya evunguzayo phezulu lapho, ukuswakama emoyeni, kuhlanguana ndawonye nje esimweni sefu bese kudedeleka kwehla, kwakuyilokho kuphela.

⁹² Manje siyazi namhlanje, ukuthi kukhona umlilo phezulu lapho, ngoba amagesi asemhlabeni. NeBhayibheli lathi, “Kodlula amazulu nomhlaba ngenhlokomo, nomhlaba uyakusha wonke ubhidlike.” Ngakho siyazi ukuthi uphezulu lapho, ngakho ngokufanayo nje njengoba kwakunjalo ngemihla kaNowa.

⁹³ Futhi manje khumbulani, uMlayezo kaNowa wawungokukholwa kuphela, futhi hhayi ngokufakazwe ngokwesayense. Kodwa, namhlanje, uMlayezo ungokweZwi likaNkulunkulu, futhi wafakazelwa ngokwesayense. UEliza ufika kuqala, enza izimangaliso, engenzi kushumayela; nje ehamba izindawo ngezindawo, enza izimangaliso. Ngesikhathi esilandelayo, ufika esesimweni sikaJohane umBhaphathizi, ufika engenzi zimangaliso, eshumayela nje. Futhi ngesikhathi sesithathu uyafika, kukhona kokubili izimangaliso nokushumayela. Niyabo? Niyabona ukuthi kuyini na? Bhekisisani ukuthi imiBhalo ihamba kanjani ngokuqhubeka. Besingachitha nje inqwaba yesikhathi

kulokho, kodwa singeke, sizokweqa, ngoba ngikholwa ukuthi niyawuthola umqondo.

⁹⁴ Wenza kulowonyaka njengoba Enza nje kuyo yonke iminyaka, futhi njengoba Ezokwenza, njengoba Ethembisa ukukwenza nje. UNkulunkulu uthembisa noma yini, manje-ke Uyehla futhi ufakazela iZwi laKhe ukuthi liqinisile. Wonke lowo okholwayo, wonke lowo okholwa uMlayezo walowonyaka, uyangena futhi wasindiswa. Kuyoba njalo kunoma yimuphi unyaka. Bonke abangawukholwanga uMlayezo nesithunywa, babhubha.

⁹⁵ Futhi bonke abalikholwa ngokweqiniso iZwi likaNkulunkulu namhlanje, bayokhishwa. Wonke lowo ongalkholwa iZwi likaNkulunkulu, uyobhubha kanye nezwe, ngoba bangabezwe, nayo yonke into esezweni ifanele ibhubhe kanye nezwe. Futhi konke okusindisiwe kuNkulunkulu, kufanele kube kuNkulunkulu, kungeke kwabhubha, “Ngiyobanika ukuPhila okuPhakade, futhi ngibavuse ngomhla wokuphela.” Manje, indunduzo enje pho kuwo wonke okholwayo, ukwazi, uma ukuKristu, ukuthi njengoba impela nje njengoba uNkulunkulu egcina iZwi laKhe futhi ebhubhisa izwe, Uyaligcina iZwi laKhe futhi uvusa abantu baKhe futhi abasindise. Uyakufakazisa.

⁹⁶ Uyalifakazisa iZwi laKhe lesithembiso liqinisile kuAbrahama onyakeni wakhe. Qaphelani, kwakungesikho okwesayense, onyakeni ka-Abrahama, kumuntu ominyaka iyikhulu ubudala, nowesifazane enamashumi ayisishigalolunye, bona ukuba babe nengane, sebedlule le ebudaleni. Kodwa uAbrahama wayengenakukuchaza. Wayengaya kudokotela, futhi athi, “Dokotela, kunokwenzeka na?”

⁹⁷ “Akunakwenzeka!” Hamba uye esibhedlela futhi ulungiselele umama ukuba abe nengane, kumbe noma ngabe bekungaba yini uma ufuna ukukuqhathanisa nalonyaka, bebeyombiza ngohlanya, “Ulahlekelwe yingqondo.”

⁹⁸ Kodwa uNkulunkulu washo! Futhi u. . . IBhayibheli lasho kwabaseRoma, isahluko 4, ukuthi “UAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo. Ngokuba wakhuthazela sengathi uyaMbona Ongabonwayo, futhi weneliseka, wabambebelela.” Bambisisa, ngokuba wayeqinisekile kulokho uNkulunkulu ayekuthembisile, uNkulunkulu wayekwazi ukukwenza! Futhi sifanele ukuba ngabantwana bakhe. Amen! Manje ngizizwa nginenkolo, ngifakwa umfutho, ukucabanga ngalokho nje! O, Wakufakazisa, emva kwayo yonke leyominyaka, Waphendula uAbrahama, noSara wabuyela ekubeni ngowesifazane osemusha, futhi waba nengane. Futhi uAbrahama noSara baphila. . . Iminyaka engamashumi amane-nanhlanu kamuva, uSara wafa, futhi uAbrahama wabuye waganwa emva kokuba esebe neminyaka eyikhulu namashumi

amane-nanhlanu ubudala, futhi waba namanye amadodana ayisikhombisa ngaphandle kwamadodakazi akhe. Kanti, wayesedlule ekuzaleni, wayeyinyumba, wa—wayengenambewu, kungasekho-kuphila okusele kuye, cishe impela eminye iminyaka eyikhulu ngaphambi kwalokho. Amen! Ngani na? Kanakanga umzimba wakhe uqobo, kanakanga ukufa kwesizalo sikaSara. Wanaka kuphela lokho okwashiwo nguNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezokufakazisa Akusho. Amen! UNkulunkulu uyakufakazisa Athi Uzokwenza. Phakathi kokungesikho okwezesayense nokwezesayense, na—naphakathi kwanoma yini, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu uyafakazisa ukuthi Uqinisile, njalo uyalifakazisa iZwi laKhe. Uqinisile, bonke abanye banephutha.

⁹⁹ Futhi WaLifakazisa kuLoti, ngenkathi Eth, “Uma ungaphumi kulomuzi, ngizowushisa.” Futhi Watshela uAbrahama, uma wayenga “thola umuntu abayishumi,” Wayezowuyeka umuzi. Futhi akabatholanga umuntu abayishumi, ngakho Walifakazisa iZwi laKhe ukuthi laliqinisile.

¹⁰⁰ “Uvelaphi umlilo na? Awukho phezulu lapha kulezizinkangala, phandle lapha kulemigodi yodaka oluyinjimbilili.” Kodwa uNkulunkulu washo njalo, noAbrahama wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. ULoti wayazi ukuthi Lalinjalo, futhi waphunyuka waya entabeni.

¹⁰¹ Wethembisa inzalo yakhe ukuthi iyoba yisihambi ezweni labezizwe, futhi yahlulelwe ngokungesikho ngabantu, futhi babezogogobala, inzalo ka-Abrahama, iminyaka engamakhulu amane phakathi kwezihambi, abantu abayizihambi. Futhi Waligwalisa iZwi laKhe ngakho impela nje lokho Athi Ayezokwenza. Inzalo ka-Abrahama yagobala eGibhithe iminyaka engamakhulu amane. Wethembisa, futhi, ukubakhulula ngesandla esinamandla. Isandla esiqinile, Wayezokhulula abantu baphume ebugqilini baseGibhithe. Futhi Waligcina iZwi laKhe. Bukani ukuthi Wadingeka ukuthi enzeni ukuthola labobantwana behlele eGibhithe. Kwakubukeka sengathi babehlelewe yinhlekelele, yayehla, nayo yonke into.

¹⁰² Kwakubukeka sengathi ku...kwakukubi kabi kuJosefa ukuba athathwe ngokuthi ufile, noIsaka bandla...noma uJakobe, uyise. Noma uIsaka, uyise...njalo, kuJakobe, kwakunguye, uIsaka wayengumkhulu wakhe. UJakobe, uyise, ukukholwa ukuthi indodana yakhe uqobo yayibulawe yizilwane. Kwakul'khuni kanjani kuJosefa omncane ukuba azi ukuthi umfo omncane bandla, ekude le kubantu bakubo, ekhashelwe ngabafowabo, waphoswa emgodini, kuthathwa ngokuthi ufile, kwabekwa igazi lemvu phezu kwebhantshi lakhe, lapho, babebulale iwundlu ukuba balidle, babeka igazi phezu kwalo base beliyisa kuyise, futhi bazi konke lokhu. Kodwa uJosefa wayekwazi ukukhumbula into eyodwa,

ukuthi isandla seNkosi sasiphezu kwakhe. Wayazi ukuthi wayeyikholwa. Akunandaba ukuthi abafowabo bamkhipha kanjani, ukuthi lwalungekho kangakani ubambiswano noma lutho olunye, uJosefa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe. Ngenkathi ebona lowombono wabo bonke bemkthothamela, wazi ukuthi lokho kwakufanele kufezeke ngoba kwakunguISHO KANJE INKOSI. Amen. Angikhathali ukuthi kwakubukeka kungenangqondo kanjani, uJosefa wazi ukuthi kwakuyiqiniso. Akunandaba ukuthi lowomsebenzi ayethweswe wona wawul'khuni kangakanani, nokuthi yini ayedingeka edlule nayo, wayazi ukuthi ngelinye ilanga bonke babeyokhothama phambi kwezinyawo zakhe. Uzokwenza kanjani kanti babemzonda na? Kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezolifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo, ngaso sonke isikhathi.

¹⁰³ Kanjalo Uzokwenza namhlanje! UNkulunkulu uzolifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo, akunandaba ukuthi isayense ithini, “Ngeke kwenziwa.” Ukuthi sifundiswa, sithole ukuba yizihlakaniphi kanjani, ukuthi amabandla acezukele kanjani e—esigejaneni esinokuba yiso ngegama nje kanjalonjalo, uNkulunkulu usayolokhu elifakazisa iZwi laKhe ukuthi “liqinisele.” Ziphumulele kuleloZwi ngqo.

¹⁰⁴ Yebo, kuningi kakhulu uJosefa ayezodlula kukho, kodwa, ukwehla ayongena eGibhithe, kodwa uNkulunkulu wamkhipha njengalokho impela nje Asho; isifanekiso esihle impela sanamhlanje, ukuba besinesikhathi ukuba singene kukho. Ngikholwa ukuthi sedlulile, ngaphambili, lapha etabernakele, sedlule kukho. Kodwa uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, ngoba, babefanele bahlale ezansi lapho. Kwakul'khuni kulabobantwana bamaHeberu ezansi lapho ebugqilini baseGibhithe, ababekade bebuisiwe futhi baphiwa isithelo sezwe, indawo enhle kunazo zonke, iGosheni, ukuthola ukuthi babezoba yizigqila; nalabomama ukuba banikelwe ezandleni zesosha laseGibhithe, isithelo sesizalo sabo, ingane yabo encane ethandekayo, futhi ukulibona limi lapho, lithatha umese omkhulu futhi nje liyiqhaqha bese liyiphosa emhlabathini, liyipha izilwane ezisangwenya. Manje, kwakuyinto el'khuni kubo, ukuba bedlule kulokho.

¹⁰⁵ Kodwa ngeliny'ilinga inzalo emiselwe ngaphambili yazalwa, umntwana owayengumntwana omuhle. Kwakukhona okuthize ngaye okwakubonakala kuxakile. Phandle kwingemuva logwadule, ngeliny'ilinga, uMoya oNgcwele wehla ngesimo seNsika yoMlilo futhi wahlala esihlahleni, wawusuthi, “Ngizizwile izibubulo zabantu baMi, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi. Nesikhathi sokukhululwa sesiseduze, futhi Ngithumela wena ezansi lapho ukuba ukwenze.” Nenduku esandleni sakhe, umkakhe egibele umnyuzi, ingane yakhe isemathangeni akhe, wakwenza ngamandla kaNkulunkulu

uSomandla. Into ehlekisa ukwedlula konke, yayi—yayizoba yini induku egwegwile emikhontweni eyizinkulungwane eziyishumi na? Kodwa, niyabo, uNkulunkulu ukuyo. Kuya ngokuthi iZwi laKhe likuphi. UMose wayeneZwi laKhe, uFaro wayenemikhonto. UMose wayeneZwi.

¹⁰⁶ Yilokho kuphela ayekudinga, kwakuyiZwi. Yilokho kuphela okudingayo namhlanje. Akusizo izincwadi ezichaza ngawe ezivela kwelinye ibandla. Awulidingi ihlelo ukuba likwesekela. Udinga iZwi, ukuthatha uHlwitho ngaLo. Awudingi izincwadi ezithize ezichaza ngawe. Awudingi omunye umlando omude wesikole esithize, ukuba uphiliswe kulokhu ukusa. Udinga ukwemukela iZwi, kwenziwa yilelo!

¹⁰⁷ Anilidingi izwi likadokotela. Uma udokotela ethi wenze konke okusemandleni akhe, yilokho kuphela angakwenza. Uma ethi unomdlavuza, isigaxa, uba yimpumputhe, uyisithulu, isimungulu, noma ngabe kuyini, lokho akunandaba. Uma beningathatha leloZwi kulesosithembiso esivuthayo sesihlahla ngaleya, amen, into ezokwenzeka! UNkulunkulu uzolifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo, ngaso sonke isikhathi eLemukelwa ngaso ohlobweni oluyilo lomhlabathi. Yilokho enikudingayo, iZwi laKhe. UyaLifakazisa, UyaLigcina. Ungaphumula ube nesiqiniseko ukuthi Liqinisile.

¹⁰⁸ Uyalifakazisa iZwi laKhe kuyo yonke iminyaka, ngendlela engejwayelekile ukwedlula zonke, kodwa Uhlala ekwenza njalo, ngendlela efanayo. Niyabo? Wenzani ngemihla kaNowa, nxa Elungiselela ukukhulula insali na? Wabathumelela uNowa, umprofethi. Wathuma uNowa, isibonakaliso.

¹⁰⁹ Futhi manje qaphelani, nxa Efika ukuzokhulula abantwana bakwaIsrayeli, Wenzani na? Indlela yaKhe efanayo, Uthumela umprofethi waKhe. Umprofethi waKhe uneZwi. Izibonakaliso nezimanga zeZwi elithenjisiwe kuyaleseka, ukuthi yiQiniso impela. UIsrayeli wenza ukumasha kwakhe eya ezweni lesithembiso, ngoba basikholwa.

¹¹⁰ Futhi ohambweni lwasehlane, kwafezeka ukuthi abamkholwanga lomprofethi, emva kokubona iZwi liqinisekiswa kanjalo, uMlobokazi waphuma esinyathelweni (niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, embonweni, niyabo, “waphuma esinyathelweni”). Kwakukhona oyedwa esukumile, ogama linguJoshuwa, noKalebi, futhi walikholwa iZwi elithenjisiwe ukuthi liqinisile, kungakhathaleki ukuthi imininingwane wawunjalo.

¹¹¹ Bhekisisani ngenkathi befika eKadeshi-barineya. EKadeshi-barineya, uMose wathuma oyedwa ephuma esizweni ngasinye, ukuba bahambe bayohlola izwe, babone ukuthi yiyiphi indlela ababezongena ngayo. Futhi wathuma induna yakhe, uJoshuwa, owayengumprofethi, ngakho wathuma umprofethi

omncane phansi kukaMose. NoJoshuwa wamlalela uMose. Futhi bamthuma bamkhipha, ngakho wathi, “Wela futhi uhlole izwe.”

¹¹² Nenduna yaphuma yase izicoshela umuntu esizweni ngasinye, base besuka bahamba. Yathatha uKalebi, ubhuti wayo oseceleni, ngoba yayazi ukuthi uKalebi wayekholwa. Bawelela ezweni lesithembiso, base bebuya nesixheke samagrebhisi athathe umuntu ababili ukuwathwala. Uthi, wathi manje, “Ukuze uIsrayeli ezoba nobufakazi obubonakalayo ngaphambi kokuba baze ngisho bangene esithembisweni. Niyabo, bazoba nobufakazi obubonakalayo ukuthi uNkulunkulu wathi liyizwe elihle, futhi ligewaliswe ngobisi noju. Yizwe elikhulu. Liyizwe elihle. Manje okwenu...o, wonke logaliga omdala, uliki, nanoma yini eninayo lapha eGibhithe. Manje siniyisa ezweni elonobisi noju. Mhlawumbe anikaze ninambithe nokukodwa, ubisi noma uju, ezansi lapho eGibhithe yonke leminyaka. Baninika nje okwelesheni leziqgila. Kodwa manje niya kulelizwe.” Ngakho nje ngesikhathi abangena ngaso cishe uhambo losuku olulodwa, lapho iKadeshi-barineya, isihlalo esikhulu sokwahlulela sezwe esasikhona, bama phansi kwala—lamasundu amakhulu phandle lapho, imithombo, base bekhempa. Wathi, “Manje, ukwazisa abantu manje...” Bhekisisani obuphelele, ukuthi obangempela, ubufakazi obubonakalayo obuphelele kanjani, ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani lokho njengoba Enza nje namhlanje. Wathi, “Manje, uNkulunkulu wathi, ‘Izwe likhulu.’ Manje, ngaphambi kokuba niwele, Ngifuna nibone ukuthi izwe likhulu. Ngakho hambani niNgibuyele nobufakazi obuthize obubonakalayo bezwe bese nibukhombisa abantu.”

¹¹³ Ngakho bakhuphukela lapho. Futhi, manje, njalo uma ufika uzobuya nobufakazi obubonakalayo, lapho isitha siqamekele emgwaqeni. Ngenkathi abanye babafu bebuka ngale futhi babona lezoziqhwaga zaseKhanani, o, he, bathi, “Ngeke sakwenza.” Kodwa babuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi izwe lalikhona. Babengakaze baholwe ngokwamanga. UNkulunkulu wayefakazisa kubo iZwi laKhe, ngisho ngaphambi kokuba bangene ezweni.

¹¹⁴ Aniboni yini, namhlanje, ukuthi uma nizoshayela amamayela ayinkulungwane ukuzozwa iZwi, futhi niLibhekisise lifakaziswa futhi liqiniswa, kungubufakazi obubonakalayo ukuthi liyiZwe elikhulu na? Ningasibona isithunzi somuntu silele, sibulawa ngumdavuzwa, “Asindiswe.” Futhi sibona amaZwi kaNkulunkulu Awakhuluma ayezokwenzeka osukwini, eqiniswa, kungubufakazi obubonakalayo ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Kukhona iZwe elikhulu. Uma ukuphila kwami sekuthi akuphele nje, noNkulunkulu ehle bese eyakuphilisa futhi, lokho kukhombisa ukuthi kukhona ubufakazi obubonakalayo bokuPhila okuPhakade. Lapho, owake awangalubhada emnyango

waleyondlu yokukhonzela, manje usumi emgqeni ukuba ungene kuyo. Kungubufakazi obubonakalayo. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe futhi uyaLifakazisa kini, ukuthi Liqinisile.

¹¹⁵ Nishayela amamayela ayizinkulungwane; niphumele lapha ekuseni futhi nibuke phandle lapho futhi nibone labobantu befunza izingane zabo ngebhodlela likaCoca-cola, ukudla okuncane okusanhlamvu isireli, cishe ngelesihlanu nqo ekuseni, behlezi esizeni. Ngacabana, “Nkulunkulu, ngingaba ngumzenzisi ophansi kunabo bonke ezweni, ukudedela labobantu bahambe lonke lelobanga, futhi ngibatshela into eyiphutha. Ngokuba ngiyabezwela, inhliziyo yami iyabezwela. Balambele futhi bomele uNkulunkulu. Ngisize, Nkosi, ukuba ngibatshela iQiniso, noma ungisuse kulelizwe. Mangitshela labobantu iQiniso, ngisize kanjalo, Nkulunkulu.” Ngathi, “Wena bamba isandla sami, futhi mangazi ukuthi liyini iQiniso, bese-ke ngesekela lokho ngesiqiniseko sokuthi engikushilo kuyiQiniso, ukuthi bazokwazi ukuthi LiyiQiniso. Ungavumeli ukuba labobantu bandla badukiswe. Qhabo.” Inhliziyo yami iyizwela kanjani into enjengaleyo, ukubona abantu abethembekile!

¹¹⁶ Ngibona sengathi uJoshuwa wacabanga into efanayo, ngalolosuku ngenkathi ebaqoqa, wababona bewasha izingubo zabo phandle futhi belungela ngosuku lwesithathu. Yebo, Wakufakazisa. Manje uJoshuwa wathi ini? Ngenkathi bethi, “O, ngeke sakwenza. Nje ngeke wakwenza. Sizodingeka siphume enhlanganweni yethu. Se—se—sesiphelile. Niyabo, besingeke sakwenza manje. Nje ngeke sakwenza lokhu, ngoba akunangqondo.” Futhi ngenkathi uJoshuwa ebaholela enhla lapho, kwakungenyanga ka-Apreli, ngenkathi amanzi ayephakeme, neJordani lalithi alisondele impela ekutheni libebanzi njengoMfula iOhio. Kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wayenze iphutha elibi kabi.

¹¹⁷ Niyazi, ngezinye izikhathi wena uyagula, bese uthi, “Awu, ngingumKristu. UNkulunkulu, We—Wenze iphutha, Uvumela ukuba ngigule, futhi ngingumKristu.” Awuqondi yini ukuthi iBhayibheli lathi konke kuyosebenzelana kube ngokuhle kubo othanda uNkulunkulu na?

¹¹⁸ Ngenkathi uJoshuwa ebaholela lapho, manje, iJordani libohla ngempela. Ungakwazi ukugxambuza kulo cishe impela noma yikuphi ujikeleze, ngaphandle uma uzithela embotsheni yamanzi lapho okujule khona ngempela; ungahle ukwazi, futhi nawo onke amazibuko amancane nezinto khona lapho e—ezingwini lapho iJeriko lalikhona. Ngani, lona, ngani ungaxambuza uliwele, akujulile kakhulu ngaphezu kweqakala, ushayele nje uliwele ngemoto ijiphi, ushayele, ugibele uliwele, uhambe uliwele, noma yini. Kodwa wabaholela lapho ngalesosikhathi sika-Apreli, ngenkathi izwe elinezikhukhula laba nezikhukhula lapho cishe imayela impela. Amanzi cishe ayejule ngamafidi angamashumi amathathu noma amashumi

amane phakathi lapho. Futhi wathi, “Usuku lwesithathu, siyawela. UNkulunkulu usho njalo! Biza abantu babuthane futhi ubangcwelise, ngokuba, usuku lwesithathu, uwela iJordani.” Niyabona ukuthi uNkulunkulu uyivumela kanjani leyonto yenzeke na? Ukuba nje akwenze, enze abantu... Ukuhlosha isixuku saKhe nje. Benzani na? Bazingcwelisa base belungela, kungakhathaleki ukuthi amanzi ayejule kanjani, nokuthi ayenodaka kanjani, nokuthi umsinga wawushesha kanjani. Niyabo, babazi ukuthi uNkulunkulu wayezolifakazisa iZwi laKhe.

119 Akunandaba uk’thini, ukuthi usondele kangakanani eJordani, akunandaba ukuthi imininingwane yakho uyini, uma kuphela ubungabambelela kulesosithembiso sikaNkulunkulu enhliziyweni yakho, uNkulunkulu uyokufakazisa, ukuthi Linjalo. Phakathi kwakho konke ukungakholwa, Uyolokhu eLifakazisa ukuthi linjalo. Yebo, Uyakwenza. Nemininingwane ayiMvimbi, Uyolokhu enza okufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi.

120 Qaphelani, kwakungamakholwa aKhe Afakazisa iZwi laKhe ngawo. Angafakazisa kuphela iZwi laKhe...hhayi ngabangakholwayo, kungabakholwayo kuphela Angafakazisa iZwi laKhe. Akunandaba ukuthi bonke abanye babo bazisho ukuthi, “O, ngiyakholwa, mfowethu!” Niyabo, uma nikwenza, uNkulunkulu uzofakazisa ukuthi kunjalo, ngoba siyabuka bese sibona abanye. Singasho kanjani, pho? Niyabo, kungamakholwa eqiniso Afakazisa ngawo iZwi laKhe; hhayi ngalabo *abathi* bayakholwa, kodwa labo abakholwa ngempela. Kungabantwana baKhe abakholwayo Afakazisa ngabo iZwi laKhe.

121 Manje, wayenamakholwa. Ukudla okusanhlamvu okudala kwase kufile, abangakholwayo abathi, “Besingeke silithathe,” Wadedela bonke babhubhe (ngani?), bonke ngaphandle kwamakholwa. Ubani owashiywayo na? UMose wayesethathwe wayiswa eNkazimulweni. Nabangakholwayo babebhubhe ehlane, nalo kwakungabantwana babo. Babebabili kuphela abawelayo, nalowo kwakungamakholwa, uJoshuwa noKalebi. Babengamakholwa, babeyibo abawelayo. Yiyona-ndlela kuphela uNkulunkulu angayenza, ingabantwana baKhe abakholwayo. Niyakukholwa lokho na? Kulungile. Amakholwa aKhe kwaba yiwo akwenzile. Wasebenzisa bona ukuwela ngabo. Niyabo?

122 Manje ngifuna niqaphele, Ukwenza ngaleyondlela kuyo yonke iminyaka. Ukwenza ngaso sonke isikhathi ngendlela yokwenza efanayo, Ufanele athathe amakholwa. Bese kuthi-ke, ukuze abe namakholwa ukuhlangabeza leloZwi, Ufanele akumisele ngaphambili kulowonyaka. Niyakubona na? Ufanele ayimisele ngaphambili lento ukuba ibe lapho ukuhlangabezana nenselelo yonyaka. Kunitholile na? Nikuzwile ngokuphathekayo na? Nikuzbonile na? Niyakuqonda na?

Yilokho okwenzekayo namhlanje, Wakumisela ngaphambili kulokhu, ngokwazi kwaKhe ngaphambili. Ngenkathi emisela ngaphambili, kuMalaki 4, kufanele kwenzeka. Nxa Eza nganeno futhi amisele ngaphambili noma yini ukuba yenzeke eZwini laKhe, Wadingeka ukuba afakazise iZwi laKhe ukuthi linjalo. Nxa Emisela ngaphambili noma yini ukuba yenzeke futhi athi iyokwenzeka, Uyazi ukuthi imbewu iyoba lapho ngesikhathi esifanayo nje. Wamisela ngaphambili uMlobokazi, Uzobakhona! Kuzoba khona uHlwitho, Uzobakhona! Wakumisela ngaphambili ngokwazi kwaKhe ngaphambili. Niyabo, akukho okuzokuvimba.

¹²³ Ngenkathi uNkulunkulu ebatshela, “Manje, ngininika isithembiso sezwe lesithembiso. Ngamtshela uyihlo, uAbrahama, ukuthi abantwana bakhe babezogogobala ezansi lapha iminyaka engamakhulu amane.”

¹²⁴ Manje, uMose wathi, “Ngingumprofethi weNkosi. Manje bhekisisani futhi nibone ukuthi ngiprofethani. Uma kufezeka, khona-ke niyokwazi ukuthi ngithunywe yiNkosi, ngokuba niyazi ukuthi uNkulunkulu usevele enitshelile lokho. Manje, manje uma ngiprofetha *lokhu* futhi kwenzeka, na *lokho* futhi kwenzeka, na *lokhu* futhi kwenzeka, ngaso sonke isikhathi ngokufanayo, manje niyazi ukuthi ngithunywe yiNkosi ukuba nginitshela. Manje, kukhona izwe lesithembiso, ukuthi uNkulunkulu walethembisa. Niyabo? NoNkulunkulu wethembisa lelizwe. Manje, yizwe elihle, lichichima ubisi noju. Ngilandele.”

¹²⁵ Futhi lapho bephumela ehlane lapho ayezothatha khona uhambo, ukubayisa ehlane, lapho, uNkulunkulu wamtshela ukuba ababuyesele eNtabeni yaseSinayi, uNkulunkulu wayesehla-ke phambi kwawo wonke uIsrayeli, neNsika yoMlilo, futhi wakuqinisa okwakukade kushiwo nguMose, lalikhona, efakazisa ukuthi kwakuqinisile, eqinisa uMose lapho, “UMose wathi Ngangikulentaba, Ngabonakala kuye ngesimo sesihlahla esivuthayo. Futhi manje Nginayo intaba ivutha yonke.”

¹²⁶ Bathi, “Lokho! Ungavumeli kukhulume uNkulunkulu, makukhulume uMose. Sizobhubha.”

¹²⁷ Wathi, “Nge—Nge—Ngeke ngisaphinda ngikwenze lokhu. Ngiyobavusela umprofethi, uyo—yokhuluma kubo eGameni laMi.” Ngakho yilokho Akwenzayo, ngayo impela indlela Asebenza ngayo iZwi laKhe.

¹²⁸ Qaphelani, manje-ke, labo abangakholwanga, emva kokuba sebesondele kakhulu ezweni ukuthi abakholwanga. Manje, wena othatha amanothi, bhalani phansi amaHeberu 6, khona lapha okwathi khona, “Labo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgewe; lokhu babuye bahlubuka ukuba babuye bavuswe baphenduke; lokhu sebezibethelele iNdodana kaNkulunkulu kabusha, bayithela ngehlazo obala;

akunakwenzeka ukuba laba basindiswe.” Niyabo, nje njengoba kwakungenakwenzeka kulabo ukuba bawelele kulelozwe lesithembiso.

¹²⁹ Abantu beza bakhuphuke baze bayofika ngqo eMbhaphathizweni kaMoya oNgcwele, bayoza baze bakhuphukele ngqo eZwini, bayoza bakhuphuke bedlule kuwo onke amahlelo, nawo onke amabandla, nawo onke amakhathekizima, nayo yonke into, kodwa uma sekufika kuleloZwi, lowomugqa onqamulayo, bathi, “O, angazi ngaLelo, ibandla lami aliLifundisi ngaleyondlela.” Angikhathali ukuthi ibandla lifundisani, iBhayibheli lithi Lingaleyondlela. Bese-ke uthi, “Ngazi kanjani ukuthi Liqinisile na?” Uyaliqinisa futhi alifakazise.

¹³⁰ Manje, iBhayibheli ngalolosuku, lathi, “Kukhona izwe elihle laphaya, futhi nje ligcwele ubisi noju, namagrebhisi amahle namapromegranate, futhi, o, yindawo enhle.”

¹³¹ Awu, bathi, “Manje, abanye benu mabathi nyelele futhi bathi ukulibuka, bese bebuya, ukuze siduduze lababantu. Sizowelela ngaphesheya khona manje, uma nonke nje nikukholwa.” Awu, basuka bahamba.

¹³² Futhi nampa bebuya, o, ababili babo, nje bememeza, “Awu, akabongwe uNkulunkulu! Sesilibonile! Sesilibonile! O, liyamangalisa, akukho lutho olunjengalo!” Bonke abanye, babayishumi bemi bezungezile, bethi, “O, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, ngeke sakwenza.” Bangaki abawelayo na? Labo bobabili! Kunjalo. Labo bobabili, ngoba babazi ukuthi uNkulunkulu wayezolifakazisa iZwi laKhe ukuthi liqinisile. Qaphelani, akukho-Jordani elikhukhumalayo, qhabo mnumzane, akukho-zingu ezigcwele izikhukhula zaseJordani, noma akukho-ziqhwaya zaseKhanani ezazingabavimba. UNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo, Wabathatha wabangenisa ngqo ezweni.

¹³³ Uzokwenza into efanayo futhi, yebo, mnumzane, ezithembisweni zanamhlanje. Uyalifakazisa iZwi laKhe. Kungakhathaleki, Uyalifakazisa iZwi laKhe.

¹³⁴ Wavimba umlomo wamabhusesi alambile adla abantu ngoluny’usuku, ukufakazisa iZwi laKhe ukuthi laliqinisile, ukuze Akwazi ukukhulula, kumprofethi uDanyeli. Futhi babegcina lawomabhusesi bewapha inyama yomuntu. Futhi babegcina lawomabhusesi phezulu ukuba alambe, ukuze kuthi uma umuntu ewele lapho, noma umntwana, noma ngabe yini ababeyiphosa phakathi lapho, kwakungukujeziswa ngokubulawa, lelobhubesi lalibadwengula babe yizicucu, lesisigejane samabhusesi alambile. Futhi bathola lomprofethi, neZwi leNkosi kubantwana bakwaIsrayeli, owayekade eprofethe ukuthi bayoyithatha leyondawo. Futhi lapho wayenabo. Kodwa uNkulunkulu wayengakaqedi ngakho,

Wayefuna ukufakazisa iZwi laKhe, Wayekwazi ukukhulula. Futhi balambisa lawomabhumbesi, base bephosa lowomprofethi phakathi lapho, ayesejimela kuye kanjalo. LeyoNsika yoMlilo imi lapho, (futhi noma yisiphi isilwane siyawesaba umlilo), leyoNsika yoMlilo imi lapho, amabhumbesi alala phansi. Waligcina iZwi laKhe. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, Uyalifakazisa, Uyalifakazisa ukuthi linjalo.

¹³⁵ Manje, Wakhapha ukushisa ngqo elangabini lesithando somlilo, ukufakazisa ukuthi iZwi laKhe lalinjalo, ukuthi Wakwazi ukukhulula emlilweni. Khona phakathi kwalawo malangabi, lapho labobantwana basiwa phakathi lapho, futhi bahlala phakathi lapho isikhathi eside, ngenkathi ngisho naleyondoda eyabaphosa phakathi kuso, ukushisa okunamandla amakhulu kwe—kwesithando kwabulala amasosha amakhulu ayebaholela phezulu lapho. NoNkulunkulu wadedela umlilo uqhubeke uvuthe impela, kodwa Wakhapha ukushisa kuwo. Uyalifakazisa! Uma uma ngakuYe, Uyoma ngakuwe. Ame ngakuwe? Awu, impela! Sukuyihora kamuva, bavula umnyango, base bethi, “Ake nisho, bangaki enibafake lapho, empeleni na?” Bathi, “Sibona abathathu esibafake lapho.” Wathi, “Kukhona abane phakathi lapho, nomunye wabo ufana neNdodana kaNkulunkulu.” Niyabo, Uyakhombisa! Isizathu ngani na? UyiZwi.

¹³⁶ Futhi bathi, “UNkulunkulu unamandla okusikhulula kulesosithando somlilo, kodwa, noma kunjalo, asikhothami kunoma yisiphi isithombe, ngoba simi ngeZwi.” Noma yisiphi isithombe, isimo senkolo, dedani kuso. UNkulunkulu uyoma ngakuwe. Uyokhipha ukushisa ekuhlushweni. Uyokhipha ukuphila ku—kumdlavuzi. Uyothatha i...Uyokwenza noma yini, UnguNkulunkulu! Yima ngakuYe, Uyoma ngakuwe. Uyalifakazisa iZwi laKhe ukuthi liqinisile, ngaso sonke isikhathi. Wakhapha ukushisa elangabini, wavimba umlomo wamabhumbesi, kanjalonjalo.

¹³⁷ Nansi eny'into uNkulunkulu ayenza, ukukhombisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Umuntu waba kanjalo, kamuva ehlane lapho, ukuthi babezitholela imifundaze, bezenzela indoda edumile. Babenezinye izinhlangano ezithiwa abafarisi, abasadusi, abakaHerodi, nanokunye. Futhi babeyindoda edumile. Benza abapristi ngomunye nomunye. Futhi benze izinto ezinkulu kanjalo, benza abapristi abakhulu nendoda enkulu, nezicukuthwane kanjalonjalo.

¹³⁸ Kodwa uNkulunkulu, phakathi kwakho konke, Wavusa umprofethi, indodana yompristi. Zange...waya ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala. Wayengakwazi ukufunda igama lakhe, uma laliwuhlamvu olungangebhokisi lemoto. Ngani, wakwenzelani na? Wayengumprofethi. Uma wayekade eqeqeshwe emfundisweni kayise, wayeyoba

mhlawumbe ngumFarisi noma umSadusi, noma omunye wamaqembu abo. Kodwa wayenomsebenzi osemqoka, lokho kwakungukuba amemezele uMesiya. Isizathu ngani na? UNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, futhi walifakazisa. “Iphimbo lomemeza ekholiji, ‘Bhekani ngingeziqu zobudokotela’?” Lokho kwakungahle kube kwiAlmanaki losuku lokuZalwa lwamaNenekazi, kodwa hhayi eZwini likaNkulunkulu. Wathi, “Iphimbo lomemeza ehlane, ‘Lungisani indlela yeNkosi, futhi nenze imendo yaYo iqonde!’” Ngabe Wayelungisa indlela yeZwi ngaleyonkathi, ukuba iZwi libonakaliswe na? Haleluya.

¹³⁹ Aniboni yini, ezithunzini na? Yimani lapha umzuzu. Ngemihla yokugcina, kuzoba khona indawo elungiselela iZwi libonakaliswe, futhi manje siphila ngobufakazi obubonakalayo beZwe elisha, amen, iNdodana yomuntu.

¹⁴⁰ Ukuthunywa kukaJohane, engenamfundo, engenalutho, wahlala ehlane. Izintshumayelo zakhe yayisezifanekisweni. “Izembe libekiwe empandeni yomuthi,” yilokho akubonayo. Egawula ngezembe, enza umjondolo wakhe, ebasa umlilo ukubasa izinkuni zakhe. “O, nina nzalo yezinyoka,” yilokho akubonayo. Into ecasula kunazo zonke emenweni, kuye, ehlahini, kwakuyinyoka. Wathi, “Nzalo yezinyoka, ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi, ‘Sina *lokhu* futhi singaba *lokhu*, futhi singaba *lokho*,’ uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abaNtwana kulawamatshe. Izembe libekiwe empandeni yomuthi, futhi yonke imithi engatheli isithelo esihle. . . .” Wenzani ehlane kube kungeke. . . wenyusa amaqhwagi nezinto zakhe, uyakugawula futhi akushise. Niyabo? “Uyobuthela ukolo enqolobaneni, kepha amakhoba uyowashisa ngomlilo ongacimekiyo.” Umuntu onjalo, engembethe ngisho ibhantshi lakhe labafundisi basesontweni, kungekho ngisho isigqoko ibhonethi sompristi wakhe. Niyabo? Ufika nesiqephu sesikhumba semvu egqoke wazisonga ngaso, nesiqephu sesikhumba esisikwe emhlane wekameli, simahlilikhliki ezisonge ngaso, futhi uphumela lapho nobuhwanqa bakhe nezinwele zibhubhuzela kanjalo, wathi, “Izembe libekiwe empandeni yomuthi.” Amen. Uyafika, enesibindi. Ngani na? KwakuyiZwi likaNkulunkulu lifakaziswa, “UNkulunkulu unamandla kulawamatshe!” UNkulunkulu wakwethembisa, “Bhekani, Ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso baMi.” Kungesibo abenkolo kangako, kungesibo ubufakazi besayense noma ubufakazi benkolo, kodwa ubufakazi beZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wayegcina iZwi laKhe, niyabo. Engesiso isifundiswa esikhulu nhlobo, kodwa umprofethi, ethunywe ngeGama leNkosi. Wakwenza lokho, ngani na? Ukuqinisa iZwi laKhe.

¹⁴¹ Manje, labobapristi bathi, “Manje, siyazi ukuthi ukhona ozayo ngezinsuku zokugcina, ngakho sizofundisa esikoleni

wonke umfana esinaye, futhi sikulungele. Nonke bafana nifanele nize nibe nemfundo yasekolishi. Ningene lapha. Akungabazeki ukuthi kuzoba sozalweni, uzofika ngohla lwabaLevi, ngoba ubupristi buvela lapho.” Kodwa wayengesuye umpri, wayengumprofethi! Futhi lokho kungokokukhetha kukaNkulunkulu. Akadingi ukuvela ehlelweni elithize noma uzalo oluthize. Ngokukhetha kukaNkulunkulu, ngokumiselwa ngaphambili, ukwazi ngaphambili. Ufika ngendlela kaNkulunkulu yokukhetha. Ngakho babengenakumkholwa, ngoba akafikanga ngendlela ababeyenzile, ababecabanga ukuthi wayeza ngayo. Lokho bekungaphinda futhi, niyazi, ngokwejwayelekile kuyenzeka. Kodwa sithola ukuthi ufika ngendlela uNkulunkulu enza ngayo, ukufakazisa iZwi laKhe.

¹⁴² Qaphelani, Wabangela ukuba intombi ikhulelwe, ukufakazisa iZwi laKhe. UIsaya 9:6, futhi sithola ukuthi, “Sizalelwa indodana, siphiswa umntwana.” Manje, sithola ukuthi Wayeshilo ukuthi intombi ifanele ikhulelwe. Futhi uNkulunkulu wabangela ukuba intombi ikhulelwe. Ini? Ukufakazisa iZwi laKhe. Manje lalalani imizuzu embalwa nje, sizovala. Wabangela ukuba intombi ikhulelwe, ukufakazisa iZwi laKhe. Lokho ngokoqobo kwaku. . . Kwathikameza bonke ososayense. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukuhamba.

¹⁴³ Niyakuqonda lokho, nikuqondile na? Niyabo, umhlaba uqalekisiwe. Umhlaba wonke uqalekisiwe, ngenxa yesono sika-Adamu. Kodwa lembewu encane. . . Manje, owesifazane akanayo imbewu. Unensimu imbewu ehlala kuyo, hhayi imbewu, ngoba akukho-imbewana, imbewana ifanele i. . . imbewana ifanele ibe nokuphila kuyo. Uma ingenjalo, yimpahla nje; ukuphila akukho lapho. Ngakho imbewu ikowesilisa. Yingalesosizathu inzalo yenyoka yaba kowesifazane, niyabo, ngoba kwakungesiyo imbewu kaNkulunkulu. Siyakwazi lokho. Qhubekela phambili, linda uze uthole lencwadi futhi uyifunde, khona-ke uzo—uzobona, noma nje ukhonjiswe ngomBhalo, nje ivula yonke into ngokufanayo nje njengombhaphathizo wamanzi eGameni laKhe, ubone ukuthi kunjani. UNkulunkulu akanalo neze iphutha, Uhlala njalo eqinisile. Nakuba ungeke waLiqonda, Likholwe noma kanjani. LiyiQiniso impela nje.

¹⁴⁴ Futhi manje sithola ukuthi Wa—Washo lokhu, Wabangela lokhu ukuba kwenzeka. Manje, ngenkathi lembewu encane, ngaphandle kwendoda, ingena eqandeni elincane ensimini Ayeyidalile, khona-ke leyombewu encane, imbewana encane ihuquzela iyongena eqandeni, nomsila omncane ushobiza usuka lapha futhi uqala ukukhula uveze ingqamuzana lokuphila emva kwengqamuzana lokuphila, liphila ngempilo kamama, umzimba wakhe, futhi phakathi lapho uyondla ngomgudu wegazi lakhe. Futhi siyathola, manje, uyayondla; akusilo igazi layo; yigazi lakhe. Qhabo, ayinalo nechashaza elilodwa legazi likamama. Kodwa izondla ngezinto zomsoco amavithamini

avela kumama, kodwa hhayi igazi lakhe. Konke kuboshwe inyanda yegazi lakhe, kuyivimba ingethuki nezinto kanjalo, namanzi, kodwa akusilo nelilodwa ichashaza legazi likamama. Umama angabe ebulawa yiTB, futhi kuzalwe enganeni; ingeke yakuthelelwa, ngoba igciwane leTB, lifika ngomgudu wegazi. Kodwa anga...owesilisa anga...Isifo sofuba asithathelwana; ngubuthakathaka, kodwa hhayi iTB, ngoba ifanele ibambe ukuphefumula kukamama bese ithola igciwane, niyabo, ngaphambi kokuba ikwazi. Ingane ikhululeke ngokuphelele uma izalwa, ngoba ayisilo igazi likamama.

¹⁴⁵ Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu wangena kulelingqamuzana elincane lokuphila, niyabo, futhi Uqala ukukhulisa amangqamuzana okuphila, adonswa kumavithamani kamama waKhe nezinto, njengaye. Bese kuthi uma Esekhule ngokwenele ukuba Azidlele yena, Uqala ukudla. Futhi yini leyo na? Wu—wuthuli lomhlabathi, wena okhulayo bese utshala ukuphila nokuphila kwezilwane kanjalonjalo, futhi lapho Eqala ukudla inhlanzi nesinkwa nokunjalonjalo, kuqala ukukhulisa amangqamuzana okuphila. Bese kuthi-ke uma isikhule ngokwenele isineminyaka engamashumi amathathu ubudala, Wabhaphathizwa ekulaleleni kuJohane ezansi lapha, noma kuNkulunkulu, emanzini, wayesephuma. Futhi kwenzekani na? IJuba, okwabe kunguNkulunkulu, lehla livela eZulwini, nephimbo lithi, “Lo uyiNdodana yaMi, eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Wafikela ukuzokwenzani na? Ukuhlenga leyongxenye yomhlaba. Wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu. Ngoba, uNkulunkulu akasikho okudaliweyo, kuphela kuKristu Ungokudaliweyo, ngoba uNkulunkulu uPhakade noMoya, noMoya awudalwa. Wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wahlenga *lowo* mzimba. Niyabo, ngenkathi Ehla, “Lo uyiNdodana yaMi, Ngithokozile ngaYe.”

¹⁴⁶ Ngakho Yena, uNkulunkulu, wehla emva kokwedlula kulokhu, futhi manje yonke indodana, ukuthi uyadla futhi uzalwa ngokuzalwa kocansi kwemvelo, indlela ofika ngayo; bese kuthi uma sekufika endaweni lapho owedlula khona embhaphathizweni wamanzi, bese kuba ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bese-ke uMoya oNgcwele uyehla embhaphathizweni woMlilo bese uthatha lokhu okudaliweyo kube ngowawo, ngokufanayo njengoba wenza kuYe. UMoya oNgcwele noNkulunkulu nguMoya ofanayo. Niyabo? Uyehla futhi uthathe lomzimba ube ngowawo ekuvukeni. Futhi Wavuselwa ukulungisiswa kwethu, “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza, akukho nokukodwa okuyolahleka. Ngiyakukuvusa ngomuhla wokuphela. Akukho nalunye unwele lwekhanda oluyobhubha ngisho.” *Lokho* ngukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu. *Lokhu* ngukuqhubeka kokudaliweyo kukaNkulunkulu. *Bese-ke* umhlaba wonke

ufanele ube nombhaphathizo. Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele wehlele emzini ukuhlala emhlabeni, netabernakele likaNkulunkulu likumuntu, futhi uhlala nabo, uNkulunkulu unetabernakele lapha emhlabeni. Lonke lelincebo lokuhlangwa, ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ofanayo njengoba unjalo ngaleyonkathi.

¹⁴⁷ Manje qaphelani, Wabangela ukuba lentombi ikhulelwe, futhi kukulokhu ukuthi yazala iNdodana ingazi-ndoda. Lokhu kuthikameze isayense iminyaka. Kusakwenza. Mhlampe bamhleka uSaya ngenkathi ekhuluma futhi wathi lentombi iyokhulelwa, “Manje, lokho kwakungenzeka kanjani na?”

¹⁴⁸ Sengathi ngiyabona, uSaya, ukuphoxeka, ngenkathi ezwa uNkulunkulu ethi, “Ngiyakubanika isibonakaliso esikhulu, Ngiyakubanika isibonakaliso esingunaphakade, intombi iyakukhulelwa.” Manje, yena, aziwa phakathi kwabantu, abantu bakubo, umprofethi, eqinisekiswe nguNkulunkulu. Manje ngenkathi ephuma phambi kodokotela kanjalonjalo, nalenkulumo-mbiko, “Intombi iyokhulelwa.” Niyabo, kwakungakaze, selokhu kwaqala isikhathi, kubuyela emuva le lapho kuye lapho uNkulunkulu edala umuntu waKhe wokuqala. Kodwa lapha, manje, lokho, owesifazane olapha emhlabeni uzokhulelwa. Kucabange ezingeni lokuhluzela ingqondo, ukuba-ke lowomprofethi waphoxeka na? Kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe, Wayezolifakazisa. Sengathi ngiyabona, wonke umndeni wamaHeberu walungiselela indodakazi yawo encane ukuba ibe nalengane, niyabo, wayithengela izicathulo namabhuthi, kumbe noma yini eziyigqokayo, ngubho encane enezimbali, futhi balungiselela u—ukufika kwengane. Izizukulwane zedlula, kodwa uNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe! Intombi yakhulelwa, futhi yazala ingane, wafakazisa ukuthi iZwi lomprofethi waKhe laliyiQiniso. Uma ngakubo njalo.

¹⁴⁹ LeNdodana yentombi yayiyiZwi lenziwe labonakala. Manje uJohane oNgcwele 1, uma nifuna ukukufunda lokho. UJohane oNgcwele 1, lomprofethi, lomprofethi, naye. Kodwa leNdodana yentombi yayiyiZwi lenziwe labonakala, ukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu. Manje, wonke umhlaba ungokudaliweyo kukaNkulunkulu, kodwa ulahlekile. Niyabo? Manje-ke Uhlenga lomhlaba. Futhi wena uyingxenyane yalomhlaba, futhi Uhlenga wena ngendlela efanayo Ahlenga ngayo umhlaba wonke. Niyabo? Manje, leNdodana yentombi yayiyiZwi elibonakalisiwe, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

¹⁵⁰ USathane wazama onke amasu ukuMenza akudumaze lokhu. USathane wazama konke ayengakwenza uku—ukuMenza akudumaze, wazama ukuMthola ukuba athathe umbuso ngaphandle kokuzwa ubuhlungu, wazama ukuMthola

ukuba alithathe ngaphandle kokuhlela (kanti kwakuyicebo likaNkulunkulu ensimini yase-Edene ngenkathi Ebulala iwundlu, ukuthi kungegazi kuphela Ayezowuthatha ngalo), waze waMethembisa yonke imibuso yezwe uma Wayezokuthatha. Cabanga nje ukuthi sithembiso sini!

¹⁵¹ Aniqondi yini, bangane bami abayigugu abathandekayo, ngalomzuzu, ukuthi uSathane ukwenzela isithembiso se... uyokwenza ube ngomunye wabafundisi babo ababedlula bonke enhlanganweni kasosesheni. Uyokunika isihlalo esingaphambili kulolonke ibandla futhi akwenze idikoni. Uyokwenza noma yini, uma nje uzodeda kuleliZwi.

¹⁵² Manje qaphelani, enze konke... uMnika izwe nayo yonke imibuso, Wayengayithatha. Wayezama ukuMthola ukuba ephule leloZwi, ngoba wayazi ukuthi wayenaYe khona lapho uma wayengaphumelela. Wenza uMose ukuba aLephule, wenza uEva aLephule, kodwa wanqwamana nomfo ongalungile ngalesisikhathi. Ngani na? WayeyiZwi, futhi wayengakwazi. WayeyileloZwi, uqobo lwaKhe.

¹⁵³ Sengiyambona. Sifuna ukumbuka sasithombe uhlobo lwesithombe sengane. Sengiyawabona lawomaphiko amnyama amadala amakhulu ebhakuza emelene noEva, futhi ethi, “Manje, ngiyakutshela uk’thini, siyabukeka. Ufanele usizame.”

“Kodwa uNkulunkulu utha, uma sikwenzile, siyofa.”

¹⁵⁴ “O, awu, impela ngeke nife. Niyabo? O, lowo ngumbhedo. Lowo ngumqondo womuntu oyisidala. Ungakholwa yilutho.” Kodwa uNkulunkulu wayesho njalo! UNkulunkulu wafakazisa ukuthi kwakuqinisile. Futhi Uyakufakazisa khona manje, abantu bayafa ngalomzuzu. Usalokhu efakazisa ukuthi kuqinisile.

¹⁵⁵ Qaphelani, futhi lapho efika kuMose, wathi, “Mose, uyazi unesifufu, unolaka. Buka ukuthi lesosigejane samambuka senzeni, niyabo. Yini ungavele nje wehlele lapho futhi ngempela ubatshela ngakho na?” Futhi wakwenza.

¹⁵⁶ Kodwa ngenkathi enqwamana nalolayini ongamandla kagesi oyizinkulungwane eziyishumi, wayobula izimpaphe ngenkathi egijimela phezulu ukumelana naYe. Wathi, “O, lalela,” wathi, “NgizoKunika yonke imibuso.”

“Kulotshiwe!” Niyabo? “Kulotshiwe!”

¹⁵⁷ Wathi manje, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu.” Niyabo, ubehlala njalo eLingabaza. Usalokhu efundisa abanye ukuba baLingabaze. Wafundisa uEva ukuba aLingabaze, wafundisa uMose, wabafundisa bonke ukuba bazame ukuLingabaza.

¹⁵⁸ Ufundisa wena ukuba uzame ukuLingabaza. Nawe ohlezi khona lapha manje, uma nifuna nginibize ngamagama enu, bekungukuthi, uSathane ubezama isikhathi eside ukunithola ukuba ningingabaze. Ningakwenzi lokho. Dadewethu, uma

ukwenza lokho, awu, u...noma, hhayi mina, kodwa nje ungabaze. Kholwa yileliZwi nje. Awudingi ukuthi ukholwe yimi, kodwa ukholwe yiLokhu. Uyabo? Uma ngisho leliZwi, akusimi, ngelaKhe. Amazwi ami ehlukile, kodwa Leli ngelaKhe. Niyabo? Qaphelani manje, qaphelani. Angifuni ukungena kulokho khona manje.

¹⁵⁹ Qaphelani, isithembiso, sawo onke amaZwi aKhe, ngokoqobo kuqinisile. WaWafakazisa. Wafakazisa, ngoba Wafakazisa ukuthi WayeyiZwi eliqinisile. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

¹⁶⁰ Ini, uphila kanjani na? Nga, “Awu, uma nje uzothatha elinye leZwi likaNkulunkulu, uyophila na?” Manje, nhlobo kwaba yilokho Akusho. Niqaphelile n-j-a-l-o...“onke amaZwi”? Uphila kanjani na? “O, udla phakathi lapho”? Qhabo, ufa masinyane. Leyo yinyama. “Awu, yena, o, uyasonta, ukholwa yikho konke ngaphandle kwa *Lelo*”? Usafile. Niyakuthola na?

Angaphila kuphela ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni ka...” Umpristi omkhulu, umbhishobhi, isikhulu sesonto ukhadinali, umelusi na? “UNKulunkulu! Onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Sazi kanjani ukuthi yiZwi likaNkulunkulu na? Usho njalo, bese EyaLifakazisa-ke. Uyalifakazisa iZwi laKhe. Qaphelani-ke, uma lokho kunjalo, ukuvuma kwakho ngeke kukwenze uphile. Ubulunga bakho bebandla ngeke bukwenze uphile.

Qaphelani, ngeZwi laKhe kuphela, hhayi nje iZwi elilodwa libekwe endaweni okungesiyo. Akukho-muntu oyo...izwi elilodwa labulala isintu sonke. EBhayibhelini, eSambulweni 22, izwi elilodwa lisayolokhu libulala yonke into, igama lakhe liyosuswa eNcwadini yokuPhila. “Oyokwenezela izwi elilodwa, noma athathe iZwi elilodwa.” Hhayi izwi elilodwa! Hhayi... Qhabo, ngiqonde, hhayi—hhayi amazwi amabili, izwi elilodwa nje! Hhayi umusho owodwa; izwi elilodwa! Izwi elilodwa! O, bantu, niyaqonda na?

¹⁶¹ Manje, angikhulumi nje ngqo kulezizethameli. Lokhu kuyateyishwa, niyabo, futhi Kuya emhlabeni wonke. Niyaqonda, abantu bezwe, ukuthi iZwi elilodwa, iZwi elilodwa, hhayi umusho owodwa, hhayi iparagrafu eyodwa, iZwi elilodwa, yilokho kuphela uEva angakukholwanga. Kwalethe... UNkulunkulu wakufakazisa. “Kepha-ke uma ugcina onke amaZwi, uyophila.” Bangabaza iZwi elilodwa, kwalethe ukufa esintwini. Kepha akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, okokuqina kwakhe komzimba, kepha ngawo onke amaZwi, onke amaZwi ngendlela nje eLilotshe ngayo. IBhayibheli lithi, “Alihunyushwa ngumuntu ngokwakhe.” Akukho-muntu noma kuphi, noma yimuphi nhlobo, ukuba azame kunoma yikuphi ahumushe iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena.

162 Ngenkathi Ethembisa, Wathi, “Makube-khona ukukhanya,” kwaba-khona ukukhanya. Wathi, “Intombi iyokhulelwa,” futhi yakhulelwa. Niyabo, noma yini uNkulunkulu ayishoyo, uNkulunkulu uyayifakazisa.

163 Akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukucabanga ukuthi ukuvuka komzimba kwakungeke kwenzeke, nalabobantu esemuva lapho, futhi nje uthuli lomhlabathi, nothuli oselwedlule manje, sebekuma-esidi nje namagesi umzimba wabo owenziwa ngakho. Umphefumulo wabo usalokhu uphila. UNkulunkulu wathi, “Ngiyakuwavusa.” UJobe wathi, “Noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.” Niyabo, akunandaba, lonke iZwi lifanele ligcinwe, nomuntu uyakuphila ngaleloZwi. Wavusa umuntu kwabafileyo, emva kokuba esefe izinsuku ezine, ukufakazisa ukuthi Wayengukuvuka nokuPhila. Ngenkathi umuntu wayekade esefile izinsuku ezine futhi enuka, ikhala lakhe laselivele lishone phakathi ezinsukwini ezine. Kunjalo. Into yokuqala eshona phakathi, esidalweni esingumuntu, yikhala, lihhovoke esidunjini, liqonde bese liyahhovoka. Bese kuba yisikhumba, izilwanyakazana, wena . . . Fakwa ebhokisini elivalwe-ngci, noma kungahle kube yini, kodwa nokho izibungu zesikhumba azidingeki ukuba zivele emhlabathini, zikuwe. Niqaphelile yini ukuthi uJobe wathi, “Noma izibungu zesikhumba sami-sami zingishabalalisa.” Hhayi izibungu zomhlaba, zingebekhona. Izibungu sikuwe, zilungele ukukushabalalisa, ukufa kusebenza emzimbeni wakho ofayo. Kodwa uma unoKristu, khona-ke ukuPhila kusebenza emzimbeni wakho ofayo, ukukuvusa futhi. Uyabo? Wavusa umuntu kwabafileyo, emva kokuba esefe izinsuku ezine, “useyanuka,” ukufakazisa ngenkathi Ethi, “Ngingukuvuka nokuPhila.” Manje, ubani owayengasho lokho ngaphandle kukaNkulunkulu, niyabo, “Ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila.” Niyakukholwa lokho na? Futhi Wavusa lowomuntu, ukufakazisa ukuthi iZwi laKhe laliqinisile. Kunjalo!

164 Qaphelani, WayeyiZwi. AmaHeberu 4:12, uma nifuna ukukubhala phansi lokhu. AmaHeberu 4:12, kwathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi.” Ngabe kunjalo na? “Liyahlulela.” Ukufakazisa ukuthi WayeyiZwi, Wenzani na? UPetru wafika kuYe, igama lakhe lalinguSimoni. Futhi wafika kuJesusu, Wayesethi . . . wahlala phansi phandle lapho, futhi uJesusu, uthi angangena nje, Wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.” Engafundile, engenasiqu emva kwakhe, wayengenalutho kodwa nje umdobi ojwayelekile, engenamfundo, iBhayibheli lathi waye “yimfunda nje engafundile,” kodwa waba ngumbhishobhi webandla lase-laseJerusalema. Ngani? Ngani? UJesusu

wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi kwakungubani igama lakhe, nokuthi igama likayise lalingubani. Futhi wazi ukuthi lelo kwakuyiZwi, ngoba iBhayibheli lathi, “INKosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela umprofethi onjengaMi,” nalowo kwakufanele kube ngumprofethi, futhi kwakungekho-baprofethi abathenjiswa emva kukaMalaki kuMesiya, iminyaka engamakhulu amane kungekho-mprofethi. Futhi nakhu kwakukhona umuntu emi lapho, eqinisa, noma efakazisa iZwi laKhe, kulomuntu owayemiselwe ngaphambili ekuPhileni, wathi, “Igama lakho unguSimoni, kusukela manje... Uyindodana kaJona, kusukela manje uzobizwa ngo ‘Petru.’” Kucabange! Wakufakazisa kubani na? Akalifakazisanga ngani leloZwi ku... Akalifakazisanga ngani leloZwi kuKayafase na? WayenguNkulunkulu, Wayazi ukuthi uKayafase wayengasoze alikholwa. Kodwa lomuntu wayemiselwe ukuPhila, waLazi khona ngaleyonkathi.

¹⁶⁵ Ngesinye isikhathi emi maphakathi, lapho omunye umuntu ezinsukwini ezimbalwa kamuva wahamba wathi wathola ubhuti ngale kwentaba, cishe amamayela ayishumi nanhlanu ukusuka lapho ababeshumayela khona, wabuya naye ngosuku olulandelayo. Wayemi lapho phakathi, futhi ukhuphukela lapho uJesu ayekhona. UJesu waqalaza, WayenguNkulunkulu, niyabo, Wayenokubona okufihlakele. Lokho kwakhombisa ukuthi, niyabo, enza iZwi libe ngeliqinisileyo, Walifakazisa iZwi.

Manje, abanye babo bathi, “Uyazi, lowomuntu uyiZwi.”

¹⁶⁶ “Umbhedo,” labobapristi bathi, “lowomfo akasuye. Qhabo. Lelo akusilo iZwi.”

¹⁶⁷ Wathi, “Uyazi ukuthi umBhalo uthini, ‘INKosi uNkulunkulu iyakunivusela umprofethi onjengoMose.’ Futhi lowo nguYe. Mlaleleni.”

¹⁶⁸ Awu, Wathi, “Ungu, bheka, umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.”

Lomfo wathi, “Rabi, Ungaze kanjani na?”

¹⁶⁹ Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Wayazi ukuthi ubani owayezoLikholwa.

¹⁷⁰ Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiZwi.” UJesu wafakazisa ukuthi WayeyiZwi, ngeZwi.

¹⁷¹ Qaphelani owesifazane omncane emthonjeni. Wayefuna uMesiya. Wayengahlanganise lutho nezixuku zabo ezinkulu namahlelo, kanjalonjalo, ababenawo ngezinsuku zabo. Wayefuna iZwi. Ngakho uMuntu, ngesinye isikhathi, ehlezi lapho, uMuntu ojwayelekile, ehlezi encike endleleni, wathi—wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.”

¹⁷² Wathi, “Manje, awume kancane, mhlambe Uzama ukungiwotawota.” angahle ukuba wacabanga enhliziyweni yakhe, ngoba wayephawuleka ngokuthi ungowesifazane odume

kabi. Wathi, “Ngani, Une . . . Ungibuzelani umbuzo onjalo na? Sinokwehlukana lapha. Nje Uyi—Uyi—Uyi . . . UyiJuda, thina singamaSamariya, hhayi . . . akusilo isiko, akulungile ukuba Wena ungicele kanjalo.” Niyabo?

173 Wathi, “Sifazane, ukuba bewazi ukuthi ubani obekhuluma, ubuyocela kiMi ukuphuza.”

174 Wathi, “Wena, ukuphuza? Angiboni ngisho nebhakede noma intambo. Ubuyoke uNginike kanjani amanzi kulomthombo na?”

Wathi, “Akusiwo umthombo ebeNgikhuluma ngawo.” Niyabo?

175 Futhi isikhashana, wathi, “Lo nguMfo oxakile.” Ngakho waqala ukudedela imbiza yamanzi ikhuphuke, edonsa.

176 Wathi, “Awu, amanzi eNgiwanikezayo ayoba yiziphethu zamanzi, iziphethu zamanzi ashisayo, ephophoza eyongena ekuPhileni okuPhakade, nasemphefumulweni wakho.”

177 “Awu,” wathi, “manje, awume kancane, ngi—ngiyaqonda, Wena uyiJuda.” Wathi, “Manje, nina maJuda,” wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi Wena umkhulu kunobaba wethu uJakobe, owamba lomthombo na?” WayenguNkulunkulu kaJakobe. Niyabo? Wathi, “Uqonde ukuthi Wena umkhulu kuno—kunoJakobe, owamba lomthombo na?” UMuntu ojwayelekile, niyabo, wayebukeka kanjalo. Yilokho kuphela enikubonile, umuntu ojwayelekile. Wathi, “Uthi Umkhulu kunobaba wethu, uJakobe, owamba umthombo, futhi waphuza kuwo qobo lwakhe, nezinkomo zakhe na? Awu, sibusisiwe nje ngokuphuza kulomthombo lapho lowomprofethi amba khona.”

Wathi, “Ehhe,” Washo.

“Futhi sikhuleka kulentaba. Wena uthi ‘eJerusalema.’”

178 Wathi, “Insindiso ngeyeJuda, sifazane, siyazi ukuthi sikhuluma ngani.” Wathi, “Wena ukhonza ongakwaziyo ukuthi kuyini.” IJuda lifanele lazi iZwi, niyabo, ukuthi Lalifanele libe yini. Kodwa, niyabo, Wayebhekisisa manje. Ngani? Uzo . . . Uzokwenzani na? Afakazise iZwi laKhe. Niyabo? Ngani, owesifazane wathi . . . Wathi, “Kambe, hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wayesethi, “Anginandoda.”

179 “Ngani,” Wathi, “ukhulume iqiniso, uyabo, ngoba ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho.” Niyabo? Bhekisisani! Kukhona okwenzekayo, niyabo, kukhona okwathatha ukuPhila. Manje, ukuba kwakukade kungekho phakathi lapho kwasekuqaleni, ukuba wayekade engenakho okumeleyo ekumiselweni ngaphambili, kwakungeke kubambebele.

180 Nakho kumi abapristi lapho, bathi, “Lomuntu unguBelzabube.” Niyabo, akukho okumeleyo.

¹⁸¹ *UkuPhila okuPhakade* “wawulokhu ukhona.” Niyabo, unokuPhila okuPhakade, sinye kuphela isimo sakho, lowo nguNkulunkulu. Wawuyingxenye yaKhe engehlukaniseki, Wacabanga ngawe futhi wakwazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, emqondweni waKhe. Niyabo?

¹⁸² Waqalaza. Bukani ukuthi wayesesimweni sokuba nesono kanjani—kanjani. Kodwa, niyabo, Wayengena—Wayengenakumthola lowompristi, ngoba umpristi wayeyisifundiswa esikhulu esifundisiwe, usiyazi wezenkolo eZwini, kodwa akukho-kumelwa eZulwini, niyabo, wayengekho nhlobo ekucabangeni kukaNkulunkulu. Kodwa lona wesifazane wayekhona. Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.” Yilokho kuphela nje Ayefuna akubone. Niyabo? Wathi, “Siyakholwa ukuthi Unguye, ngiyakholwa ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi. Asiqondi ngabaprofethi manje, ngoba isikhathi sesihambe ngempela, siyazi ukuthi kukhona uMesiya ozayo. Futhi uma lowoMesiya efika, Uzoba yiZwi. Niyabo, Uozazi izimfihlo zenhliziyi, Uzokwenza into efanayo Owa—wazenzayo lapho.” Wathi, “Ufanele ube ngomunye wabaprofethi baKhe, ukuMandulela noma okunye.”

Wathi, NginguYe.”

¹⁸³ Wayengenzi na? Wayefakazisa iZwi laKhe, efakazisa isikhundla saKhe, efakazisa Ayeyikho. UNkulunkulu wayekuKristu, Ebuyisana nezwe. Futhi uNkulunkulu uyiZwi. Kulungile. Wathulisa imimoya evunguzayo namagagasi, ukufakazisa isiprofetho sikaIsaya, “Uyakuthiwa ngu ‘Nkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade.’” Niyabo? Wandisa futhi izinkwa nezinhlanzi, leNdodana ezalwa yintombi. Kwakuyini na? Ukufakazisa iZwi. Wonke umBhalo ufanele ugcwaliseke. Walifakazisa iZwi, ngokusho ukuthi WayenguJehova obonakalisiweyo. Wayengukuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu. UNkulunkulu kokudaliweyo, uNkulunkulu enengxenye encane yokudaliweyo lapha ukuthi uNkulunkulu wayehlala kuYe uqobo. Wayengukuqala kwalokho okudaliweyo kukaNkulunkulu, “Kusukela kuYe uzala amadodana amaningi.” Qaphelani, Wandisa futhi izinhlanzi. UyiZwi nobufakazi beZwi.

¹⁸⁴ Manje lalelisisani, njengoba sehlela ngasekugcineni. Lolosuku, engifunde ngalo emizuzwini embalwa edlule, manje, ngenkathi Efika endlini kaJayiru. Wahamba wangena, esefike lapho. Manje, khumbulani, uJayiru wayengu—ngumpristi, ikholwa elithiyeka emnceleni. Wayefuna ukumkholwa uJesu, kodwa wayekuzonda ukudedela ibandla lakhe, ngoba babethe, “Noma ubani okholwa nguYe uzokhishelwa ngaphandle ebandleni.” Manje lalelisisani manje, sekuvalwa, nginakisiseni impela. Bhekisisani lokhu. Ngikholwa ukuthi uJesu wayekwazi lokho ngenkathi Ewela ulwandle, ngoba Wayazi izinto zonke. Futhi ngenkathi Ewela ulwandle, wama ezansi lapho, futhi

nakhu kufika lompristi omncane ezansi. Intombazane yakhe yagula ngempela, odokotela base beyidelile, wathi “Isilele eduze kokufa.” Manje, kufika isikhathi sokuthatha izinyathelo.

¹⁸⁵ Mhlawumbe lokho kukuwe kulokhu ukusa, isikhathi sifikile sakho ukuba uthathe izinyathelo. Niyabo? Mhlawumbe ugula ngempela. Mhlawumbe wenelisekile ukuthi unephutha. Kungenzeka. UNkulunkulu uyaluphoqelela udaba, kufika isikhathi sokuthatha izinyathelo.

¹⁸⁶ Manje ngokusondele. Futhi uyafika, wayengakhathali ukuthi bonke abanye bathini, waphumela ngqo obala, futhi uyafika futhi uwa phansi ngasezinyaweni zikaJesu. Isinyathelo esinje pho se—sesifundiswa esikhulu esifundisiwe, ukuba size kuLowo esingenarekhode lokuthi wake waya esikoleni. Uza kanjani umuntu, wayefanele ukuba kuyo yonke isayense yezenkolo, uza kuMuntu owayefanele ukuba ngo “yisehluleki, umuntu wasendle, umuntu ohlanyayo, Osangene ingqondo, engenayo ngisho ingqondo esile.” Ngiyaxolisa ngesisho, kodwa “Ungowejwayelekile ongahlakahlele ekhanda wosuku,” wonke umuntu wayeMcabanga eyilokho. Njengoba besingasho namhlanje, ngesisho sasemgwaqeni, “Inadi!” Njengoba ngashumayela ngoluny’usuku ngenadi nebhawodi, niyazi. Niyabo, yilokho Ayeyikho emphakathini, nje ojwayelekile wazinsuku zonke...Awusho, “Ngani, Usangene! Uyahlanya! Uwuhlanya!” Manje, nakhu kwakukhona umuntu owayenayo yonke imifundaze, eza kuLowo owayefanele ukuthi akasile engqondweni yaKhe. Waphoqelwa kukho.

¹⁸⁷ Ibhekisiseni manje. Kuzothi ukutinyela kancanyana, kodwa kuzoba kuhle kini. Niyabo, ngezinye izikhathi ukushaqeka kuyanivusa.

¹⁸⁸ Qaphelani, Uyafika futhi wangena ngasohlangothini lwencane, intombazane esifile, eyayife mhlawumbe emahoreni ngaphambili, futhi base bevele beyilalise phandle, futhi bamthela ngoketshezi lokugqumisa, base besibeka ngasembhedeni wokuphumula. Yileyondlela ababenza ngayo ngalezonsuku, nje bazithwale bese bezifaka emgodini, epulangweni. Yayilele phandle embhedeni wokuphumula, izungezwe yizimbali.

¹⁸⁹ Futhi, o, lowomelusi omncane onomoya omuhle, uJayiru omncane, ngibona sengathi wayengumelusi omncane onomoya omuhle, wonke umuntu wayemthanda. Ngoba, niyabo, ngingakufakazisa lokho, ngoba wakwenza, enhliziyweni yakhe, wamkholwa uJesu. Kodwa kwakul’khuni nje ukuba enze isinqumo, ngoba wayengeke abe nalo isheke elingenayo njalo ngoMgqibelo noma njalo ngoMsombuluko ekuseni. Niyabo? Kwakul’khuni nje ukuba enze i—isinqumo. Futhi enye into, abantu, isithunzi esihle esikhulu ayenaso phakathi kwabantu, babezothi, “Niyazi uk’thini, uJayiru useyahlanya. Niyabo, wawelela laphaya nalowomprofethi wamanga. Yilokho

impela nje akwenzayo, lapho zonke lezozibonakaliso nezinto zifanele zibe khona, lowomProfethi waseGalile, niyazi, uJesu waseNazaretha.”

¹⁹⁰ Asikukholwa manje, kuzwakala kungcolisa okungcwele, kodwa yileyondlela okwakuyiyo ngaleyonkathi. Niyabo? “Futhi, ngoluny’usuku, njengoba kunjalo manje, kuzobanjalo ngaleyonkathi.” Niyabo, into efanayo!

¹⁹¹ Manje qaphelani, wawelela lapho. Futhi kwakul’khuni ukuthi enze lokho, kodwa isikhathi siyafika lapho aphoqeka khona ukuba akwenze. Wadingeka ukuba akwenze. Futhi nangu wahamba futhi wafumana uJesu, phandle ngqo phambi kwabo bonke, wayesewa phansi ezinyaweni zaKhe, wayesethi, “Nkosi! Nkosi!” Niyazi ukuthi yini lokho na? Ukubusa, ubunikazi. Kunjalo.

¹⁹² Niyabo, inqwaba yabantu bafuna uJesu ukuba abe nguMsindisi wabo, kodwa angabi yiNkosi yabo. Niyabo, i *Nkosi* ngu “mbusi.” Ya. Wena uthi, “Jesu, Ungisindise bese ungiyeka ngime khona lapha, futhi lokho kulungile, futhi ngizozenzela umsebenzi wami. Manje, Ungangeni emsebenzini wami. Kodwa Ungaba nguMsindisi wami, kodwa hhayi iNkosi yami.” Ufuna ukuba yiNkosi, niyabo, khona-ke UnguMsindisi wakho.

¹⁹³ Kodwa manje, wathi, “Nkosi, Msindisi!” Niyabo? “Ngi... intombazane yami encane, umntanami okunguyena kuphela, uneminyaka eyishumi nambili ubudala, odokotela useyidelile.” Akungabazeki umpristi ngahle ukuba washo lokhu, “Uyazi, bonke bakhulume ngaWe ukuthi uwuhlanya, kodwa, uyazi, Nkosi, ngi—ngi—ngiyaKukholwa. Ngiyakholwa. Ngiyazi ukuthi Unokubona okufihlakele. Futhi into kuphela engifuna Uyisho, ngukuthi, woza nje ubeke izandla zaKho phezu kwayo. Bese ungitshela ukuthi angenzeni, ngizokwenza.” O, manje kukhona lapho oqonde khona!

Wathi, “Ngizohamba. Ngizohamba.” Wayeseqala eqhubeka.

¹⁹⁴ Emva kokuba wayesehambile amahora amaningana, nakhu kufika umuntu egijima njengoba isiko lalinjalo ngaleyonkathi, imilotha phezu kwekhanda lakhe, wathi, “Ningamkhathazi uMuntu, indodakazi yakho ifile. Isivele ifile, sebevele bayilungisile futhi bayilalisa phandle.”

¹⁹⁵ O, inhliziyo yakhe encane! UJesu wajika wayesebuka, wathi, “O! O! O!”

¹⁹⁶ Wathi, “Angikutshelanga yini na?” Manje, Akwenzile lapho, Wayethembisile uJayiru. Manje Ufanele akufakazise lokho. Amen. “Ngikutshelile. Kholwa nje kuphela futhi uzobona inkazimulo kaNkulunkulu.” Manje, Wayazi ukuthi Wayenzani. Wathi Akenzanga lutho aze Akhonjiswe nguYise kuqala, uJohane oNgcwele—uJohane oNgcwele 5:19, “Ngenza kuphela lokho uBaba aNgikhombisa khona,” ngakho WaMkhombisa okwakuzokwenzeka.

¹⁹⁷ Ngakho ngenkathi Engena endlini, futhi wama lapho eceleni kwaleso esincane, isidumbu esesiqinile silele lapho, yayikade igula sekungamaviki. Nowayo omncane, umzimba osuphaphathekile, kungekho-kudla okwakungene emzimbeni wayo, nezimfiva nezinto, futhi yayi–yayifile. Base beyifuthe konke ngalamakha okugqumisa nento. Futhi ilele lapho, niyazi, embhedeni wokuphumula nezinto, belungiselela ukuyisonga bese beyifaka ethuneni, futhi babeka. . . benomgidingo wabo omncane wokuba nezimbali ziyizungezile. UJesu uyafika. Futhi wonke umuntu, “O, Jayiru, intombazane yakho encane isifile! O, baba Jayiru, o! Sikudabukela kakhulu, nakho konke.”

¹⁹⁸ Wathi, “O, thulani, nibanga umsindo omningi kakhulu.” Wathi, “Singani lesisiyaluyalu konke lapha enisenzayo na?” Niyabo? “Lesisiyaluyalu, nje ni. . . niya–niyampompoloza futhi niyadazuluka. Intombazana ayifile. Ilele. Shhh.”

¹⁹⁹ Base benzenjani-ke na? Ngenkathi beMuzwa ethi yayingafile, ba. . . Lathi “BaMhleka usulu.” Ngamany’amazwi, baMhewulela. “Hhewu! Ngani, Wena! Ngani, Wena mprofethi wamanga! Ngani, Wena mkhohlisi womuntu! Intombazana ifile. Udokotela uthe ifile. Sesiwigqumise ngemithi, sesiyilalise phandle. Ilele lapho, ifile.” Bathi, “Ha, ha, ha! Manje, Jayiru, kade ukhuluma ngaYe, manje uthini ngakho na?”

²⁰⁰ Niyazi ukuthi Wenzeni? Wathi, “Nonke phumani lapha.” Ukuba ngasekungakholweni okunje njengalokho, neke kwasebenza. Manje, Wakusho loni na? Wathi, “Jayiru, uma kuphela uzokholwa, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu.” Manje, lelo yiZwi laKhe. Uzofanele akufakazise lokho. Kulungile.

²⁰¹ Kwase kuthi ngenkathi Esengena endlini lapho babekhala khona bonke, Wathi, “Ilele.” Lokho kwakuphambene nesayense. Lokho kwakuphambene nengqondo ehluzele. Yayifile, yagqunyiswa ngemithi.

²⁰² Bathi bangafa nje, babagqumisa ngemithi ngaso lesosikhathi, kuthi nje uma ukuphila sekuphumile kubo, bathele lawomakha nezinto phezu kwabo futhi babasonge bese bebathatha babahambise. Niyabo, babangcwabe, bayabangcwaba nje, awu, ngezinye izikhathi bangabazisi ngisho nabantu. Niyazi, uAnaniya noSafira bamngcwaba uAnaniya, ngenkathi uSafira. . . uAnaniya, ngenkathi uSafira babengenile, niyabo; base bemkhiphile futhi bamngcwaba, niyabo. Bavele nje, bathi bangafa, babethela leyonto phezu kwabo bese bebakhiphela lapho futhi babasuse. Niyabo?

²⁰³ Ngakho yayisivele ilungele ukuyongena ethuneni, kodwa babefuna ukulinda ubaba ukuba ayibone ngaphambi kokuba bayisuse. Futhi ngenkathi Engena, nayo ikulesosimo, futhi Wathi, “Ithatha isihlwathi nje.”

Awu, bathi, “Manje, uma lowoMfo ngempela engahlanyi!”

204 Ngakho manje Wenzani na? Wayesevele eshilo ukuthi yayilele, Wadingeka alifakazise iZwi laKhe. Wayengenakukwenza phambi kwalesosigejane, ngakho Wathi, “Bakhiphe bonke.” Futhi sengiyaMbona eqalaza ngakuJayiru wayesethi, “Usakholwa na?”

“Yebo, Nkosi.”

205 “Wena nenkosikazi wozani lapha. Petru, Jakobe, noJohane, wozani naMi.” Bawelela lapho base bebiza lelizwi, *thalitha kumi*, okusho ukuthi, “Ntombazana encane, sukuma.” Futhi Walifakazisa iZwi laKhe, yayilele kuphela. Ngabe kunjalo na? Wafakazisa lapha, iZwi laKhe laliqinisile. Kungakhathaleki ngokungakholwa kwabo, Wabe esalokhu elifakazisa iZwi laKhe ukuthi laliqinisile, ngokuyivusa, ngoba Wathi yayilele. Yayilele.

206 Uyokwenza okufanayo ngoluny’usuku, kulo lonke ikholwa leqiniso, ngokuba iZwi laKhe lethembisa ukukwenza. “Labo abakuKristu, uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe.” Niyabo, “Labo abakuKristu.”

207 Yenzani lentombazane engumJuda encane na? Ngiqale ngawedlula nje lomBhalo lapha, kodwa ngi—ngizo—zowugcina. Ngiyazi kungahle kuthi ukwephuza kancane, futhi sizongena emgqeni womkhuleko emizuzwini embalwa. Angizukunibona elinye iviki mhlawumbe, kodwa ake silinde umzuzu. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso.” Niyabo? Qaphelani, ake ngifuqele lokhu phakathi manje, ukunikhombisa. Wayivuselani uJesu lencekukazi engumHeberu na? Isizathu yayazi ukuthi yayingafile na? Ukumiselwa ngaphambili. Ngokufanayo njengoba Enza ngoLazaru. Niyabo? Mhlampe zaziningi izincekukazi ezincane ezafa ngalolosuku olufanayo, Akazange asho—zwi kuzo. Wayazi ukuthi lena yayinokuPhila okuPhakade. Niyabo, Akazivusanga zonke ezinye.

208 Bukani, ngenkathi Ephuma eJeriko, bathi, “Lapha, lomfo lapha!” Akungabazeki bathi, “Uvusa abafileyo na? Ungitshela ukuthi Ungavusa abafileyo, sinendawo yamathuna agcwele bona enhla lapha, woza, uvuse laba.” Niyabo, Akazange abanake ngisho naka nci. Niyabo, akazange akwenze, ngoba Wayazi ukuthi WayeyiZwi.

209 Qaphelani, yayilele kuphela. Wayazi ukuthi uyise wayezofika. Manje, lentombazane encane, niyabo, Wayazi ukuthi leyoncekukazi encane engumJuda yayilele kuphela. Niyabo, o—olungileyo akafi. UJesu wafikela ukuzohlenga abalungileyo. Futhi, *ukuhlenga*, kusho “ukubuyiselwa lapho owake waba khona.” Niyabo? Wayengenakubahlenga abangakholwayo, akunandaba ukuthi babefundiswe kangakanani nokuthi babenodokotela besiqu esingakanani ababenaso. Wayengenakubahlenga, ngoba babengahlengeki, babefanele baye esiphethweni sabo. Kodwa, ekwazini kwaKhe

ngaphambili, wazi ukuthi uLazaru wayephuma ethuneni. Wayazi futhi ukuthi lentombazane encane yayinokuPhila okuPhakade. Ngakho yayingafile, yayilele kuphela. Futhi uma umsebenzi wethu usuphelile emhlabeni, uma singaphili kuze kube ukuFika kwaKhe, ngeke safe, kuphela silele. Wakufakazisa lapha. Uzokufakazisa futhi. “Noma izibungu zesikhumba zishabalalisa lomzimba, nokho ngiyophaphama nginjengaYe.”

²¹⁰ Wakufakazisa konke okweZwi laKhe, konke okwamaZwi aKhe. Cabangani ngakho nje, konke okweZwi laKhe! Futhi naniyiZwi laKhe. WayeyiZwi, futhi naniyingxenye yeZwi laKhe. Futhi, yingalesosizathu nithunyelwe lapha, ukuqinisa indawo yenu empilweni. A—a—angicabangi ukuthi nikutholile lokho. Niyabo, UyiZwi. Manje seniyakuthola na?

²¹¹ Wayesezinyaweni, kuLuther; emathangeni, kuWesley; emahlombe, ePentekoste. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? UyiNhloko. Unengxenye ehlanganisa lokho ndawonye, lelihora esiphila kulo manje; hhayi ingxenye yezinyawo, hhayi ingxenye yethanga, hhayi ingxenye yehlombe, kodwa ingxenye yentamo. Ngabe kunjalo na? Ihlanganisa kuye enhloko. Leyo yingxenye yomzimba. Labo abalele kuJesu uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe. Icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nabafile kuKristu bayakuvuka kuqala. Ngabe kunjalo na? Niyabo, niba yingxenye yaleloZwi, niba yingxenye yaKhe. Futhi nithatha iGama laKhe ukukuvuma, niyabo, nibekwa phakathi lapho, nibhaphathizelwe eGameni laKhe, ningene eMzimbeni waKhe, “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye,” phakathi lapha, ngokufana impela nje nesimo esifanayo. Akayiguquli neze indlela yaKhe. Uma... Bangaki okholwayo ukuthi ibandla lasekuqaleni likuYe na? Ake sibone, bangaki okukholwayo na? Babhaphathizwa kanjani na? Kulungile. Niyabo, UnguNkulunkulu ongaguqulekiyo. Sikufakazisile lokho. Besingahlala lapha kuze kube phakathi nobusuku kulobubusuku, sifakazisa lokho, futhi sibe sisalokhu siqhubeka siqhubeka siqhubeka. Niyabo, ongaguqulekiyo! Niyabo? NikuYe nengxenye yaKhe, ngoba naniyingxenye yokucabanga kwaKhe. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wanibiza!

²¹² IBhayibheli lasho ukuthi isilo emhlabeni...Lowo ngumphikikristu wehlelo eza emhlabeni, ebumba isilo eRoma, okwakuyihlelo lokuqala. NaloMkhandlu wamaBandla oMhlaba ubumba umfanekiso kuso isilo, khona impela nje esakufaka nje encwadini lapho ngoluny'usuku. Qaphelani, ubumba lokho, niyabo, umphikikristu. NeBhayibheli lathi, “Bonke abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu,” (nini, emvuselelweni na?) “elihlatshiweyo ngaphambi kokusekelwa kwezwe” (igama lakho labekwa lapho), lomphikikristu uyonidukisa.” UMathewu 24:24, uyasho ukuthi—ukuthi “Umphikikristu uyosondela kakhulu njengento yangempela

ngezinsuku zokugcina, uyodukisa nabakhethiweyo, noma abamiselwe ngaphambili. . .” Kuyinto efanayo, ukukhethwa nokumiselwa ngaphambili yinto efanayo, uNkulunkulu wanikhetha noma wanimisela ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. “Uyodukisa bonke labo abamagama abo engamiselwanga ngaphambili eNcwadini yokuPhila.”

²¹³ UDanyeli wakhuluma ngakho, ukuthi abahlakaniphileyo bayoba njani ngalolosuku, nabangahlakaniphile bayoba njani, kanjalonjalo. Kulungile, kuningi kakhulu, kodwa nje ngilokhu ngiya kude—kude kakhulu, iwashi elikhulu lingigijimela kakhulu. Qaphelani, manje bhekisisani, Waqaphela emva. . . Manje bhekisisani ukuthi kwenzekeni lapha. “Bonke Ayebazi ngaphambili, Ubabizile. Bonke Ababizile, Ubalungisisile. Wonke lowo Amlungisisile, Umkhazimulisile.” Uhambo lwakho seluphelile, uyaphila uphume ngale ingxenye yakho. Umusa yilokho uNkulunkulu akwenzele khona. Imisebenzi yilokho okwenzayo ekukuthokozeleni.

²¹⁴ Wafakazisa ngento yaKhe efanayo, ukuthi Wayazi izinto zonke, leNdodana ezalwa yintombi. Wayazi ukuthi zazikuphi izinhlanzi ezithize emanzini, uPetru nabanye ababekade bedoba ngenethi ngaphezulu ngqo futhi abangabamba lutho. Lokho kwafakazisa iZwi laKhe. Ngabe kunjalo na? Wayazi izinto zonke.

²¹⁵ Futhi lapho Eselungele ukukhokha izintela zaKhe, kwakhombisa ukuthi zonke izinto zazingezaKhe. Wayazi ukuthi inhlanzi yayikuphi eyayinohlamvu lwemali emlonyeni wayo olwenele nje ukuba akhokhele i. . . Omunye wayeyiqathazele phandle lapho, naleyonhlanzi yavele yalucosha. Futhi Wathi, “Petru, yehla bese uphosa udobo phakathi, uyabo, bese uqukula leyonhlanzi bese ukhipha lolohlamvu lwemali emlonyeni wayo. Bese uyaqhubeka bese uyabenelisa, ukhokhe izintela.” O yebo!

²¹⁶ Izimpungushe zinemihume nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha WayeneZwi, WayeyiZwi, futhi wakufakazisa ukuthi kunjalo. Ulifakazisa njalo iZwi laKhe. Okufanayo Azokwenza manje, kusosonke isizukulwane Ufakazisa okufanayo.

²¹⁷ Emva kosuku lwesithathu, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ngosuku lwesithathu, Wavuka futhi, ukufakazisa iZwi laKhe, ngoba umprofethi wathi, “Angiyikumula ONGcwele waMi abone ukubola, aNgiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese,” usuku lwesithathu, ngaphambi kokuba ukubola kungene emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili. Niyabo, awuzange uhambe izinsuku ezintathu eziphelele, ngoba ukubola kungena emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili. Niyabo, ngakho Akahambanga isikhathi esigcwele, ngoba umprofethi wathi, niyabo, umprofethi wathi, “Angiyikumula ONGcwele waMi abone ukubola.” Walifakazisa iZwi laKhe.

218 Waphilisa abagulayo, izishosha, ukufakazisa iZwi laKhe uIsaya nabo bonke abanye abaprofethi abalishoyo.

219 Wathumela uMoya oNgewele ngoSuku lwePentekoste, ukufakazisa iZwi laKhe. Nifuna ukuthola eminye yemiBhalo manje, uJoweli 2:28, Wathi, “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, naphezu kwezincekukazi zami nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Omusha wenu uyakubona imibono, omdala wenu uyakuphupha amaphupho, kanjalonjalo.” Wakufakazisa ngokuwuthulula! Futhi, Wayeshilo ngaphambi kwesikhathi, kuLuka 24:49, uma ufuna ukukubhala phansi, Wathi, “Bheka, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu. Kepha lindani, emzini waseJerusalema nize nembathiswe amandla avela Phezulu.” Nakho, Ukwenzile, Wathumela uMoya ukuba uqhubeke ukufakazisa iZwi laKhe. Kodwa bhekisisani ukuthi Wathini. Ngabe Wakwenza na? Kulungile.

220 UMarku 16, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Kuze kube kuphi na? Lonke izwe. Ubani na? Konke okudaliweyo. “Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwayo uyakulahlwa, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Washo kuMarku 4, Wathi kuJohane 14:12, Wathi futhi, “Okholwa yiMi,” hhayi ozenzisayo, kodwa, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Kuthathe uMoya oNgewele owawukuYe ukwenza lowomsebenzi ofanayo. Ngoba ini? UMoya wawuza ukuzobonakalisa iZwi elithenjisiwe esikhathini esizayo. Niyabo, Wenza ukuhlinzekela, ngokuba Wayazi ukuthi lezizinto zazizokwenzeka.

221 Manje, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, neminyaka yebandla seyedlule, nazo zonke izinto Aziprofetha ngoLuther, uWesley, sisanda kwedlula nje futhi sakubona kudwetshwa, nenyanga yehla futhi yakudweba, neNkosi yasidwebela khona ebhodini lapha, futhi yakukhombisa, futhi Yehla uqobo lwayo futhi yakuqinisa ukuthi kunjalo. Emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, futhi sisekupheleni konyaka webandla laseLawodikeya, Yethembisa, kuLuka 17:30, ukuthi leNdodana yomuntu efanayo (Yakwethembisa) iyokwembulwa ngezinsuku njengoba kwakunjalo eSodoma, phezu komhlaba. Ngabe Yakwenza na? Ngabe kufanele kufezeke na? Akunakwenzeka... Manje, khumbulani, Ifika ngamagama amathathu: iNdodana yomuntu, umprofethi; iNdodana kaNkulunkulu, uMoya, iNdodana kaDavide, okwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Kodwa maphakathi, lesisihlanganiso, manje ngokwamaZwi aKhe uqobo, ngosuku lapho iNdodana iyokwembulwa khona, Izembule yona uqobo njenge (ini? hhayi iNdodana kaNkulunkulu) Ndodana yomuntu.

Iyozembula yona uqobo ngendlela ehlukile. Manje, lokho kwenzani na? UMalaki 4, khona impela. Niyabo, iNdodana yomuntu Iyozembula yona uqobo, hhayi kuwo onke amahlelo amakhulu nezinto, njengoba besinakho eminyakeni, kodwa Iyozibonakalisa yona uqobo njengeNdodana yomuntu futhi, ukubonakalisa uMalaki 4. “Futhi ngalolosuku, Ngiyakuthumela kini uElija umprofethi, futhi uyakuphendula izinhliziyi zabantwana zibuyele ekuKholweni kobaba bepentekoste, badele kubonke lobubuhlelo, futhi babuyele eZwini lasekuqaleni futhi,” ukuhlosha lesosiHlahla-Mlobokazi Asethembisa. “Ngesikhathi sokuhlwa kuyoba ngukuKhanya,” hhayi ngosuku olunezinkungu, kuyoba ngukukhanya; kuyoba lusuku olungenakubizwa ngemini nangobusuku. Niyabo, kwakha uMzimba. Kodwa iNhloko efanayo eyayilapha eMpumalanga, ilapha eNtshonalanga futhi, “Kuyoba khona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” O, he, ngizwa kuthi angicile iculo!

Kuyobakhona ukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa,
 Indlela yenkazimulo impela niyoyifumana;
 Endleleni yamanzi, ngukuKhanya namhlanje,
 Ngingcwatshwe eGameni laKhe eliligugu.
 Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
 Khona uMoya oNgewele uyongena ngempela;
 IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
 Kuyaziwa futhi kwenziwa iqiniso ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye.

²²² NeNdodana yomuntu Izembula yona uqobo ngamandla afanayo Eyayiyiwo, (hhayi phansi onyakeni webandla, ekulungisisweni, ekungcweliseni, zonke lezizinto lapha) kodwa iNdodana yomuntu. Ubani iNdodana yomuntu na? IZwi! NeZwi liyashesha kune, linamandla kunenkemba esika nhlangothi-zombili, lehlukana imicabango osenhliziyweni. Wadingeka enzeni na? Ufanele alifakazise leliZwi. Uzokwenzani na? Qaphelani ngakho uma sikubona kwenzeka, Libukeni esimweni esifanayo Ayekuso lapha ekuqaleni, iNsika yoMlilo. He! Efakazisa ukuthi UngamaHeberu 13:8, wathi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Kwakuyini na? UJesu Kristu, onguyena izolo, lowo kwakunguKristu ehlane enoMose. Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lakusho lokho na? Izolo! Lowo kwakunguKristu ngenkathi uPawulu ekhuluma lapha namhlanje (niyakukholwa lokho na?) eTestamenteni eLisha. Bese kuba yiNdodana yomuntu, uKristu ofanayo, ngosuku lokugcina. Niyabo? Kulungile.

²²³ Qaphelani futhi uJohane 14:12, Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina niyakuyenza.” Yonke lena eminye imiBhalo, Wenzani na? Ulapha manje efakazisa (hhayi unyaka kaLuther,

hhayi unyaka kaWesley, hhayi unyaka wePentecostal, hhayi unyaka weBaptisti, hhayi unyaka wePresbyterian, sesedlule kusukela phansi kuwo futhi sakufakazisa ngomlando eBhayibhelini; kodwa ini?) unyaka weNdodana yomuntu uyembulwa, ukungenisa lezizinto ukugcwalisa iZwi lapho zonke zifanele zigcwaliseke. Niyabo? Siyakubona, futhi kuyiqiniso!

²²⁴ Futhi, cabangani, ngezindlela ezifanayo zokwenza Azenza endaweni yokuqala, akuqiniswa kuphela phakathi kwethu, kodwa kuqiniswa yisayense. Bafanele baKuvume ukuthi kuqinisile. UGeorge J. Lacy, inhloko yezobunhlobo iFBI, ngemibhalo enemininingwane yemilobo yeminwe, wathi, “UkuKhanya kwashaya ingilazi ilensi. Ngakubiza ngenjulamqondo uqobo lwami, kodwa,” wathi, “Mnu. Branham, lekhamera ngeke iyithathe injulamqondo. Kukhona.”

²²⁵ Kuyini na? Ubufakazi, ukuthi eminyakeni eyedlula kudala ngenkathi leyoNsika yoMlilo yayimi lapho kulesosihlahla njengokuvunguza komoya ikhuluma, Wathi, “Ungalokothi ubheme noma uphuze, kunomsebenzi okufanele uwenze uma usumdala.”

²²⁶ Abantu bathi, “Lowomfana useyahlanya engqondweni yakhe.” Umama wayefuna ukubiza udokotela, nganginokwethuka.

²²⁷ Kodwa kwakuyini na? Wahlala khona lapha phansi ekugcineni kwalowomfula lapho, eMfuleni iOhio, futhi wathi, “Njengoba uJohane umbhaphathizi wathunywa ukuba athole abantu balungele iZwi ukuba libonakaliswe, uzoba njalo noMlayezo wakho.”

²²⁸ Ukuthi bangibiza kanjani oDokotela Davis ngokuthi “ngisangene” “ingqondo” yami, babefuna ukungikhipha ebandleni, ngoba ngangiphikisene naye ngabashumayeli besifazane nazo zonke lezozinto okwakungekho ngokombhalo. Wathi, “Futhi uthi uzoshumayela futhi ubangele imvuselelo ukuba ishaye izwe?”

Ngathi, “Hhayi mina, kodwa Washo njalo.”

Wathi, “Billy, wawunephupho elesabisayo.”

Ngathi, “Ngizoliyeka ikhadi lami khona manje, angisesuye owakho.”

²²⁹ WaLisho, ngiyaLikhholwa, futhi ULifakazisile. Yileyo ingxenyane ehle, ULifakazisile, ufakazise iZwi laKhe ngeZwi, ngokuba UyiZwi. Niyabo? NeZwi lenzani? Lazi imfihlo yenhliziyayo. Ngabe kunjalo na? Kulungile, kuyafakazisa kumaHeberu 13:8.

²³⁰ Futhi Uzoba noMlobokazi-Bandla elungele ngezinsuku zokugcina. “Uzokwenza kanjani, Mfowethu Branham na?” Angazi. Kodwa Wathi Uyokwenza. Uzokufakazisa. Obizelwe ngaphandle kuwo wonke amanye, kunjalo, inyoni

emakhwifikhwif ebe makhwifikhwif ngeGazi laKhe. Niyabo? Obizelwe ngaphandle, wonke omunye umhlambi umelene naYe. Uyedelelwa futhi uyenqatshwa.

²³¹ Kodwa, inyoni emakhwifikhwif, manje, angikhathali ukuthi umqambi wayefuna kangakanani ukuphikisana naLokho, uyaphaphalaza. Khumbulani, kwenzani enyonini, inyoni emakhwifikhwif eyayiyikho na? Bathathe ezimbili zazo, eyodwa yayibulawa, umana, lalithelwa phezu kwenye inyoni, futhi kwakungokokuhlanzwa kochoko, namachashazi egazi, bese bememeza, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele, eNkosini.” Nalowo kwakunguMana wethu, uJesu Kristu, owabulawa, neGazi laKhe liphezu kwethu, simemeza, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele, eNkosini.” Zonke ezinye izinyoni . . . Ngiyajabula igama lami liseNcwadini yayo; hhayi lapha emhlabeni, kodwa phezulu lapho; hhayi esikhunjani sembuzi, kodwa esikhunjani seWundlu. Kunjalo.

²³² Kuzobakhona ukuvuka kwabafileyo. Uzokuqinisa. Kunjalo. Uzokufakazisa. Kuzobakhona uHlwitho lweBandla. “Luzoba kanjani na?” Angazi, kodwa Uzokufakazisa. IZwi laKhe liqinisile. Kuzobakhona isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Uzokufakazisa, LiyiZwi laKhe. Kuzobakhona amazulu amasha nomhlaba omusha. Uzokufakazisa, ngoba iZwi laKhe lasho njalo. Futhi ngabalungileyo kuphela abayoba lapho. Uzokufakazisa, futhi. Kunjalo. Kuphela labo owenziwe ingxenye yaleliZwi (niyabo, kuyoba yingxenye yabo nendawo yabo kuleliZwi okonyaka wabo) kuyoba yibo kuphela abayoba lapho. Isizathu, yilokho nje okuyikho, UyiZwi. Futhi uyini owesifazane na? Umfanekiso wendoda. Futhi yini—yini iBandla na? Umfanekiso weZwi. Niyabo, kunjalo impela. Niyabo? Ngakho liyoba lapho, impela nje. Amakholwa eqiniso kuphela eZwini laKhe alaziyo Leli futhi angaLikholwa. Futhi uNkulunkulu uyawasiza ukuba alifakazise, kunjalo, ukuthi liqinisile.

²³³ Manje niyaLikholwa na? NiyaLikholwa na? Uma kunjalo, yeluleka ngokukholwa bese uthinta ingubo yaKhe, ngoba Wedlula ngapha. Uzofakazisa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, amaHeberu 13:8. “Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe,” uMathewu. Futhi UngumPristi oMkhulu, ngokwamaHeberu, iNcwadi yamaHeberu, isahluko 4 ivesi 15, “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Niyakukholwa lokho na? Yeluleka bese uthinta iNkosi. Ikhona njalo, “Bhekani, Mina nginani njalo.” Bukani phansi kusukela eminyakeni. “Hlolani konke. Nibambisise okuhle.”

²³⁴ Manje, uma usonta ebandleni elingakholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, ofanayo ngandlela zonke, suka kulo. Hlola!

²³⁵ Manje, sithi uvukile kwabafileyo. Angikushongo, iZwi lapha lakusho. Bathi, “Uvukile kwabafileyo.” Wathi Nguyena izolo, naphakade. Niyakukholwa lokho na? Wethembisa ukuthi

lezizinto ziyokwenzeka ngomuhla wokuphela, ukuthi iNdodana yomuntu efanayo iyobonakaliswa.

²³⁶ Manje, khumbulani, lowo kwakungesuye uJesu ekhuluma kuAbrahama lapho, owakwazi ukwehlulela imicabango engqondweni kaSara emva kwakhe. Lowo kwakungesuye uJesu, Wayengakazalwa. Kodwa kwakungumuntu enyameni yomuntu, uAbrahama ambiza ngo “Elohim, uSomandla omkhulu.” Ekhombisa, . . . NoJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,” manje bhekisisani, “emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa.” Akusenjengebandla, niyabo, akusenjalo; uMlobokazi uyabizwa, niyabo. “Ngalowomuhla iNdodana yomuntu iyokwembulwa.” Ini? Ukuhlanganisa iBandla eNhlokweni, lihlangane, umshado woMlobokazi. Ukubiza koMyeni kuyofika ngqo ngalokhu, lapho iNdodana yomuntu iyokwehla futhi ifike enyameni yomuntu ukuhlanganisa ababili babe ndawonye. IBandla lizofanele libe yiZwi, Yena uyiZwi, nababili bahlangana ndawonye, futhi, ukuba benze lokho, kuyothatha ukubonakaliswa kokwembula kweNdodana yomuntu. Hhayi njengomfundisi wasesontweni. A—angazi, ngi . . . Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Niyabo, yiNdodana yomuntu, uJesu Kristu, uyokwehla esenyameni yomuntu phakathi kwethu, futhi uyokwenza iZwi libe yilo ngempela kakhulu ngangokuthi liyohlanganisa iBandla naYe njengoyedwa, uMlobokazi, khona-ke Uyoya eKhaya eSidlweni sakusihlwa soMshado. Amen. Usevele uhlangene, niyabo, siya eSidlweni sakusihlwa soMshado, hhayi emshadweni. “. . . gcwalisa inyama yakho . . . uqobo, yayo yonke inyama yamadoda anamandla, ngoba umshado weWundlu ufikile.” Kodwa, uhlwithe, kuzoba yiSidlo sakusihlwa soMshado. Lapho, iZwi lapha lihlangana nomuntu, nababili babamunye. Bese kwenzani-ke ngaleyonkathi na? Kubonakalisa iNdodana yomuntu futhi, hhayi osiyazi bezenkolo bebandla. INdodana yomuntu! IZwi neBandla babamunye. Noma yini eyenziwe yiNdodana yomuntu, YayiyiZwi, iBandla lenza into efanayo.

²³⁷ Wazifakazisa kanjani Yena uqobo eminyakeni na? Ngabaprofethi, ababekwazi ukukhuluma iZwi, bazi imicabango yabo. Wayaziwa kanjalo-ke, lokho. Wethembisa eminyakeni yebandla, bafika nokuthi “akusibo ngisho nobusuku noma imini,” kodwa ngesikhathi sokuhlwa lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa. Kuyofika futhi. “Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Niyabo? Wenzani na? Ufakazisa iZwi laKhe.

²³⁸ Manje bukani emuva, ngabe Wafika njengtombi, ngabe Wafika njengoba basho, ngentombi, njalo na? Ngabe Wafika ngendlela impela nje Asho ngayo na? Bhekisisani namhlanje, Walifakazisa iZwi laKhe kungakhathaleki ukuthi bangaki

abaphikiNkulunkulu, abaphikinkolo, ubutha, Usalokhu efika ngqo, walifakazisa iZwi laKhe. Nakhu lapha esikhona, sedlula kulonyaka wawo onke amabandla nezinto, asuka njengoba enza kuMalaki kuze kuyoba sekufikeni kukaKristu. Bonke abaprofethi nezinto base benqamukile, futhi ayesengene ezicukuthwaneni kanjalonjalo, kodwa, impela nje, bukani ukuthi hlobo luni lwesimilo Aluthumela. Yena impela nje uElija, ozonda abesifazane abanesimilo esibi, nabafaka inqwaba kapende, ophawuda nokokuzipenda nayo yonke leyonto lapho. Nabafundisi basesontweni, wababulala ngokubacekela phansi ngakwesokunene nesokunxele. Evela ehlane, akancenganga namunye wabo, futhi wathi, “UMesiya usendleleni. NgiyoMazi uma Efika, ngiyoMethula. Amen. Ningaqali ukucabanga ukuthi nisonta ku *leli* noma *lelo*.” Kufana njengoba nje uElija enza!

²³⁹ “Futhi ngemihla yokuphela, kuyofezeka, ngaphambi kokuba kufike usuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi, ukuthi Ngiyakuthuma kini ngaphambi kokuba kufike usuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi, Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi, futhi uyobuyisela ukuKholwa kwabantwana babuyele kobaba.” Futhi bhekisisani, ukuKholwa kobaba kubantwana, amaJuda. Niyabo? Isithembiso sabo somBhalo, abeZizwe nalapho ababewe khona. Bukani lokho okumbaxambili ngokuphelele impela nje, impela. Futhi nakhu siyakubona, uNkulunkulu efakazisa iZwi laKhe.

²⁴⁰ Asikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana. Nkulunkulu othandekayo, Obuye waletsa iNkosi yethu uJesu evela kwabafileyo, ukufakazisa iZwi laKhe, futhi Uyaphila namhlanje, ufakazisa iZwi laKhe. “Bhekani, Mina nginani njalo, ngisho kuze kube sekupheleliseni,” ufakazisa iZwi laKhe. “UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade.” (Uma kwakungesikho “kuze kube-phakade,” mhlawumbe ningahle—ningahle nikhutshwe yikho.) Angimanga ukuba ngikuchaze, Nkosi. Kodwa, *kuze kube-phakade* bayazi, nje “isikhathi se—sesikhathi.” Futhi manje emva kwalonyaka, ngeke kusaba ngu—ngukuze kube-phakade, kuzoba yiPhakade. Ngakho WayenguNkulunkulu ofanayo owayekuMose nakubaprofethi. Wayesefika emva kwesikhathi sesikhathi, wayeseba ngumuntu uqobo lwaKhe, wazibonakalisa Yena njengoNkulunkulu-mprofethi. Sase-ke siba nesikhathi sesikhathi, futhi Uyafika futhi. “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

²⁴¹ Sicabanga ngalokhu, uSolomoni, ngalesosikhathi esikhulu seminyaka eyinkulungwane samaJuda, ukuthi ngenkathi kungekho-zizwe ezingalokotha ziwathinte, nalesosipho esikhulu sikaNkulunkulu sasikumprofethi waze wayazisa indlovukazi zonke izimfihlo zayo, akukho okwagodlwayo. Unyaka omkhulu, ukhombisa ekufanekiseni ukuthi kwakuza uNyaka omkhulu.

²⁴² Futhi manje, Baba, lowo kwakunguWe, hhayi uSolomoni. Lowo kwakunguWe kuJesu, ngokuba Wathi,

“UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Wayengukuqala kokudaliweyo.” Umzimba waKhe wawungokudaliweyo okuhlengiweyo. Futhi manje eminyakeni ibandla lalahla uthando lwalo lokuqala, futhi manje ngezinsuku zokugcina Wethembisa ukubiza abancane abayingcosana ngesibalo, uMhlambi omncane, ngezinsuku zokugcina.

²⁴³ Baba, izinhliziyi zethu ziyagxuma, nenhliziyi yami iyagxisheka, uma ngicabanga ngalokho, futhi ngazi ukuthi amaZwi aKho aqinisile, akukho nalinye Lawo elingehluleka. Makuthi lababantu namhlanje bakuqonde lokho, nesoni masifune Wena ngalelihora, ngaphambi kokuba amasango avale futhi isikhathi asisayikubakho. Makuthi uMlobokazi, njengoba eqala ukuphuma esinyathelweni ku *lokhu* na *lokho*, kwangathi angabuya angene esinyathelweni njengoba umbono wabonisa emavikini ambalwa edlule.

²⁴⁴ Ngikhuleka kuWe, Baba, ukuba ubusise manje, futhi uphilise abagulayo. Nazi izindwangu zibekwe lapha, amaduku avela... aqhamuka ezingxenyeni ezehlukene. Futhi manje, emBhalweni, Kwathi, “Kwathathwa izindwangu nama-aproni, namaduku, emzimbeni kaPawulu, futhi aya kwabagulayo, futhi uNkulunkulu wabaphilisa.” Manje, siyazi ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa siyazi ukuthi kwakungesuye uPawulu oNgcwele, kwakungukholwa kuye eyinceku yaKho. Nkosi, lababantu bebengeke bashayele lamakhulu amamayela uma bebengakholwa. Vuza ukukholwa kwabo, Nkosi, njengoba ngi... kungesikho ukugcoba iduku (uPawulu akazange awagcobe, wathatha emzimbeni wakhe), njengoba ngibamba lamaduku, Nkosi, kungesikho ukuthi umzimba wami (ngoba awulungile), kodwa yimpahla yaKho ehlangiwe, ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzohlonipha ukukholwa kwabo. Kwangathi ngamunye wabo angaphiliswa, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Manje, Nkosi, uMlayezo omude, kungesikho ukuchaza ukuthi ufanele wedlule ngemizuzu embalwa, kodwa sewedlulele emahoreni amabili noma ngaphezulu. Manje abagulayo mabaphiliswe, Nkosi, abantu ababone ukuthi Ukhona, ukuthi lokho angikushongo nje ngesingami. NguWe, Nkosi. Futhi ngikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

²⁴⁵ Manje, cisha imizuzu eyishumi nje. Angazi... (Ngabe—ngabe akhona eniwakhiphile lapha, bekuyiliphi na?) UBilly uthe akhona abewakhiphile. Ngimcelile ukuba akwenze kulokhu ukusa. Futhi bengisanda kungena emizuzwini embalwa edlule emuva lapho, futhi angibanga nalo ithuba lokumcela, ngoba bengikhuluma noMfowethu Ben nabo ngapho. Angilitholanga ithuba lokuba ngimtshela. Ungitshelile nje ukuthi ukhipha amakhadi omkhuleko. Ikhadi lomkhuleko uB, ikhulu... (Elokuqala kuya kwelekhulu?) B. Awu, asithi, ngiyakholwa, ikhadi lomkhuleko lokuqala, uB. Ubani onoB? Unga... Uma

ukwazi ukusukuma, phakamisa isandla sakho, uma ukwazi ukuhamba. Omune wesifazane ngemuva. Kulungile, uB, wokuqala, owesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu, wozani ngapha. Futhi ngizocela laba bantwana abancane uma bezoya nje khona ngapha bajikeleze ngemva komsamo futhi bahlale phansi lapha manje. Kulungile. Manje, manje ngiyanitshela, bathumeleni, hambani ngqo nedlule kulesosikhala sezihlalo sezihlalo lapho, nina bantu kusukela kwelokuqala kuya kwelesihlanu, hambani ngqo nedlule ngapho bese niza nehle ngqo. Akuthi labo osezikheleni sezihlalola lapho, uma bengahle bakwazi, beze ngqo ngemuva bazungeze lapha ngasezihlalweni zabo. Manje, abantwana abancane ohlezi lapha, wozani ngqo nizungeze ngemuva komsamo lapha. Futhi ngifuna bahambe khona ngapha, abantu, ukuze ngikwazi ukubakhulekela.

²⁴⁶ Manje, asibone manje. Ngiyabona. Ngibize liph, elokuqala kuya kwelesihlanu, bekungesilo na? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Elilodwa... Wonke umuntu onekhadi lomkhuleko lapho, elokuqala kuya kwelesihlanu, phakamisa isandla sakho, nibone ukuthi bonke bami ngezinyawo zabo yini. Kukhona elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine. Ngishoda ngelilodwa. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, kuB. Nonke ningo elokuqala, elesibili, elesithathu elesine? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine? Liph, elesihlanu, uB? Elesihlanu, buyela emuva ngapho, nenekazi. Kulungile, mnumzane, hamba ujikele ngapho. Nakho-ke. Hamba uzungeze ngqo bese uyabuya, elesihlanu. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Kulungile, uB, ikhadi lomkhuleko lesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Niyabo, senza lokhu, khona-ke asitholi-kuphazamiseka-ke. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Manje ngine... Ngiyacabanga. Unalo ikhadi, mnumzane, umi lapha na? Elesikhombisa na? Kulungile, hamba uqonde lapho, hamba nabo ngqo. Nginamabili kuphela, ngiyacabanga, lapho. Kulungile, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, ikhadi lomkhuleko lesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Nginamabili kuphela, nanti... Unalo, mnumzane na? Nakho-ke. Nampo-ke. Eleshumi, eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Manje lelo kungaba ngelokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Kulungile, eleshumi nesithupha, eleshumi nesikhombisa, eleshumi nesishiyagalombili, eleshumi nesishiyagalolunye, elamashumi amabili. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, lelo. Kulungile, elamashumi amabili, elamashumi amabili-nanye, elamashumi amabili-nambili, elamashumi amabili-nantathu, elamashumi amabili-nane, elamashumi amabili-nanhlanu. Elokuqala, elesibili, elesithathu,

hamba uzungeze ngapho, mnumzane, hamba uzungeze ngqo, ungene emgqeni, amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nanhlanu. Msizeni lapho, mdedeleni aphume adabule noma ngayiphi indlela ayifunayo. Ulapha, mfowethu, khona lapha, bakuvulele indlela lapha. Abantu bakuvulele indlela lapha. Omunye akamsize khona ngapho, uma ningakwenza. Mdedeleni ahambe azungeze ngqo bese engena emgqeni lapho. Ngiyanitshela, mhlaliseni khona lapho, futhi uma umama wakhe esebizwa, nimhlalise khona phezulu lapho. Niyabo? Uma efika enombolweni, nifake emgqeni ngqo. Kulungile, ngicabanga ukuthi nje bathi ababe baningi abangahle bakwazi—bakwazi ukuhamba manje.

²⁴⁷ Manje, bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi niqinisekile, ni—niqiniseke ngokoqobo ukuthi uNkulunkulu angabaphilisa abagulayo na? Phakamisa isandla sakho. Uyakukholwa na? Bangaki kini ovela...owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, angazi lutho ngezifo zenu na? Kukhona—kukhona abantu lapha manje, iTabernakele lami, komunye wenu zihambi, cische impela akekho umuntu engingambona, ngaphandle kwalababefundisi. Nje phansi lapho ngibona umuntu engimaziyo. Angikho lapha ngokwenele, niyabo, futhi bangabantu nje abangenayo bevela ndawo zonke. Bangaki phakathi lapha...Ake ngikufakazise kini. Bangaki lapha owaziyo ukuthi angazi lutho ngani na? Phakamisani izandla zenu lapha. Niyabo, isandla sakho phambi kukaNkulunkulu, niyabo. Angazi lutho ngabo. Manje, angazi ukuthi ngingamthola yini omunye obizwayo emgqeni womkhuleko kanje, ebengimazi, kodwa ngeke ngazi ukuthi beze ngani lapha. Niyabo, ngeke ngazi ukuthi beze ngani.

²⁴⁸ Manje engizama ukukwenza ngukuba nginibonise lokhu, manje bhekisisani, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Niyakukholwa lokho na? Niyakholwa ukuthi Uzolifakazisa leloZwi na? Kulungile. Ngabe Washo ukuthi Uyozebula Yena uqobo enjengeNdodana yomuntu ekupheleni konyaka webandla na? Bangaki na? Nezwe liyobuka, libe sesimweni saseSodoma neGomora na? Niyakukholwa lokho na?

²⁴⁹ Manje, Billy, yini ungavele nje ubadelele beze khona ngapha na? Ya, kulungile. Awu, okeyi, kulungile.

²⁵⁰ E—ekupheleni konyaka, Uyozebula Yena uqobo. Manje, bukani, niyaqonda yini ukuthi, manje-ke, nakhu okungenakwenzeka sanhlobo na? Manje, nampa abantu bemi kolomugqa, engingakaze ngibabone empilweni yami. Kukhona abantu abahlezi phandle lapho, engingakaze ngibabone. Kodwa, khumbulani, amaHeberu 4:15, ngikholwa ukuthi yiwo, okwashi ukuthi “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Ngabe yiqiniso lelo na? Manje, uma EngumPristi omkhulu, khona-ke UngamaHeberu 13:8, manje-ke, “Onguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngabe kunjalo

na? Manje, Ubeyozembula kanjani Yena uqobo na? Njengoba nginitshelile, njalo Ukhuluma ngabaprofethi baKhe. Njalo Uthumela u—u—u—umlayezo ngaphambi kokwahlulelwa. Zonke izinto, Akayiguquli neze indlela yaKhe.

²⁵¹ Wanquma ensimini yase-Edene, ukuthi Wayezomsindisa kanjani umuntu, ngegazi elichithekileyo longenacala. Akakaze ayiguqule. Siyazama ukuyiguqula, ngemfundo, ngemibhoshongo yaseBabele, ngamadolobha amakhulu, nayo yonke into enjalo. Sizama ukuyiguqula, kodwa ayisebenzi. Sizama ukuyiguqula, ngokufundisa izwe kuYe. Sizama ukuyiguqula, ngehlelo labantu. Ayizange isebenze. Indawo eyodwa kuphela umuntu angahlangana khona ukuba akhonze, phansi kweGazi. Amahlelo enu ayonehlukhanisa, kodwa phansi kweGazi niyafana. Akaguquki neze.

²⁵² Manje, uma EngumPristi oMkhulu ongaguqulekiyo, nonguyena izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Uzofanele aligcine leloZwi. Hhayi ngoba sathi Wakwenza, ngoba Wathi Uyokwenza. Niyabo? Manje, manje, uma Ezokwenza lokho. . . Manje, ake nime umzuzu nje, cabangani. Manje, bangaki kini kulomugqa womkhuleko abaziyo ukuthi angazi neyodwa into ngani, ukugula kwenu na? Manje-ke phakamisa isandla sakho, niyazi ukuthi ngi. . . Bangaki kulowomugqa womkhuleko owaziyo ukuthi anginazi ngisho na? Phakamisa isandla sakho.

²⁵³ Bukani izethameli, niyabo. Manje, nina enithe qekelele lapho, anidingi ukuba nibe lapha, thintani ingubo yaKhe nje. Khulumani nje, nithi, “Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa.” Manje thanini, “Ngiyalikholwa Lelo. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi—ukuthi Ungembula kuMfowethu Branham, ngoba. . .”

²⁵⁴ Manje, hhayi ngoba kunguMfowethu Branham, ungumuntu ojwayelekile nje. Futhi mhlawumbe uma uHlwitho lufika kulokhu ukusa. . . Nicabanga ngoHlwitho na? Uma uHlwitho lufika kulokhu ukusa, ngikusho lokhu ngokuzithoba, akungabazeki ukuthi uhhafu webandla, uma sihambe ngo—ngokweziq, ngalokho esifanele sibe kukho, uhhafu wenu ubuyohamba phambi kwami. Kunjalo. Angi. . . Bukani umthwalo enginawo, nokuthi ngiwuthwele uxega kanjani—kanjani. Ngiyinceku kaKristu engasizi-lutho, ukwazi engikwaziyo ngaYe bese-ke ngiphila ngendlela engiphila ngayo; hhayi ukuba nesimilo esibi, hhayi ukungahlanzeki, lutho olunjengalolo, uNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuqinisele. Niyabo? Ngizama ukuphila ngokuyikho, kodwa ngi—ngi—ngibukeka sengathi nje angikwazi ukuba ngiyedlulise into. Mhlawumbe bekungomunye umuntu, mhlawumbe ofundiswe kakhulu noma into ethize, ngahle ukuba banakho kukubantu. Kodwa manje-ke omunye uzocabanga, akusibo bonke abantu ozokuthola, empeleni. Niyabo? Niyabo? Niyabo, Uyazi ukuthi Uzokwenzenjani. Ngakho nje ngizininikela kuYe futhi ngithi, “Nkosi, ngisezandleni zaKho, yenza kimi njengoba

ubona kufanele.” Manje, uma uJesu Kristu enguyena izolo naphakade. . .

²⁵⁵ Manje, ngikholwa ukuthi ngiyamazi lona wesifazane. Angisazi ukuthi ungubani, kodwa ngiyamazi. Ngiyamazi, ngandlela thize. Kodwa ngike ngabubona ubuso bakhe, kodwa a—angimazi ukuthi ungubani okwalesisikhathi nje. Kodwa ngi—ngi—ngiyamazi, ngandlela thize. Awungazi na? Ehhe. Ngi—ngicabangile, mina ngimbuka ebusweni bakhe, bengicabanga ukuthi bengimazi, kodwa angisakhumbuli ukuthi ungubani. Kodwa ngikholwa ukuthi u. . . Ngabe umyeni wakho aka. . . Awusuye owesifazane osebenza e. . . Umyeni wakhe usebenza kuleyo Seven-Seven-Seven, noma iSeven-Eleven, noma into efana naleyo, ezansi eNew Albany. UNkk. Agan, kunjalo. Manje, kade ulapha futhi uza enkonzweni. Roy, ngabe yilowo esaya kuye ngeliny’ilanga e. . . Ngabe yilowo—ngabe yilowo ophezulu entabeni na? Uthini? Udadewabo. Kwakunguye lowo, kukanjalo, niyabo. Ngiyakhumbula uRoy nami sasishayela sihambisana, futhi waliphatha lelogama, neNkosi yangithumela phezulu lapho futhi yamphilisa owesifazane khona manje. Yebo, mnumzane, futhi nje ngikhumbulile.

²⁵⁶ Manje, kodwa ukwazi ukuthi yini engalungile kuwe, anginalwazi. Uyakwazi lokho. Kodwa uma iNkosi uJesu engamtshela into ethize ayenzile. Noma uma mhlawumbe e—enenkathazo ethize kwezezimali. Mhlawumbe yena nomyeni wakhe ungene enkathazweni ethize, mhlawumbe yena nabantwana bakhe, mhlawumbe omunye wabantwana bakhe, uma enabantwana, angazi. Kodwa uma enabo, mhlawumbe abanye babantwana bakhe ba—bagijima phandle. Mhlawumbe umi lapha ukwazi into ethize ngalokho. Angazi. Anginandlela yokwazi. Ngeke nga—nga—nganitshela. Kodwa Uyazi. Niyabo? Ngakho, niyabo. Niyabona na?

²⁵⁷ Lalelani, manje kubambisiseni lokhu ngempela. Angikaze ngikusho lokhu ezethamelini ngaphambili, kodwa ngizwa ngiholeleka ukuba ngikusho manje. Yini izwi na? Ngumcabango ozwakalisiweyo. Manje, ngingawuzwakalisa kanjani umcabango wakhe, noma ngingezwakalisa kanjani kuye ukuthi umcabango wakhe uyini na? Kuzofanele kube ngomunye womcabango owethulwayo, futhi angeke akwenza. Ngakho ngifanele ngizwakalise umcabango waKhe, futhi uma kuqinisile. . . Uma kungumcabango kaNkulunkulu, uzoba ngoqinisile; uma kungesiwo umcabango kaNkulunkulu, khonake awuzukuba ngoqinisileyo; yena uzokwazi, wena uzokwazi, bonke bazokwazi. Niyabo, akukho—ndlela nje yokukuzungeza. Kuphakathi kokuthi kuzoba nguNkulunkulu noma hhayi uNkulunkulu. Umusa waKhe wenele. Manje kholwani, manje, wonk’umuntu.

²⁵⁸ Futhi bangaki ozokholwa na? Awu, mhlawumbe anikaze niwubone omunye wemihlangano yami ngaphambili, kodwa

nizokholwa uma uNkulunkulu ekwenza lokho na? Bese kuthi-ke nina enithe qekelele lapho manje, nina eningeke nibe semgqeni womkhuleko, nina—nina khulekani, nani, niyabo. Noma ngisho uma niza emgqeni womkhuleko, angikhathali ukuthi ungubani, khuleka nje.

²⁵⁹ Nkosi Jesu, manje ngithathe isikhathi esininginingi, kodwa yinkonzo yaKho, Nkosi. Futhi ngenze konke lokho ngokomuntu engingakwenza, kodwa Wena unguNkulunkulu, manje konke okusele kusezandleni zaKho, Baba. Makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, neZwi laKho liqinisile. Fakazisa iZwi laKho, Nkosi, lalolusuku lokugcina lapho iNdodana yomuntu izokwembulwa. Yazazisa kanjani Yona uqobo na? YayiyiZwi. Yini iZwi na? Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi. Yayibona imicabango yabo, yatshela uPetru, uFiliphu, uNatanayeli, owesifazane emthonjeni, bonke abanye lapho, ukuthi kwakuthi uma befika, wazi intombazane encane ukuthi yayilele, ingafile. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosebenzisa amatabernakele ethu athobekile namhlanje, alendlu yasemhlabeni, ukuze Uzazise Wena uqobo. NgeGama likaJesu Kristu. Amen.

²⁶⁰ Manje ukuphilisa, ngingekwazi, niyakwazi lokho. “Yini isiphiwo, Mfowethu Branham, into oyithathayo na?” Qhabo. Yinto owaziyo ukuthi wena udeda kanjani endleleni. Niyabo? Inqobo nje uma uselapho, soze kwasebenza. UWilliam Branham uyisitha esikhulu kunazo zonke enginazo. Niyabo? Kodwa uma ngimdedisa endleleni, niyabo, khona-ke uJesu Kristu angawusebenzisa umzimba. Niyabo? Niyabo, manje, ngiza kulowo wesifazane. Manje ini? Manje ake nisho uma—uma e—uma begula.

²⁶¹ Nanti inenekazi lapha elinesitho salo sibekwe phezu kwe—phezu kwesitulo. Manje, uma ngi . . . uma uJesu ube lapha, futhi ehle afike abeke izandla zaKhe phezu kwalowo wesifazane, lesositho besizophila. Akukho-kungabaza ngalokho. Kodwa, niyabo, siyizidalwa ezingabantu nezandla ezingcolile. Izandla zaKhe singwele, uNkulunkulu waMqinisekisa. WayeyiZwi. Niyakukholwa lokho na? Impela, Wayengenakungabaza. Ubezobeka izandla zaKhe phezu kwakhe, athi, “Ndodakazi, phila,” futhi ubezophila. Kodwa manje-ke Wasiyalela ukuba senze into efanayo. Ngicabanga ukuthi Ukukhomba ngokucacileyo.

²⁶² Manje, ukuba-ke Ubezonginika umbono, futhi atshele lona wesifazane into ethize ukuba ayenze na? Lokho, awu, ngiyakholwa-ke uma ngibeke izandla zami phezu kwakhe, ubezophila. Niyakukholwa lokho na? Kodwa ukuba-ke Ubenganikezanga umbono na? Ubuzokwenzenjani umbono na? Kuphela unginika ukukholwa. Wedlulisa ukukholwa kwami, amandla kaNkulunkulu angabonwayo. Niyabo? Manje, uma nina, nonke nifa ngawo lomzuzu, ubungeke ububone ubuwena

busuka emzimbeni wakho. Onke amandla engqondo yakho, konke oyikho bekuzosuka, kodwa ubungeke ukubone kuhamba. Niyabo? Bekuyoba yi un- . . . Amandla angenza nginyakazise izandla zami, lawo ngamandla, akusiwo na? Amandla angangenza ngicabange, amandla angenza ngishumaye, amandla angenza ngiphile, ngenze, lawomandla afanayo angafaka umfutho lomzimba abengasuka kuwo futhi ubungeke uwabone amandla esuka. Kungamandla angabonwayo. Kunjalo nokukholwa! Ningakugeji lokhu. Ukukholwa! NoJesu wathi, “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo.” Manje, niyabo, uma ngihambile ngase ngiba nombono ngase ngibeka izandla phezu kwakhe, ngikholwa ukuthi uzophila, ngoba ngiwubonile umbono, ukwethemba kwami kusembonweni. Kodwa kuthiwani-ke ngeZwi na? Beka izandla phezu kwakhe nokukholwa okufanayo. Umbono unikezwa kuphela ukufaka umfutho ukukholwa kwami nokukholwa kwakho. Nokukholwa okufanayo ngaphandle kombono, kuyosebenza ngokufanayo nje. Abanye abantu banikwa ukukholwa okukhulu. Abanye abanalo lolohlobo lokukholwa, banikwa umbono ukubanika lokho kukholwa. Niyabo? Manje, niyabo, bekuyobe kusalokhu kuyizandla ezifanayo ezingcolile, kube ngumuntu ofanayo, kodwa nje ukubeka izandla phezu kwakhe.

²⁶³ Manje, uMoya oNgcwele mawuqinise uBukhona bawo, uqinise iZwi Alethembisa. Manje, ngiyalikhohlwa igama lakho ukuthi ubungubani. Ungubani igama lakho, manje na? Agan. Awu, Ubengangitshela uma Ubefuna, niyabo, kodwa ngisho lokho nje ukuthi ngi—ngiyazi ukuthi ngiyakwazi. Manje, woza khona lapha nje umzuzu nje, usondele kakhudlwana, kukhona abantu abemi lapho bekhuleka, niyabo. Lokho yi . . . Manje, Nkk. Agan, uma ngi—uma ngiyinceku kaKristu, futhi ngishumaye iZwi engikholwa ukuthi liyiQiniso, uyakukholwa lokho na? [UNkk. Agan uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kukholwe. Manje, uma unesidingo sento ethize, bengingeke ngakunika yona, ngoba anginayo ukuba ngiyinikele; ngaphandle uma mhlawumbe kuyimali encane noma okuthize, noma uma bengingahamba ngiyokhuluma nomyeni wakho noma abantwana noma abathandekayo noma into ethize, bengingakwenza. Kodwa uma ubudinga ukuphiliswa, bengingeke ngakunika, lokho sekuvele kuthengiwe. Kodwa ngesiphiwo, ngingakwenza uqonde, uma unokukholwa, ukuthi lokho sekuvele kuthengiwe, ngoba Lo Owakuthengayo, Lo okunguye kuphela obungaba nokukholwa kuye, yiNdodana kaNkulunkulu. UMthengi umi lapha. Niyabo? Kunjalo na? UMthengi ulapha.

²⁶⁴ Manje, uyangazi njengomfowenu, umfundisi, nami ngikwazi njengodadewethu. Simazi Yena njengoNkulunkulu. Manje, uma lowoMuntu ongenakubonwa, ngesiphiwo enginaso ukwenza mina ngidede endleleni, angangitshela, akutshele ngami, izindebe zami, niyabo. Manje, uma ngikhuleka. uNkulunkulu

akangiboni, Uzwa nje iphimbo lami ngeGazi likaJesu. Niyabo, Akangiboni, Uzwa iphimbo lami. NaleloGazi lapho lingukuba limele lokho engikucelayo. Niyabo? Khona-ke Uzwa iphimbo lami, kodwa Ubona kuphela iGazi. Niyabo, Akangiboni, ngakho ngeke ngangcola uma ngingaphansi kweGazi. IGazi liyahlanza. Niyabo, Yena uyibhampa phakathi kwami noNkulunkulu, futhi wethembisa, “Celani kuBaba noma yini, Ngolwenza.” Niyakukholwa lokho ukuthi kuqinisile na?

²⁶⁵ Manje, uma wonk’umuntu...kubukeka sengathi... Ningakubona lokho okwenzekayo na? Bukani, kungena lapha, niyabo, ngukuKhanya, umbala ophuzi, uhamba ujikeleza ngqo.

²⁶⁶ Manje ubengeke akufihla uma ubengadingeka. Qhobo, qhobo. Ulapha ngemiphumela yento ethize eyenzeke kuwe. Ubunenyumoniya, futhi kade usesibhedlela. Kade uphansi kwethende le oksijini. Futhi uguliswa yimiphumela yayo. Uzophila. UJesu Kristu uzokuphilisa, uyabo, futhi uphiliswe. Qhubeka, ukukholwa, Dadewethu Agan. Ngizobeka izandla zami phezu kwakho, eGameni likaJesu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Qhubeka, jabula manje, ungangabazi Akushilo.

²⁶⁷ Sawubona, dadewethu? A—angikholwa ukuthi ngiyakwazi. Siyizihambi. Manje, nangu owesifazane engingamazi. Angikwazi. Anginandlela yokukwazi. Kodwa uyakholwa yini ukuthi uNkulunkulu angembula kimi, ngeZwi laKhe, uyabo, ngoba Wakwethembisa? Uyakholwa ukuthi Angangitshela okuthize ngawe na? Nalokho kungakwenza ukwemukele, kunjalo yini, wazi ukuthi akuzukuba yimi, umfowenu, kuzoba nguYe, uMsindisi wakho. Uyakukholwa lokho na? Usalindele ukuhlinzwa. Utsheliwe ukuthi uzofanele ukuba uhlinzwe. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ukuhlinzwa kungokwani na? Kusesiswini, nasezibilini. Kunjalo impela. Ufuna ukuphunyuka kukho. Usuyakholwa manje, ngaloMoya olapha, uMoya kaKristu osizungeze yonke indawo futhi umi phezu kwami. Uyazi kukhona into edingeke ikutshela, ngoba mina angikwazi. Uyakholwa, ngokubekwa izandla, okungedlulisela ukukholwa engikholelwa kukho, nawe nokukholwa kwakho, naphambi kukaNkulunkulu, uBaba wethu, uzophiliswa? Manje-ke, Nkosi Jesu, ngiyayihlonipha imiyalelo yaKho, ngenkathi Uthi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda,” udadewethu makaphile ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu; eGameni likaJesu, amen. Qhubeka uye ekhaya, ukhohlwe nje ngakho, uyabo, qhubeka ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke.

²⁶⁸ Sawubona? Ngisho lokho ukuba nje ngixhumane nomoya wakho, nenekazi. Njengoba kwenza uJesu nje emthonjeni, futhi, “Ngiphuzise.” Manje, ngiyakholwa...Angikholwa ukuthi ngake ngakubona, ngikholwa ukuthi uyisihambi kimi. Kunjalo na?

Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zibone. Angilazi inenekazi.

²⁶⁹ Lokhu ngukuphiliswa kwangokoqobo, ngukukholwa kwangokoqobo, umBhalo wangokoqobo, iZwi likaNkulunkulu elimsulwa libonakaliswa futhi lafakazisa ukuthi Akafile. Uphila kuze kube-phakade. “Nalowo okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza, nalelikholwa lizobeka izandla phezu kwabagulayo futhi bazosinda.” O, ningakungabaza kanjani na? Niyabo? Manje, Wayazi ukuthi ngubani oyosinda nongayikusinda, mina angazi. Lokho kukuYe.

²⁷⁰ Kodwa manje uma lelinenekazi liyisihambi, . . . Angilazi, angikaze ngilibone empilweni yami. Lingowesifazane osemushi, liselincane kakhulu ku—kunami. Kodwa a—angikaze ngilibone. Futhi lilapha ngenye inhloso. Uyakholwa ukuthi lezizinto engizifundisile eBhayibhelini, nenekazi, ziyiQiniso na? Uyakholwa ukuthi ziyiQiniso. Futhi uyaLemukela, hhayi ngoba ngiLishilo, ngoba uNkulunkulu waLisho na?

²⁷¹ Uyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina lapho iNdodana yomuntu yayizobonakaliswa khona na? Lokho kuyoba yilo lonke iZwi eliqoqiwe kusukela kuLuther, uWesley, iBaptisti, nakho konke lokho, nePentecostal, lonke liqoqiwe liye esambulweni salokho konke obekuyikho. Ingelosi yesikhombisa yayizovula imfihlakalo yophawu lwesithupha. Konke kungokokuba kuqoqelwe eNdodaneni yomuntu, ukugcwala kwaYo kwesikhathi sekufike ekugwaleni kweZwi laYo, ukubonakalisa ukugcwala koMzimba waYo. Lelo yiZwi, ke, lelo yiZwi elikhulunyiwe libonakaliswa ngeZwi, lembula iZwi.

²⁷² Manje, uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi inkathazo yakho ziyini, iyini, njalo. . . Wakwenza, Wazi konke ngawe. Futhi uma Engakwembula. . . Ubukeka njengomuntu ophile kahle. Kodwa uma Engembula kimi, uzokwazi noma ngabe kuyiqiniso noma akusilo. Uzokwemukela na? Manje ngibuke ngqo. Kusobala, ufake izibuko, wadingeka—dingeka ukuba uzifake. Lokho ngempela akusikhona okuzele lapha. Ngiyakwazi ukubona lokho Kubuyele emuva ngqo, uyabo. Manje, ulapha ngoba ihlule. Uyabo? Uyabo? Uya—uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi akuphi na? Imilenze yakho. Uyakhukholwa lokho ukuthi nguNkulunkulu enza lokho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela okuningi ngawe na? Hhe? Kulungile ukuthi uyisihambi, futhi nje ngi. . . ngikhulume kuwe umzuzu. Uyakholwa ukuthi Angakwenza, uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ungowaphi na? UngowaseGary, eIndiana. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ungubani na? Nkk. Ogen. Yiqiniso lelo. Manje buyela ekhaya futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu.

²⁷³ Sawubona? Siyizihambi omunye komunye, futhi. Angikwazi, uyabo. Kodwa uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu angayembula

kimi inkathazo yakho na? [Udade uthi, “Ngiyakwazi.”—Umhl.] Uyakwazi. Ngiyabonga, dade. Lokho kuhle kakhulu. Kulungile, ngokuthi uyakwazi lokho, manje-ke, leloqhubu eliyisibhono lizoba kahle. Futhi une—futhi une—nesimila eceleni kuwe. Kunjalo, akunjalo na? Ufuna ngikutshele ukuthi lingakuliphi icala na? Lingasecaleni elingakwesokudla. Kunjalo impela. Manje hamba ngendlela yakho futhi ukukholwe, futhi uzophila.

²⁷⁴ Uyakholwa na? Ngokoqobo, yiQiniso. Uyakholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu, yehlele eminyakeni njengoba Yethembisa na? Kodwa, nje, uyakholwa ukuthi izwe lisesimweni saseSodoma, selilungele ukuba libhujiswe ngomlilo, njengoba lalinjalo iSodoma na? AbaseSodoma babengabeZizwe, khumbulani. Kodwa ezansi phakathi lapho, eSodoma, kwakunabanye abantu abalungileyo, uNkulunkulu wathumela isithunywa ukuba sibabizele ngaphandle; abanye babo bayeza, abanye abazange, iningi labo lahlala phakathi. Kodwa kwakukhona iqembu lihlezi phezulu entabeni, uAbrahama, futhi kwakukhona isiThunywa eseza kuye ukuthi kwakuzokwenzekani. Wayengezokuba kukho, empeleni. Kodwa-ke izwe likulesosimo esifanayo namhlanje, noJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, futhi Ifikela ukuzozibonakalisa Yona uqobo.

²⁷⁵ Bengiqaphela nje into ethize yenzeka kowesifazane. Ulapha ngesizathu esikhulu. Akezile lapha ngokugula. Niyazi ukuthi ufuna ukungicelani na? “Ukubeka izandla phezu” kwakhe, uzo “kwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Niyabo? Niyabo? Akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisele. Niyabo? Niyabo, unento enkulu. Baba waseZulwini othandekayo, yipha lomntwana waKho isifiso senhliziyo yakhe, kwangathi angemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngakho uzoMemukela. Amen. UzoMemukela. UNkulunkulu akubusise.

²⁷⁶ Niyakholwa na? Uthini ngawe khona lapho, uyakholwa, futhi na? Uma ukholwa, konke kungenzeka. Ubukeka uqotho ngempela ngalokho, uyakholwa ukuthi lelohlule lingasuka, nalo na? Uhlezi khona lapho ugqoke iyembe elibukeka lil’hlaza-tshani. Phakamisa isandla sakho uma ukholwa ukuthi lizosuka, lizosuka. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, ngokuphelele, isihambi uqobo kimi. Angikaze ngiyibone.

²⁷⁷ Niyakukholwa, nonke nina abanye, zethameli na? Manje, aniboni, kuzofanele kube Yiyo na?

²⁷⁸ Umdlavuzwa awusiyo into embi kuNkulunkulu ukuba awuphilise. Angawuphilisa, Angeke na? Uyakholwa ukuthi Uzowuphilisa na? Kulungile, manje-ke hamba, ukwemukele, eGameni likaJesu Kristu. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

279 Hayi, s'thandwa. Uyazi, uJesu wachitha iGazi laKhe, ukuze—ukuze igazi lakho libe kahle. Uyakukholwa lokho na? Nkulunkulu othandekayo, ngiyambusisa lomntwana, futhi kwangathi angaba nokwethekelwa kweGazi eKalvari. Susa wonke ushukela, Nkosi, futhi mvumele ukuba aphile, eGameni likaJesu. UNkulunkulu akubusise.

280 Sawubona? Uyakholwa ukuthi angaliphilisa leloqolo futhi alenze lisinde na? [Umfowethu uthi, “Ngiyazi Angakwenza.”—Umhl.] Kulungile, hamba, kukholwe, yiba nokukholwa. Asibeke izandla nje phezu kwakho ngakho kucele. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

281 Uyakholwa na? Wenza ukudla ukuba kudliwe, Wenza isisu ukuba sikugaye. Futhi uma kubakhona okungalungile kulesosisu, UnguMphilisi waso. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, yilokho kuphela ofanele ukwazi, kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho.

282 Ngokuthi ubunento efanayo, qhubeka nje futhi ukholwe ngenhliziyoyakho yonke, futhi.

283 Kulungile, lilethe inenekazi. Sawubona? Intombazane encane enhle, isencane kakhulu ukuba ibe nesifo sabesifazane. Uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphilisa kulokho na? Nkulunkulu othandekayo, lentombazane encane, ngiyasiqalekisa lesisitha kuseseBukhloni bukaJesu Kristu, kwangathi singasuka kuyo, kwangathi ingaphila. EGameni likaJesu. Amen. Busiswa.

284 Uyakholwa na? Manje ithunzi elimnyama liyenyuca, ukufa. Umdlavuza awusiyoyakho... UNkulunkulu angawuphilisa umdlavuza futhi awusindise. Uyakukholwa lokho ngenhliziyoyakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uzokusindisa kuwo na? EGameni likaJesu Kristu, ngiyayiqalekisa lento eqalekisiwe phansi kwalezozinhlanzi eziphambene, kwangathi isiPhambano sikaKristu singayisusa. Yenze ihambe, eGameni likaJesu. Ungangabazi, hamba, kholwa ngenhliziyoyakho yonke. Amen. Uma ukholwa, konke kungenzeka.

285 Sawubona? Kusobala, isifo sakho sokuqaqamba kwamathambo sizohamba, futhi uzophila uma ukholwa. Uyakholwa ukuthi uzoba njalo ukuze ubuye uhambahambe futhi ubekahle na? INkosi imbusise lodade othandekayo, futhi mphilise, eGameni likaJesu Kristu. Hamba, ukholwa ngenhliziyoyakho yonke.

286 Uyakholwa ukuthi yonke into efanayo ingenzeka kuwe na? Awu, ngikholwa ukuthi yenzekile. Uzo... Uma ukholwa ukuthi usuphilisiwe khona manje. Ngikholwa ukuthi sekusukile kuwe, qobo lwami. EGameni likaJesu Kristu, umfowethu makahambe futhi aphile ngokwejwayelekile futhi asinde, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

287 Ekugcineni kwenzeka. Wena ohlezi lapho, ukhala, uyakholwa ukuthi labo omongozima bazosuka kuwe na?

Wahlala khona lapha kwaze kwaba nguhhafa wehora lokugcina, kwakubukeka kanjalo, khona ngaphambi kwami, Umi ngakuyo impela lendoda. Kade ukholwa, awukholwanga na? Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ungabuyela emuva ezansi uye eTexas futhi usinde. Angikaze ngimbone owesilisa empilweni yami.

²⁸⁸ Uyakholwa ukuthi leloqolo elincane lizosinda futhi uzolungela ukuphiliswa na? Nkosi Jesu, thinta into encane futhi uyiphilise, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Kukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

²⁸⁹ Manje lowoMoya uyasondela, Usukuyo yonke indlu. Kul'khuni ukusho ukuthi ngabe lokho kuqhamukephi, ukwethuka. Ake nginikhombise into ethize. Bangaki onokwethuka, khona lapho, phakamisa isandla sakho. Niyabo, kul'khuni ukusho ukuthi yikuphi okuyikhonakhona. Kodwa uNkulunkulu wazi konke ngakho, zonke izifiso zakho. Uzame konke, kanzima, ukukunqoba. Izinto eziningi empilweni uzama ukuziyeka, futhi ufuna ukukhonza uNkulunkulu ngakho konke okuphakathi kuwe. Kubukeka sengathi bekuhlala njalo kuyinto ekuhlehlisayo. Uyakholwa ukuthi kuzokwenzeka khona manje, kulokhu ukusa, uzokhululwa kulezizinto na? Uzokukholwa na?

²⁹⁰ Baba wethu waseZulwini, ukuze laba abanye babone ukuthi Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, philisa lona wesifazane othandekayo omi lapha, Baba, mthulise. Sonke siyazi ukuthi uphethwe yini, Nkosi, futhi sikhulekela ukuthi Uzomphilisa. Njengoba ngibeka izandla zami phezu kwakhe ngakho konke ukukholwa, nami, futhi, nginokuhlaselwa khona manje, ukukhandleka, uSathane, kusetshenzwe kwaze kweqa, ukuguliswa yimizwa kuba kubi. Myeke, Sathane. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe ngakho konke ukukholwa enginakho, myeke, eGameni likaJesu. Hamba, uMkholwa. Yilokho obufuna ngikwenze.

²⁹¹ Angikwazi, uyisihambi kimi. Leloqhubu eliyisibhono, uma uzokholwa, lizophila. Futhi enye into, unesifo sokuqaqamba kwamathambo. Uma ukholwa, uzophila. Inkathazo yakho yeqolo isisukile kuwe. Hamba, ukholwa.

²⁹² Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Lapha, lokho... bangaki... Ngabe yibobonke labo emgqeni na? Ngabe basekhona abanye abaningi bomugqa na? Nonke yedlulani khona ngapha ukuze ngibeke izandla phezu kwabagulayo. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje, sekusemva kwelokuqala nqo. Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla phezu kukadawethu, ugcobo lukaMoya oNgcwele luselapha. Mphilise, eGameni likaJesu. Baba waseZulwini othandekayo, ngibeka izandla phezu komfowethu... [Akuqoshwanga eteyipini, uMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela abagulayo—Umhl.]... kholwa.

²⁹³ O, awukhulekelwanga, mfowethu na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...mfowethu, uyazi ukuthi wenzani na? Ungumzingeli omdala wezinyamazane amadiye. Wathi wayenesibhamu wayehlala njalo ezingela izinyamazane amadiye ngaso, futhi wayesemdala kakhulu manje ukuba ahambe ayozingela. Wayefuna ukuletha isibhamu angiphe sona. Amen. Asithi, “Ayibongwe iNkosi.” [Ibandla lithi, “Ayibongwe iNkosi.”—Umhl.]

Ng'yaMthanda,

Ungawukhohlwa umbuzo wakho omncane, ubeke phezulu. Uma ungawutholi namhlanje, ulethe ngoLwesithathu noma ngesonto.

Isizathu Wangithanda kuqala.

Wathenga...

Bekuyini nonke emgqeni womkhuleko, umugqa womkhuleko na?

...nsindiso

Emthini waseKalvari.

²⁹⁴ Cabangani ukuthi Umnandi kanjani kithi, manje. Cabangani nje, Uyalifakazisa iZwi laKhe! Niyabo? Manje niyabo, ukuba bengingaphilisa, bekuzokwehluka, niyabo, kodwa NguYe osevele ekwenzile. Niyabo? Ngakho nje Uyabufakazisa uBukhona baKhe lapha, “NginguYe owayefile, futhi sengiyaphila kuze kube-phakade.” Kwakungekho-muntu owake wafana naYe. WayenguMuntu ngakho konke kuYe uqobo. WayenguNkulunkulu. Niyabo? Kwakungakaze kubekhona-muntu owaphila njengoba Aphila. Kwakungakaze kubekhona-muntu ozalwa njengoba Azalwa. Kwakungakaze kubekhona-muntu owayengenza lokho...njengoba Enza. Kwakungakaze kubekhona-muntu owafa njengoba Afa. Kwakungakaze kubekhona-muntu owavuka kwabafileyo njengoba Enza. “O,” wena uthi, “awume kancane, Mfowethu Branham, abanye bavuswa kwabafileyo.” Ya, kodwa baphinde bafa. Kodwa Uphila kuze kube-phakade. Niyabo? Akukaze kubekhona-muntu owavuka njengoba Enza. Wavuka kwabafileyo, kuze kube-phakade.

²⁹⁵ [UMfowethu Branham uhamisha u “Ng'yaMthanda”—Umhl.] AsiMculele nje manje.

O, ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

Ngoba Wangithanda kuqala

Wang'thengel'insindiso

Emthini eKalvari.

²⁹⁶ Asikhothamise amakhanda ethu nje. Nkosi Jesu, ngiyabathanda lababantu. Futhi nje ngiyababamba Nkosi, bekungesiyo inhloso yami ukwenza lokhu. Kodwa lapha, abaningi babo benabantwana abancane belindile, balambile,

abaqondi. Kodwa bahlezi nje khona lapha, ngoba bayazi ukuthi umuntu angephile, kuphela ngeZwi likaNkulunkulu. Bese kuthi-ke uma iZwi likhulunywa, bese-ke laziswa, libonakaliswe, lifakaziswe, khona-ke bayazi kungaba nguWe kuphela. Ngikhulekela ngamunye. Babusise, Baba. Kwathi bangaphila kahle futhi baqine benzele uhambo olusihlalele ngaphambili. Babusise iviki lonke. Futhi uma kuba yintando yaKho kanjalo, Nkosi, ukuba sikwazi ukuhlangana lapha futhi ngeSonto elizayo, ngeSabatha elizayo, ukuba beze lapha futhi bakhonze. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobaqinisa. Abanye babo bangahle bangezi, abanye bazodingeka baye emakhaya abo ezingxenyeni ezehlukene zezwe, mhlawumbe ngaphesheya kolwandle, noma baphume eZifundazweni. Sikhulekela ukuthi Uzoba nabo futhi ubasize. Kwangathi singahlangu ezinyaweni zikaJesu, ngoluny'usuku. Siphe khona, Baba. Sisize manje, njengoba sithandana, futhi sikholwa kuWe, futhi sethemba ukuthi ngoluny'usuku ukuthi isibopho esibopha izinhliziyu zethu ndawonye manje kuyoba yintambo yaPhakade, asihlale kulowoMuzi ongunxande, kulolonke iPhakade. EGameni likaJesu. Amen. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana we... (Manje xhawulanani)...
wesitha:
Liyoba yinjabulo... .

Phendukani bese uxhawulana nomunye, uthi, "Ngiyajabula ukuba lapha nawe, kulokhu ukusa."

Lithathe noma uyaphi.
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
(UNkulunkulu anibusise)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, lalalani lokhu manje, manje culani ngalendlela:

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka,

Manje lalelisani

Uma izilingo zikuzungeza.
(Wenzenjani na?) Phefumula leloGama
elingewele ngomkhuleko.
Gama eliligugu, (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu! O Limnandi kangaka!



UKUHLOLA IZWI LAKHE ZUL64-0816
(Proving His Word)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoAgasti 16, 1964, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org